# *UKristu UyiMfihlakalo KaNkulunkulu Embuliwe*

Ngiyabonga, Mfowethu Neville. INkosi ikubusise. Yibani nilokhu nimile nje umzuzwana sisakhothamisa amakhanda ethu ngomkhuleko.

2 Baba waseZulwini onomusa, sisondela kuWe futhi kulokhu ukusa ngomusa nokuqondisa kukaMoya oNgcwele namuhla, njengoba sekusile phezu kwethu, ukuthi sifanele sihlangane ndawonye kulokhu ukusa nokufundisa iZwi laKho, nokuthi singahle sazi ukuthi kuphilwa kanjani kulolusuku lwamanje, nokuthi yisiphi isikhathi sosuku esiphila kuso. Besingacela ukuqondisa kwaKho okungcwele emicabangweni yethu, ezinhliziyweni zethu namuhla, ukuthi Uyosiqondisa kuwo wonke amaZwi adingekayo kithi ukuba siwazi; ukuthi Uyovula imilomo yethu ngesihle, nezinhliziyo zethu, futhi, ukuba samukele, nalokho Obuzokukhuluma kithi, futhi siyovala imilomo yethu ezintweni ezingalungile, sazi ukuthi nguWe kuphela ongambula iZwi likaNkulunkulu.

3 Futhi manje njengoba ngifanele ngishiye ibandla elincane khona manje ngiye kwezinye izingxenye zezwe, ngibanikela kuWe, Nkosi. Okungukuthi, baziyinhliziyo, i-aphula lenhliziyo yami, njengokusho. Bayi—yibo abazalelwe Wena, ngoMoya nangeZwi leQiniso. Futhi ngikhulekela ukuthi Uzobabusisa, Nkosi, futhi ubagcine behlanganiswe ndawonye eduze ngezibopho zothando lukaKristu.

4 Busisa umelusi wethu othandekayo, umelusi wezimvu. Sikhulekela ukuthi Uzomgcoba ngoMoya oNgcwele, weZwi laKho, futhi wambule kubo futhi wondle umhlambi.

5 Futhi kanye, esikhashaneni esedlule nje, ngenkathi Ukhombise umbono, itabernakele elincane lapha, mayelana nokubekelela uKudla, ukuthi kuzofika isikhathi lapho konke lokhu kuyodingeka. Ngenkathi sibone uMfowethu Sothmann noMfowethu Wood sebelungele ukuwelela kwelinye izwe, ukuba . . . Kodwa Wena wathi, "Bekelela lokhu Kudla lapha okwesikhathi." Nkosi, ngenhlonipho yokuzithoba ngizamile ukwenza lokho.

6 Futhi manje, kulokhu ukusa, kulesi sifundo esiye sacabanga ngaso, Ngikhulekela ukuthi Uzokuvala konke, Nkosi, ukukhombisa ukuthi Wena unguNkulunkulu, naleli yiZwi laKho neQiniso laKho. Siphe khona, Nkosi, ukuze abantu bazodle kuso futhi bakhuluphale, njengoba kwakunjalo, emseni kaNkulunkulu, ukuthi bayobona ukuthi kuyisihawu

sikaNkulunkulu esikhulu kithi ngalolusuku. Busisa bonke abakhona nalabo abangathanda ukuba khona, Baba. Futhi Zitholele udumo, ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

INkosi ibusise ngamunye ngamunye wenu manje.

7 Futhi ngiyakholwa, ngaphambi nje kokuba siqale, sinengane encane lapha, eyakwaCollins. Ngihlangane nobaba emizuzwaneni embalwa edlule, futhi—futhi ubenengane encane abefuna ibusiswe. Futhi sifuna ukwenza lokho manje, uma uMfowethu noma uDadewethu Collins, oyedwa, ezoletha omncinyane ngaphambili ukuze sibe nenkonzo yokubusiswa kwalomfo omncane.

8 Beshiya, niyazi, kungani, kubangela . . . njengoba laba bengamalungu athembekile, bayiwo, oMzimba kaKristu. Niyaqaphela, angizange ngithi "awetabernakele." "Awemizimba kaKristu," i . . . lomzimba lapha, ingxenye yoMzimba waKhe.

9 Futhi banomfo omncane lapha abafuna abusiswe. Futhi—futhi lokhu kuhlale kuwumsebenzi ngicabanga ukuthi unkosikazi wami—wami uyangihawukela ngawo, ukubamba izingane. E-hhe. Futhi Mfowethu Neville, uma uzoza phambili, uma uthanda.

10 Ubani igama lakho, mfowethu na? [Ubaba uthi, "Clyde."—Umhl.] Lona nguMfowethu noDadewethu Clyde Collins, ungumfowabo kamfowethu oligugu lapha, uMfundisi Collins, uWillard. Futhi baye banda enanini labakwaCollins lapha, ngiyabona, naye kanye umfo omncane omuhle.

11 Uneminyaka emingaki, Dadewethu Collins na? [Umama uthi, "Cishe impela izinyanga ezine."—Umhl.] Cishe impela izinyanga ezine. Futhi ubani igama lakhe na? ["Mark David."] UMark David. Lelo yigama elihle kakhulu. Ubukeka njengomfana okahle kakhulu. Awusho, uwuhlobo lomfana omkhulu, futhi.

12 Manje ngiyazi omama lapha bangamthakasela lo mfo omncane lapha. Akayena yini unodoli lowo na?

Kulungile, njengoba sikhothamisa amakhanda ethu manje.

13 Baba waseZulwini, njengoba lobaba nomama abasebancane eza nalesi esincane, isigaxa esiyigugu senyama yomuntu esinikelwe ekuhlanganeni kwabo, sabekwa ezandleni zabo ukuba sigcinelwe iNkosi uNkulunkulu. Ngenhlonipho yokuzithoba baletha loMark David omncane lapha ukuba abusiswe kuSomandla, Onikeze lomfana omncane oyigugu, impilo enhle nomfana omuhle, ekunakekeleni kwabo, ukuba akhuliselwe inkazimulo kaNkulunkulu.

14 Nkosi busisa ubaba nomama. Kwangathi umgqomo ungabi ngongenalutho, endlini, noma imbiza ingabi ngengenalutho. Kwangathi ubaba angaphila futhi akwazi, Nkosi, ukusebenza

futhi enze ukudla enzele umfo omncane; sengathi umama angaphila futhi akwazi ukukulungiselela; nezinhliziyo zabo zilungiselelwe, Nkosi, ukufundisa umfo omncane, ukumkhulisa ngokukhalima kukaNkulunkulu. Siphe khona, Nkosi.

15 Manje kusukela ezingalweni zabo, kuza kweyami, kuza lomntwana othandekayo, uMark David omncane. Futhi ngiyamethula, kanye nelunga lebandla lapha, kuWe, eGameni likaJesu Kristu, kube yimpilo yenkonzo. Siphe khona, Nkosi. Thola udumo ngempilo yakhe. Kwangathi angaphila impilo ende, kuze kube kulokhu kuFika kweNkosi uJesu, uma lokho kuKuthokozisa. Futhi, uma kunjalo, kwangathi angeza ukuzothwala uMlayezo weNkosi uNkulunkulu, onyakeni ozayo. Siphe khona. Mgcine ephilile, ejabule, futhi kwangathi inhliziyo yakhe ingahlala igxile ekwenzeni izinto elungile, phambi kukaNkulunkulu. EGameni likaJesu Kristu, sinikela umntwana kuWe, ekubusisweni. Amen.

16 UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, Dadewethu Collins, nalomfana omuhle, nawe Mfowethu Collins. UNkulunkulu abe nani.

*Bangeniseni*, sonke kanye kanye:

Bangenisen, bangenisen,
Bangenisen baphume emasimini esono;
Bangenisen, bangenisen,
Lethani abancane kuJesu.

17 Ngiyakuthanda lokho. Niyabo, balethe kuKristu ngaphambi kokuba udeveli aze abe ngisho nethuba. Sebevele bethulwe kuYe kube impilo yenkonzo.

18 Ngabe ukhona owaziyo noma umndeni wakwaDauch, noma yimuphi wabo, wehlile namuhla, noma qha, Dadewethu Dauch na? Mfowethu Brown, ingabe wena ulapha, Mfowethu Brown na? Yebo, ngiyajabula. Futhi i. . .UMfowethu Dauch usesenathi na? Kuyamangalisa! [UMfowethu uTom Brown uphawula ngesimo sikaMfowethu William Dauch—Umhl.] UMfowethu Dauch wacishe wasishiya. Niyabo, ngeke sasho okuningi kakhulu noma sibuze okuningi kakhulu, usevele usedlule iminyaka engamashumi amabili nanye esikhathini uNkulunkulu amtshela ukuba aphile. Leso yisikhathi sokuphila esijwayelekile, usesedlule isikhathi uNkulunkulu amtshela ukuthi angaphila.

19 Kodwa saba nocingo ngokunye ukusa, ukuthi waye—wayefa, futhi saphuthuma enhla lapho. Futhi iNkosi uNkulunkulu wayemuhle ngempela kuye, umsindisile. Nje, ngicabanga ukuthi u—uselungele futhi ulindele nje ukuFika kweNkosi. Kodwa, niyazi, sonke siyabambelela komunye nomunye. Thina nje. . . Umfo omdala ufana no—ufana nobaba lapha kimi.

20 Ngiyamkhumbula ehlezi khona lapha ezansi etabernakele elidala, ingxenye endala, lapho yena. . .lokho kuKhanya

kwabaneka ngapesheya, kulowombhaphathizo wamanzi eGameni likaJesu Kristu, khona phandle lapho uyeza. Futhi cishe iminyaka engamashumi ayisishiyagalombili nesikhombisa noma amashumi ayisishiyagalombili nesishiyagalombili ubudala, othini, ukhuphukela lapha wayesethi, "Ngifuna ukungena khona lapho futhi ngibhaphathizwe." Omunye wahamba futhi wamtholela izimpahla ezithile zokugqoka. Akakwazanga ukulinda kwaze kwaba yisikhathi esilandelayo; wayefanele eze khona lapho, khona lapho. Ngakho-ke ngi—ngiyakuthanda lokho.

21 Wathi, ngolunye usuku, ngangikhuluma naye; wathi, "Ucabanga ukuthi ngikahle manje, Mfowethu Branham na?"

22 Ngathi, "Wake waya kudokotela ukuba uhlolwe umzimba na?"

Wathi, "Yebo, mnumzane."

23 Ngathi, "Udokotela uzofaka izipopolo o ezindlebeni zakhe, futhi awabeke enhliziyweni yakho, bheka uma inhliziyo yakho ishaya kahle; kanye ne-ikadiyogramu umshini wokurekhoda ukusebenza kwemisipha phakathi nenhlinziyo kagesi, bese kuba umfutho wegazi, ukuhlolwa komchamo, nokunye nokunye, amathuluzi, ukuze uthole lapho ubukhona bakho bomzimba. Manje, indlela enza ngayo lokho, ubheka emuva e—encwadini lapha, lapho ongoti balezi zifundo ezahlukene bebhala phansi khona, 'Uma *lokhu* kwenzeka, yilokhu okungalungile.'"

24 Futhi ngathi, "Manje, ukuphela kwesipopolo enginaso yiBhayibheli, niyabo, somphefumulo." Futhi ngathi, "Ngizokunikeza ukuhlolwa." Ngathi, "UJohane oNgcwele 5:24, wathi, 'Lowo ozwa amaZwi aMi.'" Ngathi, "Lokho akusikho nje ukuhlala nokuLilalela. Lokho ngukuLemukela, niyabo, ukuLemukela; uyaLikholwa. Okuthile ngaphakathi kwakho kukutshela ukuthi Liqinisile. ULamukele, uyaLikholwa, Lingolakho. 'Lowo ozwayo,' seLingelakho kakade, 'AmaZwi aMi, futhi nikholwe ngoNgithumileyo.' Niyakukholwa lokho na?"

Wathi, "Ngiyakholwa."

25 Ngathi, "Khona-ke ngizokutshela ukuthi uDokotela oMkhulu wathini, 'Udlulile ekufeni wangena ekuPhileni, futhi akasayi ekulahlweni noma ekwahlulelweni.'" Ngathi, "Ngokwazi kwami, ngokweziNcwadi, uphumelele ekuhlolweni kwakho."

26 Lelokhehla, elicishe libe neminyaka eyikhulu ubudala, lingelona umuntu wesonto nhlobo; kodwa okokuqala nje ukuthi lokho kuKhanya kwabaneka endleleni yalo yezinyawo, laKwemukela. Niyayibona leyombewu eyamiselwa ngaphambili ilele lapho na? E-hhe. Yebo, mnumzane. Niyabo, kuthi nje lapho ukuKhanya kukushaya, kufika ekuPhileni masinya impela.

27 Manje, ngiyazi ukuthi kuyashisa namuhla, futhi mina, kubukeka sengathi kunzima kimi ukunibizela ndawonye nina bantu enkonzweni lapho enihlezi niminyene phakathi kanje. Kodwa nokho ngi—ngicabangile, ngomusa kaNkulunkulu, ukuthi ngizoba nenye inkonzo ngaphambi kokuba ngifanele nginishiye nonke; okwesikhathi sonyaka esifushane, ngiyethemba.

28 Futhi ngifanele ngihambe manje kusasa ebusuku, ukuya eChicago, ukuqala ngoLwesithathu. Ngicabange ukuthi ngizofika lapho kusenesikhathi kancane, uma kungenzeka, futhi ngiphumule kancane ngaphambi kokuqala uchungechunge lwenkonzo. Futhi ngikholwa ukuthi bakutholile . . . Lapha, bengikubuka khona lapha. Ku—kukhangiswe phezulu lapho. Kubizwa ngeMarengo . . . [Omunye uthi, "IMarigold."—Umhl.] . . . indawo, ya, iMarigold, iMarigold, ya, indawo, inkundla enkulu. IMarigold Arena yilapho izobanjelwa khona, kusukela ngoLwesithathu ebusuku, kuze kube yiSonto. NeFull Gospel Business Men inesidlo sasekuseni, nayo, ngo—ngoMgqibelo ekuseni. Futhi angazi ncamashi nje lapho bekukhangise khona, kuphi. Qhabo. Bese kuthi ngoMgqibelo kusihlwa iseLane Tech. Ngiyabona lapho i—ikhangisiwe.

29 Manje, uma ungakuleyondawo, noma enhla lapho, kuzoba ngevamile, ikonzo yokuvangela nje evamile njengoba sinayo noma ngasiphi isikhathi. Iningi leMilayezo izobe ikakhulukazi kokuthile okufundiswe lapha, ngoba lapha yilapho senza khona amateyipu ethu, niyabo. Phandle lapho bangaqophisana. Kodwa uma bethola amateyipu enziwe lapha, lokho kukubo uma befuna ukulalela noma iyiphi iteyipu. Isuka khona lapha. Leli yipulpiti elingelethu.

30 Ngakho-ke phandle lapho, imvamisa ngizama ukukhetha okuthile okungajulile kakhulu, ngoba abaningi babo banolwazi olungajulile nalokho okungenayo. Kodwa lapha ngizizwa nginelungelo lokusho noma yini uNkulunkulu ayibeka phezu kwenhliziyo yami, ukukusho kusukela khona lapha. Ngakho-ke amateyipu ethu onke enziwa kusukela khona lapha. Niyabo? Futhi basegumbini lapho manje, ungawabona amakhanda abo phezulu ngale kwengilazi engabonisi ngokugcwele phakathi lapho, lapho behlezi khona namarekhode abo.

31 Manje, futhi uma ufuna ukuza emhlanganweni, singajabula kakhulu ukuba nawe. Nje, uma ufika lapho, awazi nje ukuthi ufanele uye kuphi, ngani, vele uxhumane nanoma yimuphi wabantu beFull Gospel, noma—noma uMfowethu Carlson, futhi uzo—uzokutshela lokho ngukuthi . . . Angakweluleka, noma iBandla laseFiladelfiya, kumbe noma yiliphi labo, bangakutshela kahle ukuthi ufika kanjani endaweni.

32 Bese-ke ngibuya ngoMsombuluko ozayo kusihlwa, ngesinye isikhathi, ntambama noma kusihlwa. Futhi ngoLwesibili sibuyela e-Arizona uku—ukufaka abantwana esikoleni, nokunye nokunye. Futhi-ke angazi nje impela ukuthi ngiyobuya nini futhi, ngoba, iNkosi, ngifuna Ingihole kulokho engifanele ngikwenze.

33 Kwenzeke into engavamile. Nami ngingase...Ngiyazi ukuthi lokhu kuyaqoshwa, futhi ngingahle ngikubeke lapha. Futhi khona lapho imibono nokuhola kukaMoya oNgcwele kuhamba, ngithanda ukushaya khona impela nje ngenkathi Usahamba. Lokho ngukuthi...Manje, ngonyaka odlule kube okukodwa, kanye nesinye sesikhathi esiphezulu kunazo zonke semibono engake ngaba nayo, kuyo yonke inkonzo yami, kube yilonyaka odlule, wezinto ezenzekile, ukuthi nina bantu nazi ukuthi kwabikezelwa ngaphambi kokuba kwenzeke, futhi kwenzeka nje ngendlela o—okwasho ngayo.

34 Manje, sibuyela lapha, no—nokuvakasha. Isimo sezulu kule ndawo, impela angisithandi, ngoba mina ngi...siyangiphula nje lapho ngifika lapha. Futhi mina nje...Ngingakwazi ukuwela phezulu kweziqhingi phezulu lapho futhi ngehle kulesi sigodi, futhi ngilapha cishe imizuzu eyishumi futhi nginamashashazi, ngiyagula. Isimo sezulu, ikhanda elizizizelayo, yonke into ibukeka isabisa, imnyama, futhi ngi—ngifanele ngiphume kukho. Niyabo? Futhi ngolunye usuku ngangikhuluma nonkosikazi...

35 Kodwa okungingenisayo, kuqala, okungingenisayo lapha, yinina bantu, niyabo, lelibandla. Ngiyanitshela, kuzo zonke izindawo engake ngaya kuzo empilweni yami, lena yindawo yami engiyithanda kakhulu ukuza ngishumayele iVangeli. Futhi kubukeka sengathi singenza iteyipu ukusuka lapha engcono ngokuphindwe kashumi kunanoma iyiphi enye indawo. Niyabo? Niyabo, yingakho ngithi, "Lapho uNkulunkulu enza okuthize, khona-ke hlalani ngqo nalokho." Kodwa ngiyacabanga, lapho into enkulu ikhona, ukuthi kwakuyimina ngehluleka ukuphuma okokuqala ngenkathi Engibiza, ngakho-ke Wenza kuthi ukuba nzima kimi lapho ngingena. Ukulalela kungcono kunomhlatshelo.

36 Futhi khona-ke ngizobe ngiza emuva naphambili, ngaso sonke isikhathi, ngishumayela etabernakele. Futhi nina bantu abavela ngaphandle kwedolobha, nizokwaziswa. UBilly Paul uzoba lapha, khona ngqo ehhovisi, futhi—futhi kungafinyelelwa kuye nganoma yisiphi isikhathi, ngaye. Futhi sizobe sibuyela lapha, bamba...Bese kuthi-ke amaCilongo ayisiKhombisa ayakhuphuka khona manje, iNkosi ithanda, iziNhlupho eziyisiKhombisa zokuGcina, neZitsha, nokunye nokunye, njengoba nje singakwazi, ukuthola isimo sezulu esipholile kancane, mhlawumbe, noma okuthize, noma ngabe iNkosi ihola kanjani.

37 Futhi manje, ngolunye usuku, ngingena, kwakukhona umbuzo owaphakanyiswa mayelana nokuthile, mayelana nothile owayenginikeze i—isheke, futhi lathi "mina siqu," kimina impela nje, futhi mina kuphela, "intela ekhokhiwe, ayikho," konke okunye. Awu, sahamba, futhi uBilly wayazi ukuthi ngangithi ukuba nesidingo salelosheke, manje.

38 Wahamba wayobuza abameli ukuthi singalishintsha yini. Wathi, "Ngani, uyisakhamuzi saseMelika. Kungani engakwazi ukulishintsha na? Niyabo, uthi, 'intela ikhokhiwe,' nakho konke okunye, 'ayikho.' Noma yisiphi isakhamuzi singakwenza lokho."

39 Ngakho-ke akakwazanga ukweneliseka ngalokho, uBilly, ngakho-ke uya kumgcinimabhuku womphakathi. Wathi, "Ngani, impela, angakwazi ukulishintsha lelo." Wathi, "Uyisakhamuzi sase-United States."

40 Ngakho-ke, awu, akakwazanga ukucabanga kahle ngalokho, ngakho-ke wabiza uMerle Miller, leyo inhloko ye—yenhlangano yentela e—e-Indianapolis lapho, kwakungabameli bethu, kanjalo ne-Ice and Miller. Ngakho-ke, "Impela, konke kulungile. Niyabo? Impela, angaba nalelo sheke. Li—li—libhalelwe yena, 'omukelayo kuphela.'" Ngingakwazi, munye kuphela ongaligunyaza, okunye nokunye, futhi belingeke ligxivizwe ngesethu . . .

41 Niyabo, angiwashintshi amasheke. Yilokho abangitholele khona ngesinye isikhathi. Umuntu othile uletha isigejane samasheke, futhi athi, "Lapha, Mfowethu Branham," emhlanganweni. Ngiyothi, "William Branham, William Branham . . . " Awu, uhulumeni wayekunakekela konke lokho, ngaso sonke isikhathi. Futhi ngangizisayinela wona mina uqobo futhi ngangikhokha izikweletu phandle lapho, kodwa bathi ngangikweleta izintela zobuhlongandlebe kulo lonke, empeleni, amadola ayizinkulungwane ezingamakhulu amathathu. Ngakho-ke—ngakho-ke yilapho ukuqophisana kwafika khona.

42 Ngakho-ke kwathi nje lapho ngifaka lelisheke, ibhadi, nakhu kubuya isisebenzi esimele ngqo, sathi, "Sizomvulela icala kabusha manje." Ngakho-ke kwakwenza kwathi ukuba nzima.

43 Futhi uMfowethu Lee Vayle ohlezi lapha, ngiqagele kulungile ukukusho, thina nje . . . Wayehlile, futhi lesi sifundiswa esihle seBaptisti lapha sasine . . . Ngambhaphathiza eGameni likaJesu Kristu, lapha echibini ngolunye usuku, uMfowethu Lee Vayle. Futhi ngakho-ke uyindoda enhle ngempela, umfowethu kuKristu. Uke wasishumayelela lapha phambilini, futhi ufundile ngokuhlakanipha okukhulu, futhi, ngaphandle kwalokho, indoda eholwa nguMoya. Ngenkathi ukuKhanya kubaneka phezu kwakhe, wathi wazama ukusuka, kodwa wehluleka nje ukukwenza, ngakho-ke ngambhaphathiza khona lapha ngokunye ukusa. Angikwazanga ukukubekezelela,

ngakho-ke sehla nje lapha futhi sagqoka izingubo zethu futhi sangena, futhi sabhaphathizwa eGameni likaJesu Kristu.

44 Awu, ngacabanga, njengoba wayekudlile lokho kudla kokomoya okuhle, mhlawumbe ukukhuluma kancane sizothatha ukudla okuthile kwemvelo. Ngakho-ke siya ngale eBlue Boar, futhi sihlale phansi, sasixoxa, futhi indaba iyavela, "Ubavumela kanjani abantu bakhulume ngawe kanjalo na?"

45 Manje, uMfowethu Vayle ungomunye wendoda enhle kakhulu engake ngayazi, kodwa yena u "shesha nje kakhudlwana ukucasuka," Ngangihlale ngimtshela, uyazi. Futhi ngakho-ke, yena, ngakho-ke ngathi . . . Ngethemba ukuthi lokho kulungile, Mfowethu Vayle. Ngakho-ke yena . . . Ngathi, "Ungagqagqamuki khona lapho. Hlala uthule. UNkulunkulu nguYe okwenzayo."

46 Wathi, "A, kungase kulunge kuwe," washo—washo. Kodwa, awu, yena—yena . . . Ngiyakholwa ukuthi u—uhlakaniphe kakhulu kuze kube yilokho akade ehlangana nakho, labobantu abahlakaniphile abanobuhlakani kakhulu; ngakho-ke uyazi nje ukuthi ukuthela kanjani phakathi lapho, futhi abanandawo yokuma. Yilokho kuphela.

47 Ngakho-ke ngathi, "Buka, Mfowethu Vayle." Besihleli eBlue Boar. Ngathi, "UDavide, ngolunye usuku, emva kokuphonswa esihlalweni sobukhosi yindodana yakhe uqobo, wabaleka esihlalweni sobukhosi, ukuvukela umbuso, u-Israyeli wahlukana phakathi, futhi uDavide wayekiswa isihlalo sobukhosi yindodana yakhe uqobo, futhi wayephuma emzini, ekhala izinyembezi. Futhi umfo owayengawuthandi umlayezo wakhe wosuku lokugcina, niyazi; wayengenandaba naye; umfo omdadlana, othi ukukhubazeka, ehamba ngalapho, ehlekisa ngaye, futhi wakhafulela uDavide. Lowo nogada wahosha leyonkemba, wathi, 'Ngizovumela ikhanda laleyonja lihlale kuyo, ekhafulela inkosi yami na?' UDavide wathi, 'Myeke. INkosi imtshele ukuba enze lokho.' Niyabo? Imkhafulela, ihlekise ngaye, bese-ke imkhafulela. Wathi, 'INkosi imtshele ukuba enze lokho.'" Awu, siyayazi indaba, ukuthi kwabuya kanjani. UMfowethu Vayle wacabanga ukuthi lokho kwathatha umusa oyinqwaba ukwenza lokho.

48 Ngakho-ke akukho okungaphezu kokubuya nokungena ehhovisi, umgcinimabhuku womphakathi wabiza uBilly Paul futhi wamtshela ngalokhu. Ngakho-ke uMfowethu Vayle wenyukela endlini nami. Ngenkathi ngingena, ngathi kunkosikazi . . . Kudala cishe ngesikhathi esithile ntambama. Sangena ekamelweni. Ngathi, "Kukhona engizokutshela khona, S'thandwa."

49 Besikhuluma nje ngingakahambi. Wathi, "Bill, ngiyazi ukuthi uNkulunkulu ukuthumele phandle lapho; sonke

siyakwazi lokho, kodwa Akazange akutshele ukuthi ubuye. Wathi . . . Manje, yilapho engikhathazeke ngakho."

50 Ngathi, "Awu, ngicabanga ukuthi ngokwakho nabantwana. Akunandaba kimi. NgizoMkhonza, iNkosi ithanda, nomaphi lapho ngiya khona." Futhi ngakho-ke ngabuyela emuva, futhi ngamtshela ngakho kanjalo. Ngakho-ke ngavele ngaphenduka, ngabeka isigqoko sami phezulu.

51 Futhi othile washo okuthile, mayelana, "O, lomthelisi! Besifanele siphume . . . " Wathi ukuhlasela akhiphe okuthile kanjalo.

52 Ngingacabangi ngalokho engangikushilo ngoMfowethu Vayle, ngathi, "Myeke. Mhlawumbe iNkosi imtshele ukuthi enze lokho."

53 Angiphindanga kunokusho lokho, kwaze kwabaneka ukuKhanya odongeni futhi kwabhala kwanqamula lapho, UMfowethu Vayle nomkami behlezi lapho, "Wozani nibuyele e-Arizona." Ngezinhlamvu ezibhalwe zanqamula udonga, "Wozani nibuyele e-Arizona." Kunjalo. Ngakho-ke nakhu la ngiya khona, amen, ngibuyela e-Arizona.

54 Manje, leliviki kube yiviki lezibusiso ezinkulu. Sibe nezingxoxiswano zangasese kuleliviki, zabantu abebelindile kusukela ezi*Mpawini eziyisiKhombisa*. Futhi angingabazi ngaphandle kwabanye babo, kusobala, babizelwa ngaphandle kwedolobha, esizweni sonke. Kodwa ekuseni ngaphambi kokuba kuqale izingxoxiswano, ngihlezi ekamelweni, uMoya oNgcwele wangivumela ukuba ngibhale phansi ncamashi konke ababekwazi, konke ababefuna ukukubuza, ngizungezelise imibuzo ngendlela ababefuna ngayo, futhi ngibatshele amaphupho abo nencazelo ngaphambi kokuba baze bangitshele.

55 Manje, abantu basegumbini lapha, lapho. Futhi ngiyoqhubeka futhi ngingibayeke bakhulume. Bayothi, "Awu, Mfowethu Branham, ngiza *ngokuthi-nokuthi*."

56 Ngathi, "Manje, khumbulani, sibuthene lapha hhayi ngokuhlanganyela. Asizanga lapha ukuzohlanganyela omunye nomunye. Kunombuzo engqondweni yakho, enhliziyweni yakho, ukuthi—ukuthi ukhubeke kukho futhi awazi ukuthi kuyini. Futhi mhlawumbe ngizokwazi, ngosizo lukaNkulunkulu, ukukwenza."

57 Ngathi, "Khumbula, indlovukazi yaseNingizimu yayinemibuzo, nayo, lapho iza kuSolomoni. NeBhayibheli lathi akukho lutho olwembuliwe noma olugodliwe kulokho uSolomoni ayengenakuphendula ngakho." Futhi ngathi, "Lapha kukhona omkhulu kunoSolomoni. Niyabo? Kunjalo. INkosi uJesu yathembisa, 'Nomaphi lapho kubuthene ababili noma abathathu eGameni laMi, Ngikhona lapho phakathi kwabo. Futhi noma yini abangayicabanga, noma bayifise, na—nabayakuyicela, bayakunikwa yona.' Futhi manje umbuzo

wakho ngokuthile ongazi ngakho, okuthile ongazi ukuthi ungeza kanjani kukho ngakho, okuthile ongazi ukuthi wenzeni ngakho."

58 Futhi ngathi, "Futhi, umBhalo washo lokhu, ukuthi, 'iziNgelosi zikaNkulunkulu zikanise nxazonke kulabo abaMesabayo,' ngakho-ke kwelinye izwe lapho imizwa eminhlanu ingakumemezeli."

59 Imizwa emihlanu ixhumana nalelizwe kuphela. Uma ubungenawo umuzwa, ubungeke uzwe lutho. Umuzwa ubungebe nalutho kuwe; lokho bekuyoba ngelinye izwe. Ukube ubungenakho ukubona, okubukayo bekungaba elinye izwe, ongazi lutho ngalo. Ngakho-ke lemizwa emihlanu iyonanto kuphela uNkulunkulu asikhulula kuyo.

60 Manje kukhona umunye obizwa ngokukholwa. Kodwa ngokukholwa ukhuphuka ngezitebhisi, futhi ekugcineni ungakhuphukela phezulu kakhulu uze ubhobokele kwelinye izwe, okungumbono. Lapho ungabona.

61 Njengoba nje uma ungazange wazi ukuthi kwakuyini lokhu owawukuzwa ngomuzwa wakho wokuzwa, awuzange ukubone; bese-ke amehlo akho evuleka, ubungakubona. Bekungaba yimfihlakalo kulowo muntu ongakaze abone. Bekungaba yimfihlakalo kuye, kodwa nokho kunjalo.

62 Futhi phakathi lapho, iNkosi . . . Ngaphambi kokuba sifike lapha, kubantu abavela ezweni lonke, yonke indawo, kusukela enyakatho, eningizimu, entshonalanga, engena kulezi zingxoxiswano. Futhi ngokushesha nje lapho beqeda ukukhuluma, yona kanye nje imibuzo ababeyoyibuza, into ababeyobuza ngayo, ngiyothi, "Buka lapha," khuphuka, futhi kwakukhona isiqeshana sephepha elinawo wonke umbuzo, futhi lizungeza ngayo impela nje indlela ababelibuze ngayo, lalizokubuza, impendulo yabo ezansi lapha embuzweni wabo, ngendlela nje owaphendulwa ngayo. INkosi inkulu. Yazi zonke izinto. Kodwa, nokho, kungithatha cishe izinsuku ezintathu ukuba ngiphume kuleyontambama, ukuthi kwakuyini, ukudabuka okunjalo. Futhi manje ngacabanga ukukuthola, nokho, ngaphambi kokuba sihambe.

63 Futhi nanso indlela efanele, indlela yangempela yoku, eya kubantu ngabanye. Manje, kukhona izinto ezingashiwo.

64 Futhi uma abantu elapha, owazi lezozimfihlo zezinhliziyo ezembulwa, lokho bekuyoba ngokoqobo . . . Bekuyoba kubi kakhulu; bekuyobangela ubugebengu, bekuyobangela ukuthi omunye adubule omunye, noma okuthize, uma lokho bekungembulwa khona lapha emsamo kanje, emphakathini, phakathi phambi komphakathi. Bekungabanga amacala eziboshwa, nakho konke okunye, obekungakwenza . . .

65 Kodwa lapho nihlezi ndawonye kanjalo, uMoya oNgcwele, nobabili nje nindawonye. Kodwa siyakuqonda lokhu, ukuthi

abangibuza khona ngokwangasese. Angisho lutho ngakho. Futhi engikushoyo kubo, kukubo ukuthi bayafuna ukukusho noma qha. Niyabo? Kodwa kufanele kwaziwe phakathi kwethu, ingxoxiswano. Lokho ngukuthatha umuntu, ngamunye ngesikhathi, futhi ehlali lapho kuze kube yilapho yonke into isixazululiwe ngokuphelele, niyabo, uMoya oNgcwele.

66 Bese kuthi-ke ukucabanga ngomusa, uMoya oNgcwele ungitshela konke ngakho, komunye nomunye, umugqa wonke wabo, ngaphambi kokuba baze ngisho bafike lapha; ezweni lonke, beza, abantu engingakaze ngibabone empilweni. Futhi ukubhale ukuze bazi, umkhuba nje ngokwemibuzo ngendlela ababeyo, yiphendula.

67 Omunye umfowethu wayenemibuzo enzalweni yenyoka, engingazange ngithole ukuyiphendula kahle nje, ngoba isigamu sehora sabo sase siphelile. Ngethemba ukuthi ukutholile konke kahle, izimpendulo kukho, ephepheni. Ngi . . . Ubeyibhalile, futhi akazange azithole zonke izimpendulo zakhe, ngakho-ke ngivele ngimbuyisele okubhaliwe, izimpendulo ephepheni. Uma engasenalo, uBilly Paul unalo. Ngiyazi indoda ihlezi lapha; ngisanda kuyibuka emizuzwini embalwa nje edlule. Ngakho-ke uma e—uma efuna ukuthola lokho, kubhalwe esiqeshini sephepha, izimpendulo zakho embuzweni wakho.

68 Manje, o, yeka ukuthi inhle kanjani iNkosi! Ngethemba ukuthi wonke umuntu uzizwa kahle. E-hhe.

69 Futhi manje asikhumbule, futhi manje lapho ngikhulekela lamaduku, ukukhumbula uMfowethu Dauch. Ungumfowethu oyigugu, futhi sifuna ukumkhumbula emkhulekweni.

70 Futhi ngi—ngibona uMfowethu Ungren, kodwa a—angimboni uDadewethu u-Ungren noma kuphi, noma ngabe ukahle manje. Yebo, ehlezi buqamama naye. Impela. Ya. Ngiyajabula. Ngoba sabizwa ngobunye ubusuku, kwi . . . udaba oluphuthumayo nje lwakhe nolwendodakazi yakhe, Dadewethu . . . Ngi . . . Downing, Downing. Wabaleka ngomgwaqo, futhi nje umusa kaNkulunkulu, kungenjalo bobabili bebeyofihlizwa babe yizicucu khona lapho. Futhi nampa beza beqonde enkonzweni, bagibela isitimela futhi beza.

71 Angisoze nganikhohlwa nonke. Ngiyanithanda. UNkulunkulu uyakwazi lokho. Ngi—ngiyanithanda. Kanjani, ezweni lonke, esimweni sezulu esishibilikayo!

72 Lapho ngibuka omunye umfowethu lapha ovela eGeorgia, nase-Alabama, nasezindaweni ezehlukene, naseTennessee, nangakhona, lapho bagibela imoto yabo behla ngomgwaqo, lapho iqhwa, ukushibilika, nokuya emuva naphambili kanjalo, ukuza lapha ngenkonzo eyodwa.

73 Ngenkathi nginalolocingo oluphuthumayo kuMfowethu Dauch ngolunye usuku, angiqaphelanga ukuthi iLima, i-Ohio, yayikude kangaka. Nje . . . Ngacabanga ukuthi lokho

kwakuwukweqa okuncane, ukugcogcoma, nokugxuma. Kodwa, he, ngasuka lapha kusesekuseni kakhulu ngalokho kusa, angizange ngifike lapho kwaze kwashaya ihora lokuqala ngaleyontambama, ukushayela yonke—yonke into evunyelwe umkhawulo wesivinini, nakuthelawayeka okabili. Futhi ngicabanga ukuthi lokho kusondele kangakanani, ezansi le eNingizimu lapho laba abanye abantu bevela khona, le eNyakatho naseNtshonalanga, lapho beza khona.

74 Ngiyanithanda, futhi yingalesosizathu ngizama ukuba qotho kakhulu lapha.

75 Futhi abadala! Ngibona uMfowethu Creech nabo behlezi emuva lapho manje, nalabo abebenami yonke leminyaka nezinto, nokuthi sihlangana kanjani ndawonye. Bengibuka isithombe sikaMary Jo, ngikholwa ukuthi bekuyizinsuku ezithi azibe zimbili ezedlule. Into encanyanyana nje ngenkathi siqala ukuhlangana, futhi manje useshadile, ngiyacabanga, futhi unabantwana. UMfowethu Creech noDadewethu Creech, abasha, abanekhanda elimnyama, noMeda kanye nami, futhi lapha sesimpunga futhi siqhothile. Niyabo, kukhona okuthize ngabantu abanjalo, lokho—lokho kuyakubamba. Niyabo, u—u—ufuna ukuhlala nabo. Niyabo? Kukhona okuthile okunye o—ukuhlala kwenza umqondo wakho uhlehle. Ukubanikeza nje izibonelo kwabanye abalapha. Abancane nabadala, sibheke ngabomvu ukuFika kweNkosi.

76 Ngakho-ke namhlanje ekuseni ngikufakile . . . UNkulunkulu, ngiyakholwa, ukufake enhliziyweni yami ukufundisa isifundo sikaSonto sikole lapha kulokhu ukusa, uNkulunkulu ethanda, okwesikhathi eside. Ngi . . . Futhi manje, lena kuyinkonzo yami yokugcina isikhashana, ngokwazi kwami, i . . .

77 Futhi ngifuna nikhumbule ukuthi uMfowethu Neville lapha, osele ebandleni, ephethe lelitabernakele, ngaphansi kukaMoya oNgcwele, ukuthi ushiywe lapha, futhi uyawukholwa loMlayezo futhi—futhi uWufundisa ngokufanayo nje njengoba ngenza. Kulungile. Futhi noma ngasiphi isikhathi eningathanda ngaso, ningabona kufanele ukuba nize ukuzozwa uMfowethu Neville, ngokuqinisekile angakwenzela okuhle, ngiqinisekile. Uyinceku enkulu kaJesu Kristu.

78 Ngamazi u-Orman Neville kusukela ngisengumfanyana, futhi akakashintshi nechashaza elilodwa, kuphela usondele kakhudlwana kuNkulunkulu. Ngikhumbula ngenkathi ngiqala ukumbona e . . . Ngamenyelwa emsamo weMethodisti yakhe. Futhi ngenkathi ngibuyela lapha etabernakele, ngathi, “Ngolunye usuku, ngiyombhaphathiza eGameni likaJesu Kristu.” Futhi nangu enoMlayezo manje, eqhubeka, inceku eyiqhawe langempela.

79 Futhi uMfowethu Neville udlula ebunzimeni obuningi nobuhlungu benhliziyo, ukuthi akakukhombisi lapha etabernakele. Kodwa njengoba iNkosi ingivumela ukuba ngibe nombono omncane empilweni yabantu, Ngiyakwazi adlula kukho; inqwaba yakho, niyabo. Futhi impela ungena ngaphansi kokusebenza kanzima nobunzima, nezinto. Futhi nina, nina bantu lapha, nimphakamisele phezulu njengoJoshuwa noKalebi baphakamisa izandla zikaMose, lapho eletha iZwi.

80 Thandanani, ngaphezu kwakho konke. Thandanani. Ningai. . .Noma ngabe udeveli uzama ukuthini! Manje nonke seniyiqembu elikhulu elimnandi manje, kodwa khumbulani isexwayiso sami, niyabo, uSathane angeke akuvumele lokho kuhlale ngaleyondlela. Qhabo, mnumzane. Uzodubula yonke into, uma efanele alethe umuntu othile ukuze enze umgomo wakhe. Uzongenisa umgxeki othile noma ongakholwa, futhi amhlalise phansi, futhi ambangele ukuba ahlanganyele nani ngaphansi kokuthula nezinto, bese-ke uzodubula lowomfo ngolunye uhlobo lwezinto ezinobuthi, futhi uzoqala ngebandla ngakho. Ungathathi izinhlangothi ngakho. Ungenzi lutho nganoma yini enye. Nina hlalani kahle nithandana ninomoya omuhle futhi ninomusa komunye nomunye. Khulekela leyondoda, ukuthi nayo izosindiswa, noma lowo wesifazane, noma ngabe ngubani, bakhulekele nje. Futhi ninamathelane omunye komunye.

81 Futhi hlala nomelusi wakho. Niyabo, ungumalusi, futhi mnike izinhlonipho. Uyokuhola akudlulise, futhi, ngoba ugcotshwe nguNkulunkulu ukwenza kanjalo.

82 Manje uyakukhumbula lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Isitha sizofika. Futhi lapho sifika, velani ninamathele ngqi eduze kakhulu ndawonye. Futhi lowo udeveli amsebenzisela isitha kuphakathi kokuthi uzophuma noma angene futhi abe ngomunye wenu. Yilokho kuphela.

83 Ningalinge nakhe iqembu elikholelwa kokuthile phakathi kokukodwa. . .noma—noma ukhulume, nizenzele iqembu elikholelwa kokuthile. Simunye. Angeke ngithi, "Sandla sobunxele, ngi—ngiyakucasukela, ngizokususa ngoba awusona isandla sokunene." Uyisandla sami sobunxele. Ngifuna ahlale lapho. Ngisho nesihlokwana somunwe wami, ngifuna ukuhlala khona lapho, zonke izingxenye ezincane zomzimba wami zihlale khona lapho. Futhi uNkulunkulu ufuna thina, njengomzimba wamakholwa, sihlale ncamashi omunye nomunye, ngqo komunye nomunye.

84 Futhi manje ninawo amateyipu kulokho. Ninamateyipu kulokho esikukholelwayo. Ninamateyipu ngokuqondisana ebandleni, ukuthi siziphatha kanjani ebandleni likaNkulunkulu, ukuthi size kanjani lapha ndawonye futhi sihlale ndawonye ezindaweni zaseZulwini. Ungahlali ekhaya.

Uma uNkulunkulu esenhliziyweni yakho, awusakwazi neze ukulinda leyominyango ukuba ivuleke ngaleya, ukungena lapha ukuze uhlanganyele nabafowenu. Uma unga—ungazizwa ngaleyondlela, khona-ke ngiyakutshela, yisikhathi sokuthi ukhuleke.

85 Isizathu, sisezinsukwini zokugcina, lapho iBhayibheli elaphakamisa khona, noma, lasinxusa ukuba—ukuba, "Kakhulu njengoba sibona lolosuku lusondela," ukuthanda omunye nomunye ngothando lobuKristu nothando lobuNkulunkulu, "ukuze sihlangane ndawonye ezindaweni zaseZulwini no—no—noJesu Kristu," futhi sithandane. "Lokhu bonke abantu bayokwazi ukuthi ningabafundi baMi, lapho ninothando omunye komunye." Kunjalo. Hlalani ngqo ndawonye.

86 Uma umfowethu, ucabanga ukuthi unephutha kancane, noma udade, athi, "Nkosi, ungangivumeli neze ukuba kumile impande yobumunyu, ngoba kuzo—kuzomthikameza, futhi kuzokhipha ngqo uKristu empilweni yami." Lawo ma-esidi anobuthi obubi, nomhawu, nenzondo, lokho kuzovele kususe uMoya oNgcwele kuwe ngqo. KuzoMgijimisa etabernakele lapha. Kuzobulala uMoya kaNkulunkulu, noma Kuwuxoshe lapha, kulimaze umelusi wakho. Kuzokwenza konke. Niyabo? Ungakwenzi lokho.

87 Nivele nithi thanqa kakhulu kangako ndawonye. Dweba i . . . Thatha ibhande, njengoba umfowethu afakazile, umfundisi lapha ngobunye ubusuku, ngokuba nebhande, ukukubona embonweni. Nje, lokho kubophela yonke impi kaNkulunkulu. Velani uyidonse, niqinise, nisondele eduze komunye nomunye. Nithandanane, noma kanjani. Khulumani kahle ngomunye nomunye, yishoni izinto ezinhle ngomunye nomunye, futhi khona-ke uNkulunkulu uzonibusisa.

88 Manje kulokhu ukusa, iNkosi ithanda, ngosizo lwaYo nangomusa, Nginesigejane impela semibuzo lapha, semiBhalo, njalo. Futhi manje ngaphambi kokuba sisondele kuWo . . . Ngicabanga ukuthi ngizwe amarekhodi echofozwa phakathi lapho. Sizoletha uMlayezo manje, ngomusa kaNkulunkulu.

Okokuqala, izwi lomkhuleko.

89 INkosi uJesu, ikhuluma nalomzimba weBandla, ukuze babambane ndawonye kanye nesandla sikaNkulunkulu esingaguqukiyo, uQobo lwabo, iZwi; libaxwayisa, njengoba uPawulu axwayisa umhlambi wakhe, ukuthi, "kuzongena izimpisi." UnguNkulunkulu ofanayo namuhla njengoba Wawunjalo ngaleyonkathi, naleso sitha siyafana. Sengathi lenhlanganyelo nezibopho zothando zingahlala zikhona phakathi kwalababantu, kuKristu Jesu.

90 Siza, kulokhu ukusa, Nkosi, njengoba sifunda iZwi. Kwangathi uMoya oNgcwele angaLembula kithi, ukuze iBandla limiswe ngokugcwele "ukuKholwa okwanikelwa kwaba kanye

kwabangcwele," ukubabamba. Futhi kwangathi, njengoba Wanikeza umbono eminyakeni emibili edlule, "ukubekelela uKudla," emihle, imifino ebukeka inempilo engayibona embonweni, igcinwe lapha kulelitabernakele, sengathi thina namuhla singemukela wonke umphongolo ogcwele loKho (Siphe khona, Nkosi.), noma, umthwalo weteyipu: ukuze Lisembulele uJesu Kristu kithi ngehora esiphila ngalo, ukusinikeza amandla asigcinayo, amandla kamoya ngomsebenzi osihlalele. Siphe khona, Baba.

91 Busisa laba, abantwana baKho. Baphakathi lapha kulokhu ukusa bevela ezindaweni eziningi ezehlukene zesizwe. Ukusa okushisayo, okunamathelayo, kodwa nokho siyabuzwa uBukhona bukaMoya oNgcwele, kukho konke lokhu.

92 Sicabanga ngoJohn Wesley, noCalvin, noSankey, noKnox, uFinney, nabaningi balabo, ngisho nangaphandle kwesishayisa-moya sikagesi, lapho abantu behlala emahholo, futhi umjuluko ugeleza ebusweni babo. Abesifazane, bemboze futhi begqoke kahle, bahlala ezethamelini futhi bajuluka kwaze kwaba manzi izimpahla zabo zokugqoka, belalela iZwi likaNkulunkulu, bondla imiphefumulo yabo. Manje, siyezwa, Nkosi, ukuthi baphumule ndawondawo ngaleya, belindele ukuFika kweNkosi.

93 Sigcine sindawonye, Baba. Vumela uMoya oNgcwele usihole futhi usiqondise. Siphe impilo ende yokusebenzela Wena. Siphe loMlayezo omkhulu kulokhu ukusa esiwulindele eZwini laKho, ukuze Ungene enhliziyweni ngayinye. Yenza izindebe ezikhulumayo, Nkosi, zikhulume iQiniso. Yenza inhliziyo ezwayo ukuba ivunde ukwemukela iQiniso, futhi kwangathi Ingakhula ibe yimithi emikhulu yokuPhila okuPhakade, ukuba ibe yizinkanyiso ezikhanyayo nezincwadi efundwayo yabo bonke abantu; bangahle bazi ukuthi uJesu Kristu uvukile kwabafileyo futhi uphila phakathi kwethu. Senze sigcwale kakhulu uthando nesithelo sikaMoya kuze kube abanye abesilisa nabesifazane, abafana namantombazane angabona imiphumela yokuPhila kukaKristu kusaphila kithi, emva kweminyaka eyizinkulungwane ezimbili kusukela esehlakalweni esikhulu. Siphe khona, Baba, ukuhlonipha Wena. Sicela eGameni likaJesu Kristu. Amen.

94 Manje ngifuna ukufunda okunye emiBhalweni. Futhi ngethemba manje ukuthi seninawo amapensela namaphepha enu, nakho konke, sekumi ngomumo.

95 Futhi, Mfowethu Neville, uhlezi unganyakazi. Ngizovele ngikhumule ijazi lami. Lokho ngukuthi . . . [UMfowethu Neville uthi, "Kulungile lokho. Amen."—Umhl.] Kuyi . . . Ngixoleleni ngokukhumula ibhantshi lami, kodwa lokhu—lokhu kufudumele kabi lapha.

96 Manje ngifuna niphenye eNcwadini yabaseKolose, isahluko 1 sabaseKolose. Bese kuthi-ke sisafunda lokhu, siqale nge . . .

Ngifuna nina, uma senigoduka, ukuba nifunde sonke isahluko salaba baseKolose. Kodwa ngifuna nifunde kulokhu ukusa, kanye nami, kusukela evesini le 15, ela 29, nalo.

97 Futhi manje bekezelani nje njengoba ningakwazi, ngokuba ngizwa ukuthi kulokhu lapha, uma uNkulunkulu ezongisiza, uzokwembula futhi angenise engqondweni yakho zonke lezi ezinye izinto engikhulume ngazo zonke izinsuku zetabernakele; kungani ngisho lokho engikushilo, nokuthi kungani ngenze lokho engikwenzile. Yingalokhu.

98 Manje kusukela evesini le 15.

> *Yona ingumfanekiso kaNkulunkulu ongabonwayo, izibulo lezidalwa zonke:*
>
> *Ngokuba konke kwadalwa ngayo, okusezulwini, nokusemhlabeni, okubonwayo . . . okungabonwa, nokuba kuyizihlalo zobukhosi, . . . imibuso, . . . izikhulu, . . . iziphathimandla: konke kwadalwa ngaye, kwadalelwa yona:*
>
> *Yona ingaphambi kwakho konke, nezinto zonke zimi ngayo.*
>
> *Futhi yona iyinhloko yomzimba, ibandla: engukuqala, izibulo kwabafileyo; ukuze yona ibe ngo*wokuqala *ezintweni zonke.*
>
> *Ngokuba kwaba kuhle kuBaba ukuba ukugcwala konke* kuhlale—*ukuba ukugcwala kuhlale konke;*

99 Ake ngigcizelele kancane kulokho futhi, leli vesi le 19.

> *Ngokuba kwabakuhle kuBaba ukuba ukugcwala konke kuhlale kuyo;*
>
> *Nokuba, ngayo abuyisane nakho konke esenzile ukuthula ngegazi lesiphambano sayo; yebo ngayo, nokuba kuyizinto ezisemhlabeni, nokuba ngezisezulwini.*

Bhekisisa lapho lokho kubuyisana kwaya khona.

> *Nani, ekade ningabafokazi* ngezinye izikhathi *nezitha engqondweni ngemisebenzi emibi, nokho manje* usu*buyisene nani*
>
> *Enani emzimbeni wenyama wayo ngokufa, ukuba animise ningcwele . . . ningenasisihla . . . ncomeka phambi kwakhe:*
>
> *Uma kambe* nihlala *ekukholweni nisekeliwe nigxilile,* ninga*gudluzwa ethembeni levangeli, enalizwayo, elashunyayelwa kukho konke okudaliweyo okuphansi kwezulu; engenziwa isikhonzi salo mina Pawulu;*
>
> *Kalokhu ngiyathokoza ezinhluphekweni zami ngenxa yenu, ngokugcwalisa oku*bophekile . . . ezinsizini

*zikaKristu e...nyameni yami ngenxa yomzimba wakhe, oyibandla:*

*Engenziwa isikhonzi salo, ngokwesimiso sikaNkulunkulu enginikelwe mina ngenxa yenu, ukugcwalisa izwi likaNkulunkulu;*

*Ngisho imfihlakalo e*bifihlakele *selokhu kwaqala* isikhathi *nezizukulwane, kepha kalokhu yambuliwe kwabangcwele bakhe:*

100 Futhi ngifuna ukulifunda lelovesi futhi.

*Ngisho imfihlakalo* ebi*fihlakele selokhu kwaqala izikhathi nezizukulwane, kepha kalokhu yambuliwe kwabangcwele bakhe:*

*Okubona uNkulunkulu athanda ukubazisa ukuthi iyini ingcebo yenkazimulo yaleyo mfihlakalo phakathi kwabeZizwe; enguKristu phakathi kwenu, ithemba lenkazimulo:*

*Okunguye esimshumayelayo, siluleka wonke umuntu, sifundisa wonke umuntu ngokuhlakanipha konke; ukuze simise wonke umuntu ephelele kuKristu:*

*Engikusebenzelayo futhi, ngilwa ngokusebenza kwakhe, okusebenza kimi ngamandla.*

101 Manje ngendikimba engifuna ukuyikhipha lapho, lokhu kube yindikimba, ngiyisekele phezu kweBhayibheli lonke, kodwa ngifuna siphe lendaba isihloko: *UKristu Uyimfihlakalo KaNkulunkulu Embuliwe*. UKristu eyimfihlakalo kaNkulunkulu eyembuliwe! Manje, ngikuthathe ngohlelo njengesifundo sikaSonto sikole, ukuze sonke sifunde ndawonye futhi—futhi sibe nalenhlanganyelo ndawonye.

102 Manje, imfihlakalo kaNkulunkulu eyimfihlo, Ayenayo ngaphambi kokuba izwe liqale. Manje, emuva engxenyeni engemuva yomqondo kaNkulunkulu, kwakukhona okuthile Ayekuzama futhi wayezokuzuza, futhi Wayenenjongo ekukwenzeni, ukuze Azivumele avezwe. Ngoba, okokuqala, kwakungekho ngisho inyanga, inkanyezi, i-athomu, imolekhuli, nanoma yini enye. WayenguNkulunkulu. Kodwa Yena impela wayengesuye uNkulunkulu ngalesosikhathi, ngoba *uNkulunkulu* u “yinto yokukhonzwa,” futhi kwakungekho lutho lokuMkhonza.

103 Ngakho-ke, emqondweni waKhe omkhulu, Wayefuna lezizingxenye ezingahlukaniseki ukuba zivezwe. Futhi kuYe kwakukhona uthando; kuYe kwakuzoba noBaba; kuYe kwakuzoba neNdodana; kuYe kwakuzoba noMsindisi; kuYe kwakuzoba noMphulukisi. Futhi zonke lezi zingxenye ezinkulu ezingahlukaniseki esizibona sezivele ziveziwe, zazikuNkulunkulu.

104 Ngakho-ke, umbono wami, into yokuqala Ayenza kwakuyiziNgelosi. Zase-ke ziMkhonza, nalokho kwaMenza "uNkulunkulu." Futhi Waqala lapho. NjengaseMilayezweni edlule ngizamile ukukuchaza, ngikuhlaziye. Futhi manje, khona-ke, ngenkathi iziNgelosi ziqala ukuMkhonza, lokho kwakungaphambi kokuba kubekhona ngisho imolekhuli emhlabeni. Kwakungekho lutho. Kwakungubumnyama yonke indawo. Kwakungekho langa, kungekho nyanga, kungekho zinkanyezi, kungekho lutho, khona-ke WayenguNkulunkulu. Njengoba Abuza uJobe, "Wawukuphi ngenkathi ngibeka izisekelo zomhlaba, uyabo, lapho izinkanyezi zokusa zahlabelela kanyekanye, amadodana kaNkulunkulu ahlabelela ngokujabula na? Niyabo? Manje, wawukuphi na?" Niyabo? Lokho kwakusemuva le ngaphambi komhlaba.

105 Manje, uNkulunkulu wayenenhloso nemfihlakalo efihliwe. Futhi yilokho engifuna ukukhuluma ngakho eBandleni kulokhu ukusa, imfihlakalo efihliwe kaNkulunkulu Ayenayo engqondweni yaKhe ngaphambi kokuba umhlaba uke uqale, nokuthi uzembule kanjani kwehle ngqo kufike kulelihora lamanje esiphila kulo. Niyabo? Khona-ke nizoqonda ngokucacile-ke, niyabo, ko, ngiyakholwa, okwenziwe.

106 Imfihlakalo kaNkulunkulu enkulu, yokuthi kanjani, yimfihlo. Wakugcina kuyimfihlo. Akekho owayengazi lutho ngakho. Ngisho neziNgelosi azizange zikuqonde. Niyabo, Akakwembulanga. Yingalesosizathu, phansi kwemfihlakalo yethu yesikhombisa, ngenkathi kuvulwa uPhawu lwesiKhombisa, kwaba khona ukuthula. UJesu, ngenkathi Esemhlabeni, babefuna ukwazi ukuthi Wayezofika nini. Wathi, "Akunjalo . . . Ngisho neNdodana qobo lwaYo ayazi ukuthi kuzokwenzeka nini." Niyabo, uNkulunkulu unalokhu konke kuYe uqobo. Yimfihlo. Futhi yingakho kwaba khona ukuthula eZulwini isikhathi esiyisigamu sehora, nemidumo eyisikhombisa izwakalisa amaphimbo ayo, futhi uJohane wenqatshelwa ngisho ukukuloba, niyabo, ukuFika kweNkosi. Leyo yinto eyodwa Angakayembuli okwamanje, yokuthi Uzofika kanjani, nokuthi Uzofika nini. Kuyinto enhle ukuthi Akakwenzi. Qhabo.

107 Ukubonisile noma ukwambulile kuzo zonke izifanekiso esiseBhayibhelini. Ngakho-ke, iBhayibheli lonke liyisambulo semfihlakalo kaNkulunkulu kuKristu. Mm! IBhayibheli lonke liwukuvezwa komgomo owodwa uNkulunkulu ayenawo, inhloso eyodwa Ayefuna ukuyifeza kulo lonke iBhayibheli. Futhi zonke izenzo za—zamakholwa eBhayibhelini bekufanekisiwe, okuveza ukuthi umgomo omkhulu kaNkulunkulu uyini, futhi manje ngalolusuku lokugcina Ukwembulile futhi uyakubonisa. Nosizo lukaNkulunkulu, sizokubona khona lapha kulokhu ukusa, lokho iNkosi ebinakho engqondweni yaYo sonke lesi sikhathi, futhi ikuvezile.

108 Ngakho-ke, ungabona incazelo enkulu yalokho obekuyikho ukwazi lokhu, bese-ke uzama ukukuletha kubantu. Niyabo? Futhi-ke awukwenzi. . . Angikangeni emininingwaneni ukuzama ukuKuchaza njengoba uNkulunkulu ekwembule kimi.

109 Manje, uma ufuna ukumaka lokhu phansi. Nginezindawo eziningi kakhulu engifuna ukufunda kuzo. Futhi manje e—eNcwadini kaLuka oNgcwele, isahluko sa 24 sikaLuka oNgcwele, siyathola ukuthi kungukuthi. . . Ngababili babaphostoli endleleni ebheke e-Emawuse. NoJesu waphuma, emva kokuvuka kwaKhe, futhi babesendleleni yabo—yabo eya ngale e-Emawuse, behamba endleleni, becabanga futhi bekhuluma, futhi bekhala izinyembezi, ngenxa yokufa kwaKhe—kwaKhe, nokuthi baMbone kanjani ehlupheka ngalokho ababecabanga ukuthi kwakungabalulekile nhlobo; bathatha iNkosi yabo futhi baYibethela. Futhi—futhi babehamba lapho, bekhala izinyembezi.

110 Futhi Waphuma eceleni komgwaqo futhi waqala ukukhuluma kubo ngoKristu. Wathi, "O, ziwula nabaphuza ukuqonda. Anazi yini ukuthi bonke abaprofethi namaHubo. . . " Niyabo, Wayenzani na? EZikhomba kulaba baphostoli, ukuthi bonke abaprofethi, nawo onke amaHubo, nakho konke, kwakunguYe, eveziwe. Niyabo?

111 Futhi manje isizathu ngingakaze ngishumayele kulokhu ukusa, bekungenxa yokuthi, ngicabangile, ekufundiseni, besingakuqonda kangcono kunokuvele sithathe indikimba bese sikweqe. Besizokufundisa nje.

112 Manje, Wayesho ukuthi onke amaHubo nabo bonke abaprofethi bakhuluma ngaYe. Awu, lapho, ngakho-ke, lokho kukhombisa ukuthi konke okweTestamente eLidala, konke okweTestamente eLisha, nakho konke okwamaHubo, ukucula, amaculo aculwa, ayeculwa ngaYe.

113 Thatha iHubo la 22, futhi ulicule, futhi uliqhathanise nokusa kokubethelwa. Niyabo, "Nkulunkulu waMi, Nkulunkulu waMi, UNgishiyeleni na? Wonke amathambo aMi, ayaNgigqolozela. Babhobozile izinyawo zaMi nezandla zaMi." Nokho, zonke lezozinto lapho, bona becula leloHubo ezansi lapho ethempelini, futhi bebethela Yena kanye. Niyabo? Niyabo, labobaholi bezenkolo abakhulu, lawomadoda amakhulu, labobafundisi abakhulu, futhi nokho bephuphuthekiswe kakhulu, lowo owayefunda abaprofethi futhi ecula amaculo, futhi enza icala abathi bayolenza.

Into efanayo iyenzeka kulokhu ukusa!

114 Manje lalelisisani, ngoba. . . Manje angizukunaka ngisho nokuthi lelo washi lasodongeni lithini. Ngifuna nikuthole lokhu. Niyabo? Ngifuna nina, nikuthole. Niyabo? [Ibandla liyajabula futhi lithi, "Amen."—Umhl.]

115 Ngakho-ke ningabona lapha, ngokuyisisekelo, ekuqaleni, wona kanye umcabango uNkulunkulu ayenawo engqondweni yaKhe, Wawufihla kuzo zonke lezozifundiswa. Futhi i. . . Inombolo nje, inombolo ekhethiwe eyamiselwa ngaphambili, abantu ababemiselwe ngaphambili, kwaba yibo kuphela abakuzwayo. Futhi manje hlolani emuva umBhalo kwehle onyakeni wabaprofethi, futhi nibone ukuthi kwakungeyona yini into efanayo. Niyabo?

116 Manje, noJesu lapha ebabhekisela kubaprofethi namaHubo, Wathi bonke bakhuluma ngaYe. Niyabo? Futhi lapha lababafundisi bamaJuda, orabi, odokotela bomthetho, oprofesa, babenze ncamashi njengoba babenzile ngaphambili.

117 Manje qaphelani, futhi, Wathi, "Hlolani imiBhalo, ngokuba Yiyo efakaza ngaMi." Hlolani imiBhalo, imiBhalo, yonke imiBhalo. Ngizama ukwenzani na? Ukunikhombisa ukuthi leliBhayibheli liyinto eqinisile.

118 Ngolunye usuku, ngimi egumbini lasesibhedlela, ngikhuluma, udade wayengicele ukuba ngichaze ngamahlelo, kungani sasi—sasimelene namahlelo, nabanye abantu behlelo.

119 Niyabo, kuzofanele kubuyele eZwini, ngoba iZwi linguNkulunkulu. Niyabo? NoJesu ememezela okufanayo lapha, ukuthi iZwi linguYe. Ungeke wenze umBhalo uZiphikise. "Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. Futhi, uLizwi, wenziwa inyama!" Niyabo?

120 Manje lapha Uthi, "Hlolani imiBhalo, Iyafakaza ngaMi. KuYo nicabanga ukuthi ninokuPhila okuPhakade," futhi lokho kuyiqiniso, "futhi YiYo efakaza ngaMi. Futhi Ngiyafakaza ngaYo. Futhi uma Ngingenzi imisebenzi ethenjisiwe ukuthi Ngiyoyenza, khona-ke ningaNgizwa. Kodwa uma Ngenza imisebenzi, futhi ningaNgikholwa, kholwani yimisebenzi, ngoba ifakaza ukuthi UyiZwi." O, kubukeka sengathi bekungeke kucace. Niyabo? Kulungile. Manje, "Hlolani imiBhalo." Wathi uMose nayo yonke imithetho, nokunye nokunye, nabaprofethi, namaHubo, bakhuluma ngaYe. Futhi, futhi, Wathi imiBhalo ifakaza ngaYe.

121 Ungumongo omkhulu walo lonke iBhayibheli. Uma ufunda iBhayibheli, futhi ungamboni uKristu kuwo wonke amavesi aLo, buyela emuva uphinde uLifunde futhi. Niyabo? Uma ungeke umbone uKristu kuwo wonke amavesi eBhayibheli, khona-ke Lifunde futhi, ngoba ugeje okuthize. IBhayibheli nguKristu. UyiZwi. Lapho ufunda, "Ekuqaleni uNkulunkulu wadala," nango uKristu. Niyabo? Konke. . . Kusuka kulokho, kuya ku "Amen" eSambulweni, yiwo wonke amaZwi afakaza ngoJesu Kristu.

122 Yingakho lezi zincwadi ezengeziwe abazibiza ngokuthi i*Ncwadi yesiBili kaDaniyeli*, kanye ne—ne*Ncwadi*

*yamaMaccabees*, wengeza isihlanzo nezinto ezinjalo, niyabo, akukhulunywa ngakho emBhalweni. Niyabo? Ayihambisani nendikimba yaKho yonke. Ayikho indawo yokubeka isihlanzo phakathi lapho. Akukho ndawo yokubeka ukunxusela kwabangcwele, nezinto. Ayikho indawo phakathi lapho yalokho. Ayikho indawo yehlelo. Ayikho indawo ye—yezivumokholo ngaphandle kwe—kweBhayibheli. Niyabo? Ngakho-ke lapho nibona lezozinto, a—azingeni nje esithombeni. Futhi yingakho abantu bengeze lezo, futhi bathola umdlalo oyindidane wokubuyisela izicucu zamaplangwe ezisikwe ngokugwegwesa wabo—wabo—wabo uxubene. Niyabo? Abakwazi ukukulungisa, "onguye izolo, namuhla, naphakade."

123 Kodwa, uma into ihlanganiswe kahle, kukhona isithombe sonke sokuwa nokuzalwa kabusha. Sonke isithombe sendalo, nalo lonke icebo likaNkulunkulu lembulwa ngqo kuJesu Kristu. Amen! Yileso isithombe sonke sihlanganiswe ndawonye, zonke izigwegwe ezincane nekhona. Kuyafana nje . . . Manje, angiqondile ukuthuka okungcwele ngalokhu, kodwa kufana nje nokuhlanganisa umdlalo oyindidane wokubuyisela izicucu zamaplangwe ezisikwe ngokugwegwesa ndawonye.

124 Yingakho sinezithombe namuhla esibukeka kabi. Sithi, "Singamakholwa," nenkomo icosha utshani phezulu esicongweni sesihlahla. Akusebenzi. Yingaleso sikhathi bethi, "Ya, Uyiyo yonke indlela, kodwa okokuqiniseka nje . . . Unguye izolo, namuhla, naphakade, konke ngaphandle kwento ethize." Niyabo? Khona-ke wonakalisa isithombe sakho.

125 IBhayibheli lathi Usenguye! UJohane oNgcwele 5, noma uJohane oNgcwele 14:12, Wathi, "Yena," yena, noma ubani, "yena okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo naye uyakuyenza."

"Awu, lokho kwakungokomunye unyaka."

126 Lapho uthole isithombe sakho singalungile futhi. Unendoda edoba ogwadule, izinhlanzi, esigejaneni sesihlabathi esishisayo lapho okungekho zinhlanzi khona. Niyabo? Niyabo, ufanele umbuyisele lapho edoba khona, eGalile, lapho okunenqwaba yezinhlanzi, niyabo. Niyabo?

127 U—ufanele wenze isithombe sibukeke silungile. Yisithombe sikaNkulunkulu esikhulu. Futhi yinye kuphela indlela ozosibona ngayo, ukuthi lapho ubona uJesu Kristu. Nanto iBhayibheli lonke. Ungumongo omkhulu weBhayibheli.

128 Manje usuyaqonda ukuthi noma iyiphi yalezi zindawo lapha ubungathatha indikimba, futhi kulukhuni nje kumshumayeli ukuba athule. Ubukeka sengathi ufuna ukuqhubeka nakho, kodwa ufanele ubuyele kulokho esifundisa ngakho.

129 Uyindikimba enkulu yeBhayibheli. Wayekubaprofethi. WayesemaHubweni. Wayesemlandweni weBhayibheli. IBhayibheli liyiNcwadi yesiprofetho. LiyiNcwadi yomlando.

LiyiNcwadi yothando. LiyiNcwadi ya—yamaculo. LiyiNcwadi yokuPhila. Futhi phakathi lapho uthola uKristu. Wayekubaprofethi. WayesemaHubweni. Wayesemlandweni. NaYe futhi, eBhayibhelini, uyizinto ezizayo. Ngakho-ke, Wayekhona ngaphambili futhi kuze kube ngemuva. KuMenzani-ke lokho na? "Onguye izolo, namuhla, naphakade."

130 Futhi ujovela okuthize phakathi Lapho, lokho akuMenzi "onguye izolo, namuhla, naphakade," Mfowethu Lee, uyaphi na? Unesithombe esibi lapho. Ngokuba, Wayengumlando, niyabo, futhi UngumProfethi. UngumaHubo. Uyikho konke. Futhi uma ungeke uMenze yonke into, futhi ngokufanayo, lapho, isithombe sakho sibukeka kanjani na? Niyakubona na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kulungile.

131 Uyinto! Wayengabaprofethi. Wayekubo. WayesemaHubweni. Wayesemlandweni, futhi Uyizinto ezizayo, "onguye izolo, namuhla, naphakade." KumaHeberu 13:8, uma ukuloba phansi. Ufanele abe njalo, khona-ke, Ufanele abe ngumphathi, uma lokho kuyilokho Ayikho. Futhi siyakukholwa, asikukholwa na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Khona-ke, uma Eyilokho, khona-ke Ufanele abe ngumongo wokukhuluma kwethu, wokucabanga kwethu, wokucula kwethu, wokuhamba kwethu. ["Amen."] Ufanele abe ngumongo omkhulu wokuphila kwethu. Uma Engumongo omkhulu weBhayibheli, neBhayibheli likithi, khona-ke Ufanele abe ngumongo omkhulu wakho konke esikwenzayo, esikushoyo, noma esikucabangayo; kufanele kube nguKristu. Ngabe kunjalo na? ["Amen."] Kulungile.

132 Selokhu, sicabanga lokhu, selokhu Enziwe—enziwe iNhloko ye "zinto zonke," kithina. AbaseKolose basho njalo lapha. UyiNhloko ye "zinto zonke," kithina. Ngokuba Wenziwa . . . ukwenzela thina, esithathwa ngazo "zonke izinto." Wena uthi, "Kuthiwani ngesoni na?" Wenziwa ukuthi abe nguMahluleli wesoni uma engaKwemukeli. Wenziwa inkazimulo yekholwa eliKwemukelayo. Ngakho-ke lapho, into, "zonke izinto zenziwa nguYe, futhi zenzelwe Yena."

133 Futhi kuthatha ubusuku, ukuveza inkazimulo yosuku. Kuthatha isitsha sehlazo, ukuveza u—uthando nokunakekelwa kwesitsha sabahlonishwa. Kuthatha owesifazane omubi, owayezogqoka izingubo ezingcolile futhi—futhi athengise ngokuziphatha kahle kwakhe, ukuveza ubuvi benenekazi loqobo elihloniphekile. Niyabo? Kuthatha iqili nesela, kumuntu, ukuveza ubuqotho bekholwa langempela, umKristu wangempela. Kuthatha umzenzisi, ukukhombisa ikholwa, lokho eliyikho.

134 Ngakho-ke, "Zonke izinto zenziwa nguYe." Futhi njengoba Enziwe izinto zonke . . . wenziwa, ngenxa yethu sonke, zonke izinto zenzelwa khona, ngaYe. Manje-ke, njengoba lokho kuyiqiniso, sifanele senze ukuzibandakanya kwethu (kufanele

kube) naYe. Sifanele sibandakanywe, thina uqobo, kanye naYe, ngoba Uzibandakanye Yena uqobo nathi. Sifanele sibandakanywe naYe. Kanjani na? Ngokuphilela Yena; hhayi nje ukuvuma isono.

135 Ngakho-ke abantu abaningi bathatha ukuvuma isono, bathi . . . Ngithi sekufike kulendawo manje. Ingabe ungumKristu na? "NgiyiMethodisti." Awu, lokho kukude ekubeni, ukuzenza waziwe njengomKristu. Awu, bukani ukuthi amaMethodisti enzani. "NgiyiBaptisti." Awu, bukani ukuthi amaBaptisti enzani. "NgingumKatolika." Bheka ukuthi benzani. Niyabo?

136 Kodwa indlela kuphela ongaba ngayo umKristu empeleni ukuthi uKristu aZibonakalise kuwe. Sithole kanjani, udosi lapho! Ngethemba ukuthi wonke umuntu oseteyipini uyakuthola lokho, futhi. Niyabo? Niyabo? Niyabo?

Wena uthi, "NgiyiPentecostal." Lokho akusho lutho.

137 NguKristu okhonjwe kuwe. Kungaleso sikhathi lapho Ekubonile khona.

Uthi, "Ngakhuluma ngezilimi." Odeveli bayenza, nabo.

138 "Ngamemeza." AbakaMohamede, abakaBuda, nayo yonke into iyamemeza. AmaNdiya ayaklabalasa emdansweni wenyoka. Niyabo? Impela. Bonke bayenza. Izinkoleloze, abozalo nakho konke okunye, kuyaklabalasa futhi kumpongoloze. Bayampongoloza futhi bamemeze emdlalweni webheyisibholi.

139 Kodwa lapho uKristu ekhonjwa kuwe, ezikhomba Yena uqobo, khona-ke ufana noKristu. Okungukuthi, igama elithi *umKristu* lisho uku "fana noKristu." Nanso inkomba yakho. Kulungile. Manje, futhi njengoba Eyinkomba yethu, khona-ke sifanele sikhonjwe naYe, ngokuphilela Yena.

140 Qaphelani, uNkulunkulu ube nenhloso ekathathu kulemfihlo enkulu eyimfihlakalo. UNkulunkulu, emfihlakalweni yaKhe enkulu eyimfihlakalo Ayenayo ngaphambi kokuba umhlaba uqale, Unenhloso ekathathu kuyo. Futhi manje esifuna ukuqhubeka phezu kwakho, kulokhu ukusa, ngukuthi, yini leyonhloso ekathathu na? Niyabo? Manje, ngiyakholwa, ngosizo lwe . . . lukaNkulunkulu, Okhona, futhi U—Uzosibonisa khona. Manje, uma Wayenalenhloso ekathathu, sifuna ukuthola ukuthi iyini lenhloso ekathathu.

141 Into yokuqala kwaba, ukuthi, uNkulunkulu wayefuna ukuZembula kubantu.

142 Wayengeke akwenze njengoJehova uNkulunkulu omkhulu Owayemboze wonke umkhathi, isikhathi, nePhakade. Akakwazanga. Mukhulu kakhulu ukuba ake avezwe kubantu, ngoba kuyoba yimfihlakalo kakhulu. Kwakungenzeka kanjani lobo Buntu obukhulu obungazange buqale . . . ukuthi ngemva kokuba usudlulele ngaleya komjikelezo webanga lokukhanya eliyiminyaka engamakhulu ezigidigidikazi nezigidigidigidikazi

nezigidigidigidikazi, futhi kuqhubeke kuphume kungene kokungenasiphelo, kungene ePhakadeni, nesiDalwa esikhulu esasiyikho konke lokho, namanje siseyikho.

143 Kodwa Ayefuna ukukwenza, Wayethanda ububaba, ngokuba WayenguBaba. Futhi indlela kuphela Ayengakuveza ngayo kwakungukuba abe yiNdodana, uMuntu. Yingalesosizathu uJesu wayehlala ethi, "INdodana yomuntu." Niyabo, babengazi ukuthi Wayekhuluma ngani, abaningi babo. Kodwa manje seniyakuthola na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Niyabo? Wayefuna ukuziveza Yena uqobo. Lokho kwakungokwaKhe, enye yezinhloso zaKhe ezinkulu ezikathathu, kwakungukuZiveza, aZibandakanye nezidalwa ezingabantu, ukuZembula kuKristu.

144 Okwesibili, ukuba ngowokuqala eMzimbeni waKhe wamakholwa, lokho ngukuthi, uMlobokazi waKhe, ukuze Aphile kubantu.

145 Manje, Wayengakwenza lokho ku-Adamu no-Eva, kodwa isono sabehlukanisa, ngakho manje kwadingeka kube nendlela ethize yokukubuyisela futhi. O, he! O, lapho mina . . . Lokhu, lokhu kucebile, kimi, ukucabanga ngisho ngakho nje. Niyabo? Niyabona ukuthi yayiyini inhloso kaNkulunkulu na? Manje kungani Engabagcinanga kanjalo u-Adamu no-Eva na? Khona-ke Wayengeke aze akwazi ukuveza ukugcwala kwaKhe, ingxenye yaKhe engahlukaniseki egcwele. Ngoba, Wayengaba nguBaba lapho, lelo yiqiniso, kodwa futhi UnguMsindisi. Wena uthi, "Wazi kanjani ukuthi Wayenguye na?" Unguye, ngoba ngike ngaba nesehlakalo. Niyabo? Niyabo? UnguMsindisi, futhi Wayefanele akuveze lokho. Futhi Wayengakwenza kanjani na? Kuphela ngoKristu. Wayengaba kanjani iNdodana na? Kuphela ngoKristu. Wayengaba kanjani uMphilisi na? Kuphela ngoKristu. Niyabo, zonke izinto zigoqwe kulowoMuntu oyedwa, uJesu Kristu. O, he! Lapho ngi—lapho ngi . . .

146 Uma ngicabanga ngakho, ngi—ngibona nje amahlelo edlula enkundleni, nakho konke okunye kuhamba nje, niyabo, lapho ngibona inhloso kaNkulunkulu enkulu. EZembula, nokuba, kuqala, ukuze aZembule kuKristu, "ukugcwala kobuNkulunkulu ngokomzimba." Futhi, manje-ke, ukuletha lokho "kugcwala kobuNkulunkulu ngokomzimba" kungene kubantu, ukuze Abe ngowokuqala, ukwengamela, ukuhola.

147 Enye, ngobusuku, uma ningayitholanga iteyipu, ngashumayela lapha ngobunye ubusuku, ngokuthi "Isiboshwa sikaJesu Kristu." UPawulu, isiboshwa! Niyabo? Lapho uNkulunkulu ekwenza ube yisiboshwa saKhe, khona-ke ungeke wenze lutho ngaphandle kwalokho uMoya othi kwenze. UPawulu, nakho konke ukuhlakanipha kwakhe okukhulu, wafundisa . . . wafundiswa uGamaliyeli ukuba abe ngumpristi omkhulu noma urabi, ngolunye usuku. Futhi wayenezifiso

eziphakeme. Wayeyindoda enkulu ngokobuhlakani, igunya elikhulu, indoda enkulu esizweni. Kodwa wadingeka anikele ngakho konke nokuncane kwakho, niyabo, ukuba abe yingxenye yeZwi, ukuveza uJesu Kristu. Wayazi ukuthi kwayini ukusho . . .

148 Wayenomcabango wokuwelelela kwenye indawo, abazalwane abathile babembizile, kodwa wenqatshelwa nguMoya ukwenza intando yakhe uqobo. O, uma—uma abantu abangokomoya ingxenye bengakucosha lokho! Niyabo? Wayenqatshelwe ukwenza intando engeyakhe uqobo. Wayengakwenza kuphela . . . “UMoya unginqabele.” Niyabo? Wayeyisiboshwa sikaKristu.

149 Kwase kuthi-ke, lombhuli omncane ngelinye ilanga, ayemazi, uPawulu wayazi ukuthi wayenamandla okuxosha lowodeveli, kodwa wayengakwenza kuphela njengoba uNkulunkulu ethandile. Usuku nosuku wayemlandela, ememeza emva kwakhe, kodwa ngolunye usuku uMoya wamnika imvume. Wase-ke emkhuza, umoya owawukuye. Niyabo? Wayazi ukuthi kwakuyini ukuba yisiboshwa.

150 UMose, ubuhlakani bakhe, wadingeka alahlekelwe yibo ukuze athole uKristu, ukuba abe yisiboshwa. Kwase kuthi-ke lapho uNkulunkulu eseshaye wakhipha lonke izwe kuye, nawo wonke amadoda akhe anamandla ayenguye, futhi ema eBukhoneni baleyoNsika yoMlilo ngalolosuku, wafunywana engenakukhuluma nje. Akazange ngisho, akakwazanga ngisho nokukhuluma, wathi. UNkulunkulu wayenesiboshwa ngalesosikhathi. Niyabo? Ngeke uzame ngemva kokuhlola kwakho. Kwase kuthi-ke uNkulunkulu wadingeka abike lendoda, noma, ayiphe amandla enele ukuthi ingehlela lapho.

151 Futhi wathi, “Nkosi, ngimtshelile uFaro lokho Okushilo, futhi akavumanga ukukwenza.”

152 Wathi, “Khona-ke thatha lokhu, induku yakho,” uNkulunkulu ekhuluma, lelo yiZwi likaNkulunkulu, “phumela lapho futhi uyibhekise ngaseMpumalanga, futhi ubize izimpukane.” Nezimpukane ziyadalwa, ngoba Wayenesiboshwa uFaro ayengenakusikhokhela ngalutho. Akekho omunye owayengakwazi ukumjikisa noma ngayiphi indlela. Wayeyisiboshwa esiphelele emaketangweni eZwi likaNkulunkulu, eboshwe kuphela ku ISHO KANJE INKOSI.

153 O, uma uNkulunkulu engaMtholela iziboshwa esinjalo! Manje, kungaleso sikhathi Angaveza ngaso ukuba ngowokuqala, niyabo. Yena, Unomuntu, noma umuntu, ukuze angazi lutho ngaphandle kukaKristu. Niyakuthola engiqondile na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Kulungile. Okwesibili lokho.

154 Okokuqala, ukuZiveza ngokuphelele, uNkulunkulu kuKristu.

155 Okwesibili, ukuba ngowokuqala, ngalokhu, eBandleni laKhe, elinguMzimba waKhe, uMlobokazi, aze Abe ngowokuqala ukuba Aziveze ngabo. Kulungile.

156 Futhi, okwesithathu, ukubuyisela uMbuso esikhundleni sawo esifanele, owawa ngesono ngo-Adamu wokuqala, emuva lapho Ahamba khona ngokuphola kwakusihlwa, nabantu baKhe, wakhuluma nabo, wahlanganyela nabo.

157 Futhi manje isono nokufa kwakubahlukanisile eBukhoneni baKhe nakho konke ukuziveza kwaKhe. Niyakufunda na? Ngaphambi kokusekelwa kwezwe, ukuveza konke okwezingxenye zaKhe—zaKhe—zaKhe ezingahlukaniseki, lokho Ayeyikho.

158 Ngakho-ke, uma noma yimuphi oweTrinitarian lapha engazikhulula umzuzu, ungabona ukuthi uYise, iNdodana, noMoya oNgcwele akubona oNkulunkulu abathathu. Kuyizingxenye ezintathu ezingahlukaniseki zikaNkulunkulu ofanayo. Niyabo, kuwukuvezwa. UBaba, Wayenguye, wayefuna ukuba nguBaba, WayenguBaba. WayeyiNdodana. Futhi UnguMoya oNgcwele. Futhi uBaba noMoya oNgcwele nguMoya ofanayo. Aniboni na? Niyakuthola na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Hhayi oNkulunkulu abathathu. Udeveli ukutshele lezozinto, ukukwenza okhonza izithombe. Niyabo? NguNkulunkulu oyedwa ovezwe ezingxenyeni ezintathu ezingahlukaniseki. Ukuba nguYise, ukuba nguMsindisi, ukuba yiNdodana, ukuba uMphulukisi, niyabo, ngukuziveza kwaKhe.

159 Ngifuna ukugudla kancanyana nje ukuze ngisho nabantu abalalele iteyipu bazothola umqondo, ukuthi bangabona. Bekungangizungezisa, ngakulelowashi lasodongeni, nje ngasinye salezozifundo. Kodwa ngithemba ukuthi ngikwenza kucace ngokwanele ukuthi ningabona engiza kukho. Niyabo?

160 UNkulunkulu, evezwe kuJesu Kristu, Owayeyikho kokubili uYise, iNdodana, noMoya oNgcwele, "ukugcwala kobuNkulunkulu ngokomzimba."

161 Manje "ukugcwala okupheleleyo kobuNkulunkulu ngokomzimba" kuhlala eBandleni laKhe, ukuba owokuqala. Konke lokho uNkulunkulu ayeyikho, Wakuthululela kuKristu; nakho konke uKristu ayeyikho, kwathululelwa eBandleni, amakholwa.

162 Hhayi ihlelo! Sizofika kulokho emizuzwini embalwa, futhi kuzokukhipha engqondweni yakho kuze kube phakade, niyabo; nginikhombisa ukuthi yini edala lokho, ngosizo lukaNkulunkulu, uma Ezokuvumela kithi nje.

163 Iyini inhloso yaKhe manje na? AZiveze njengeNdodana, niyabo, futhi, manje, ukuze kuYe kungahlala "ukugcwala kobuNkulunkulu ngokomzimba." Mina ngi, nginabaseKolose ababekwe lapha, phambi kwami ngqo. Niyabo? Lokho, kuwo wonke umBhalo, kwakuyileyo inhloso kaNkulunkulu. Khona-

ke, ngalokhu kuPhila kwaleNdodana, isiphambano saYo, "iGazi," kuthi lapha, "esiphambanweni saYo," ukuze Ibuyisane naYo uMzimba, uMlobokazi; okungu-Eva, u-Eva wesibili. Futhi uNkulunkulu wakunikeza ngomfanekiso, njengoba Enza uMose nabo bonke. Into efanayo Ayenza ku-Adamu no-Eva, enikeza umfanekiso, ukuthi babenguKristu noMlobokazi. Ungu-Adamu wesibili; iBandla ngu-Eva wesibili.

164 Futhi inqobo nje uma u-Eva wesibili exegisa ngokumelene neZwi, akenzi yini into efanayo naleyo u-Eva wokuqala ayenza na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ezama ukuthi, "Awu, kwakungokomunye unyaka." Futhi sizofika kulokho emizuzwini embalwa, noma ngabe Washo ukuthi kwakungokomunye unyaka. Kungaba kanjani omunye unyaka, kuyilapho E "nguye izolo, namuhla, naphakade"?

165 Kodwa uNkulunkulu wayekuhlosile lokho futhi "wakufihla emehlweni abanokuqonda nabahlakaniphileyo, futhi wakwembulela izingane ezamiselwa ngaphambili" ezamiselwa ngaphambili ukukwemukela.

166 Yingaleso sizathu, bheka ezansi kuyo yonke iminyaka, noma nini lapho lokho kuKhanya kushaya abanye, babeKujikisa kuhambe, futhi bakuKukhukhule. Nezihlakani ezinkulu nalabo bapristi abakhulu bemi lapho, kwakukhona orabi abavela kubafundisi abakhulu negunya, njengabahlukahlukene, njengoNikhodemu kanye nabo, indoda eyayiphucuziwe ngokokufunda, futhi yayingakwazi ngisho ukuKuqonda.

167 Futhi kwakukhona labobapristi abakhulu abama phandle lapho, norabi ababefundiswe kuleloZwi. He, babeKwazi, ngobuhlakani! Futhi Wathi, "Nina ningabakayihlo, udeveli, futhi niyokwenza imisebenzi yakhe." Kucabangeni, amadoda angcwele, ubungeke ubeke umunwe wakho ndawo empilweni yabo, noma empilweni kayise, noma impilo kayisemkhulu, noma impilo kakhokho kakhokho kakhokho kakhokho kakhokho wabo. Uma benza, bafela ehlazweni, bakhandwa ngamatshe baze bafe. Kodwa nakhu kumi uJesu, ebiza leloqembu, "isigejane sodeveli," abantu benkolo.

168 Manje, o, isambulo esikhulu manje! Manje ukubuyisela ukuzalana kwaKhe, ukubuyisela . . . Manje, Wayefanele abayeke balahleke. Niyakuqonda na? Kwadingeka abavumele bone, ababeke ekukhululekeni . . . Yena—Yena wayengeke abenze bone, futhi ahlale enguNkulunkulu, bese-ke ebajezisa ngento Abenza ukuba bayenze.

169 Kodwa lapho Efaka umuntu ebudlelwaneni naYe, khona-ke wavumela umuntu aziphathe njengokhululekile ukuzikhethela, niyabo, into efanayo Anibeke kuyo namuhla. Niyabo? Niyabo? Nenza noma ngayiphi indlela enifuna ukuyenza; ungozikhethela ngokukhululekile. Ngakho, ngakho-ke, uma Ebeka owokuqala kanjalo, Ufanele abeke owesibili kanjalo, Ufanele abeke wonke

umuntu kanjalo, noma Wenza ngokungalungile kwasekuqaleni. Niyabo? Kodwa wonke umuntu ukuleso sisekelo esifanayo.

170 Manje eqaphela, ekubuyiseleni lokho; futhi evumela lowo muntu enze lokho, futhi azi ukuthi uyokwenza, wazi ukuthi uyokwenza. Kodwa yini okwakwenza na? Kwaveza obala ingxenye yaKhe engahlukaniseki njengoMsindisi. Futhi yonke inhloso khona-ke isisele kuJesu Kristu, ukuba abe... UNkulunkulu uqobo lwaKhe ukuthatha inhlawulo yomthetho waKhe uQobo, ukufa, ukuba afe, ukuhlenga unkosikazi owayelahlekile ngokuMala.

171 Ngenkathi u-Eva esuka eZwini, wasuka kumata wakhe. Futhi lapho ibandla lisuka eZwini, liye ehlelweni, lenqaba futhi lihlobonga nezwe lokuhlakanipha komuntu, lenqaba igunya leZwi likaNkulunkulu. Lokho kuzwakala kucacile na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] IBhayibheli lathi, "Ukuhlobonga ngokomoya." Noma yiliphi iZwi eBhayibhelini, elenqatshiwe, noma uma noma yikuphi ukuzihumushela ngokwakho kubekwa kuLo, kungukwenqaba ngokuphelele nokuphinga kuNkulunkulu onguMyeni wakho. Isiphingi asingeni eMbusweni weZulu, siyakwazi lokho. Niyabo? Manje, niyabo, yilokho u-Eva akwenza ekuqaleni.

172 Manje qaphelani futhi, manje, yini inhloso yaKhe ekathathu na? AZibonakalise kuJesu Kristu; ukungena eMzimbeni, ngoJesu Kristu, ukuba ngowokuqala; uku (ini?) buyisela emuva i-Edene, abuyisele lokho okwalahleka. Yilokho kuphela okwakungekho enqubweni. Zonke ezinye izinto zaKhe zazisenqubweni.

173 Kodwa Wadingeka avumele, abeke umuntu ekuzikhetheleni, ukuba awe, ukuze Abe nguMsindisi, ukuveza obala okukuYe, niyabo, ingxenye yaKhe engahlukaniseki yoMsindisi. Kukhona okwakudingeka kulahleke. Futhi yona impela into, ukuthi umuntu wawa futhi walahleka, Uba nguMsindisi walokho, ethatha umthetho waKhe uQobo. Futhi Wayengenakukwenza njengoJehova omkhulu owayesibekele wonke umkhathi, isikhathi; niyabo, Akakwazanga ukukwenza. Futhi Wayefanele abe nguMuntu. Futhi Wathatha ukuzalana nomuntu owayelahlekile, amen, futhi waba uMuntu: uNkulunkulu, enziwe inyama!

174 Haleluya! Nicabanga ukuthi ngiyaxhuxhuma; kodwa anginjalo. Kukhona okuthile ngaphakathi!

175 UNkulunkulu waba, evela kuNkulunkulu, ukuba abe yimi, ukuthwala isono sami phezu kwaKhe, ukuze Angenze Yena, amen, emuva enhlosweni yaKhe enkulu yamadodana namadodakazi kaNkulunkulu, ngokuba UnguBaba waPhakade. Leyongxenye engahlukaniseki yayikuYe, niyabo, ukuze lokho kuvezwe obala.

176 Manje niyayibona yonke inhloso ekathathu na? Niyabo, ukuze aZiveze, Ufuna ukuba...Manje, i—izwe lilahlekile,

manje Ufanele aZiveze kuMuntu, ukuba abe nguMsindisi, ngokubuyisana kweGazi esiphambanweni saKhe. Manje, Wayefanele abe yilokho, ukuba afe, ukuze azisindise futhi aZibuyisele eBandleni, ukuba ngowokuqala eBandleni laKhe.

177 Manje khumbulani, ngeke, futhi angeke, futhi akusoze kwabanjalo, futhi akukaze kubenjalo, ihlelo! Ufanele abe ngoqokuqala, futhi UyiZwi. Amen! Singajovelwa kanjani noma yisiphi isivumokholo phakathi Lapho na? Yi. . . kuguqula ibandla libe yisifebe, ukuthatha noma yimaphi amazwi omuntu anoma yisiphi isivumokholo nanoma yiliphi ihlelo. Kumakwa ngokushesha, eSambulweni 17, njengesifebe nezifebekazi; iBandla lamaRoma eliKatolika liyisifebekazi, namaProtestane eyizifebe. Kucace bha ngendlela njenganoma yimuphi umuntu abengakufunda. Sedlule emiNyakeni yeBandla, futhi ungakubona lokho kulawo—lawomateyipu uma ukufisa. Ncamashi. Manje-ke, noma yini ezihlanganisa nesivumokholo ngaphandle kweBhayibheli, iyisifebe emehlweni kaNkulunkulu. Futhi wenza into efanayo eyenziwa ngu-Eva; wasuka eZwini, elinguKristu. O, he! Kulungile.

178 Manje siyabona imfihlakalo yaKhe Ayeyifihlile engqondweni yaKhe ngaphambi kokusekelwa kwezwe. Manje ningathanda nje ukufunda okuncane kwalokhu na? Ake sikufunde nje. Ingabe ninenqwaba yesikhathi na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Sizo—sizokufunda. Manje asiphenye sonke, ngokufunda okukodwa nje, noma kanjani, eNcwadini yabase-Efesu, futhi asiqale e—esahlukweni 1 sabase-Efesu, ukuba sifunde. Futhi manje njengoba isifundo sikaSonto sikole siqhubeka manje, kulokhu kubonakaliswa okukathathu kukaKristu, asifunde.

> *UPawulu, umphostoli kaJesu Kristu ngentando kaNkulunkulu, . . .*

179 Manje bhekisisani, akubhekiselwanga ezweni, kodwa:

> *. . . kubo abangcwele abase-Efesu, nakubo abakholwa nguKristu Jesu:*

180 Ungena kanjani kuKristu Jesu na? Ngokujoyina ibandla na? [Ibandla lithi, "Qhabo."—Umhl.] NgokuZalwa! "NgaMoya munye," KwabaseKorinte bokuqala 12, "sonke sibhaphathizelwa eMzimbeni munye." Niyabo?

181 Kulungile, yibo labo akhuluma nabo. Lokho akubhekisiwe ezweni elingaphandle. Ngeke sikhulume nesoni ngalokhu, ngoba asazi lutho ngakho. UPawulu akazange akubhekisele ezonini. Wathi, "Lokhu kukulelo—lelo—leloQembu lapho elikuKristu Jesu."

> *Makube* ki*ni umusa, nokuthula, okuvela kuNkululnkulu uBaba wethu, naseNkosini uJesu Kristu.*

> *Makabongwe uNkulunkulu noYise weNkosi yethu uJesu Kristu, osibusisile* (kuphi na?) *ezulwini kuKristu ngaso sonke isibusiso sokomoya:*

182 "Izindawo zaseZulwini." O, ngifisa kanjani ukuba benginesikhathi! Lapha nginakho kumakwe khona lapha eBhayibhelini lami, mayelana nezindawo zaseZulwini, yini izindawo zaseZulwini. *Izindawo zaseZulwini,* okomzuzwana nje, yi "sikhundla sekholwa kuKristu," niyabo, "lapho okholwayo emi kuKristu," ezindaweni zaseZulwini.

> *Njengalokhu asikhetha . . .* (lalelisisani) *. . . asikhetha kuye ungakasekelwa umhlaba, . . .*

183 Wasikhetha nini na? "Ngaphambi kokusekelwa komhlaba," lapho imfihlakalo yaKhe enkulu efihliwe, imfihlo yaKhe enkulu.

> . . . Wa*si*khethela *ku*Kristu *ungakasekelwa umhlaba, ukuze sibe ngcwele futhi singabi nasici phambi kwakhe o* (ini?) *thandweni:*
>
> *Waku* (ini?) *misa phambilini ukuba sibe ngabantwana kuye ngoJesu Kristu, njengalokhu kwaba kuhle kuye ngentando yakhe,*

184 "Kumiselwe ngaphambili!" Nanso imfihlakalo. Yena, ngaphambi kokuba uKristu noma yini enye yake yaba khona emhlabeni, niyayibona imfihlakalo yaKhe enkulu, ukuthi Wakhetha uMlobokazi. Azi ukuthi u-Eva wayezowa, ekungakholweni iZwi, azi ukuthi wayezowa; kodwa Uyokhetha uMlobokazi ongeke awe, oyobambelela kuleloZwi kungakhathaleki ukuthi izwe lonke laliyothini ngaLo. Babeyobambelela kuleloZwi! Bamiselwe ngaphambili ukuma lapho, "ukwenziwa kwabantwana ngoJesu Kristu," wamisela ngaphambili iBandla kulokho okukhulu, ukuma okukhazimulayo!

185 Manje niyayibona imfihlo yaKhe na? Ukwenzani na? Ukubuyisela u-Eva owawa, njengoba ayeyisanduleli seBandla. Futhi manje qaphelani, njengoba uNkulunkulu evule uhlangothi luka-Adamu futhi wakhipha u-Eva, ngenyama yakhe uqobo negazi; wayesehlukanisa umoya wakhe emoyeni wowesilisa nomoya wesifazane, uya emoyeni wowesifazane, wase ewufaka ku-Eva. Wakhipha ubambo ngaphansi kohlangothi lwakhe, wase enza u-Eva ngalo; ngakho-ke uNkulunkulu wenza into efanayo, ekhipha ohlangothini lukaKristu, iGazi namanzi. NoKristu uyiZwi, futhi ethatha iZwi futhi akha iBandla laKhe, u-Eva; niyabo, ebuyela kuYe futhi, ehlengwe ngeGazi elaphuma eMzimbeni waKhe. Niyakubona manje na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

186 Imfihlakalo enkulu kaNkulunkulu iyembulwa manje, obekufihliwe kusukela ekusekelweni komhlaba, kodwa wakufanekisa konke kwehle njalo. Manje bhekisisani,

sithola lokho, ukuthi Yena—ukuthi Yena wenza lokho. Futhi lapha kwabase-Efesu, nakwezinye izindawo eziningi, kodwa lokho kuzokunika okwanele ukuba . . . Manje, phakathi kudabule eminyakeni, Ubelokhu eyembula kancane kancane le mfihlakalo. Niyabona manje na? Manje, ezansi kudabule e . . .

187 Wakwenza kanjani . . .? Kwenzekani esanduleleni manje na? Wavula uhlangothi luka-Adamu futhi wathatha ingxenye yenyama yakhe, okwakungu-Adamu, ukwenza u-Eva. UMlobokazi ufanele abe yiZwi, ngokuba UyiZwi. Angeke ame phezu kwezivumokholo. Angeke ame phezu kwehlelo. Angeke ame ekuziphatheni okuhle. Ufanele ame yedwa eZwini, ngoba Uyingxenye yaLo. Wathathwa kuKristu. Niyabo?

188 Futhi ukuba nesiqiniseko, ukuthi, lonke uHlwitho manje: uLuther wayeyingxenye, uWesley wayeyingxenye, abaprofethi waweyingxenye. Uma be—bengeyona ingxenye . . . Esambulweni nje ababesenza, umzimba, izinyawo, izinzwane, izingalo, nokunye nokunye, kuze kube yiNhloko (esifinyelela kulokho emizuzwini embalwa), niyabo, lokho kwenza lonke uHlwitho. NguMzimba weZwi, onguKristu. Amen!

189 Ngaphandle kwaLokho, ulahlekile. Angikhathali ukuthi ulunge kangakanani, noma ukuthi ubudlelwano bakho buyini, noma ukuthi inhlanganyelo yakho iyini, noma ukuthi inhlangano yakho iyini, ulahlekile, ngaphandle kwaleloZwi elikuwe.

190 "Uma nihlala kiMi, iZwi, iZwi laMi lihlala kini, khona-ke celani enikuthandayo," ngoba wena neZwi niyafana. Uba ngowokuqala. Unokubusa. Wena u—uyisiboshwa kuYe. Izwe lifile. Awusenalutho olunye . . . Uyababona abanye abantu bephila ngendlela abaphila ngayo, kodwa nokho awukwenzi. Uyisiboshwa. Uboshelwe ejokeni naYe. "Ijoka lami lilula." Uboshelwe ejokeni noKristu, neZwi laKhe. "Ngenza lokho kuphela engikwenzayo . . . okuthokozisa uBaba. Futhi uma ungeke ukholwe ukuthi NginguYe, khona-ke kholwa iZwi." Kuphelele kakhulu! Qaphela.

191 Qaphelani manje, kudabule eminyakeni, Ubelokhu ekhipha lokhu kancane kancane, embula kancane kancane imfihlakalo, ngababaprofethi nangemifanekiso. Manje singavele siqhubekele kulokho, futhi, eZiveza.

192 WaZiveza kuMose. Bhekani uMose. Wazalwa ngesikhathi sokuhlushwa kwabantwana. Wazalelwa ukuba abe umkhululi. Wafihlwa ebungeni, njengoba nje uJesu ehliselwa eGibhithe. Waphuma. Wakhuphukela entabeni, wabuya nemiyalo.

193 UJesu wenyukela entabeni, intshumayelo yaKhe yokuqala, iNtshumayelo yaseNtabeni, wehla nemithetho. "Nabezwa bethi, abasendulo, 'Ungaphingi.' Ngithi kini, yilowo nalowo obuka owesifazane, amkhanuke, usephingile." UMnikezeli-mthetho, umPristi, iNkosi, uMholi, ncamashi nje!

194 WaZibonakalisa kuJosefa, wazalelwa phakathi kwehlelo, abafowabo. Babemzonda, ngaphandle kwesizathu, ngoba wayengowomoya. Wabona imibono. UNkulunkulu wayenaye. Wayekwazi ukuchaza amaphupho. Nabafowabo bamzonda. Wathengiswa nge-al-. . . ngabafowabo, cishe ngezinhlamvu zesiliva ezingamashumi amathathu. Ncamashi nje njengoba Athengiswa nguJuda Iskariyothe, omunye wabazalwane baKhe, ngezinhlamvu zesiliva ezingamashumi amathathu. Waphonswa emgodini futhi kuthiwa ufile. Kunjalo. Ubaba kanye nabo watshelwa ukuthi wayefile. Ukuthi uphonswe kulesi sisele; wakhushulwa, wayeseya ngakwesokunene sikaFaro.

195 Emgodini, indlela ahlupheka ngayo lapho! Futhi—futhi kwakukhona ababili abasindiswa . . . Umphathizitsha nombhaki, omunye wabo walahleka nomunye wasindiswa, njalo. Futhi u—umphathizitsha . . . Omunye wabo walahleka omunye wasindiswa. Njengasesiphambanweni, ngenkathi Esendlini yaKhe yetilongo, ebethelwe ngezipikili esiphambanweni ngenxa yezono zethu, waba yiSiboshwa, isela elilodwa lalahleka, elinye lasindiswa. Niyabo, impela nje.

196 Khona-ke uba ngakwesokunene sikaFaro, inkosi ayiphuphayo, owayenombono ayezowubeka ezinyaweni zenkosi, futhi wonke amagunya eGibhithe anikwa yena. Umbono wakhe wawufanele ufezeke. Angahle ukuba wafundisisa ngakho, izikhathi eziningi, ngenkathi eku—kulelo tilongo ezansi lapho. Amadevu akhe ekhula, kanjalonjalo, kodwa wakufundisisa. Ngolunye usuku umbono wakhe wawufanele ufezeke.

197 Nakuba kulibala, kufanele kwenzeke! Njengoba ngikhulumile izolo ebusuku, noma ebusuku bakuthangi, ngoLwesithathu ebusuku lapha enkonzweni. Niyabo, kufanele kwenzeke. Lapho uNkulunkulu esho njalo, kufanele kwenzeke. Ngumprofethi oqinisekisiwe, futhi kufanele kufezeke, ngoba yiZwi likaNkulunkulu.

198 NeZwi liza kumprofethi kuphela. Igama elithi *umprofethi* lisho "umembuli weZwi likaNkulunkulu elilotshiwe," okufanayo njengoba kwenza "umbhuli," niyabo, kumbe "umboni." Qaphelani. Nomboni, kanjani, lowo enimaziyo ukuthi usho kungakenzeki, uqinisekiswa ngokukaNkulunkulu ngokubona kusengaphambili, futhi kuyafezeka. "Uma ekhona ongumprofethi, ozokhuluma nawe futhi akutshele izinto ezithile ezizokwenzeka. Futhi uma kungenzeki, ningamlaleli. Kodwa uma kwenzeka, khona-ke Nginaye. Kungcono nimesabe, ngoba Nginaye, niyabo." Kunjalo impela. Nakho ukuqinisekiswa, lapho lapho owazi khona noma kuyiQiniso noma akusilo.

199 UNkulunkulu uphendula ngeZwi laKhe, kubantu baKhe, ngabantu. Niyabo, uNkulunkulu ukhuluma kuphela ngomuntu. "NginguMvini, nina ningamagatsha." UMvini awutheli izithelo.

Amagatsha ayakhuluma, athela isithelo soMvini. Qaphelani, bekuhlale kungaleyondlela.

200 Manje sithola uJosefa, manje-ke, ukuthi ngenkathi kungekho-muntu owayengathinta noma eze kuFaro ngaphandle kokubona uJosefa kuqala. "Akekho ongeza kuBaba, kuphela ngeNdodana." Futhi kwathi uJosefa esesukile esihlalweni sobukhosi, bakhalisa amacilongo, "Wonke amadolo akhothama! UJosefa uyaphuma!"

201 Udumo! Futhi ngolunye usuku amadolo onke ayokhothama, futhi zonke izilimi ziyovuma, lapho Esuka esiHlalweni sobukhosi sikaBaba waKhe, niyabo, ukuba aphume. Wonke umuntu uzofakaza ukuthi UyiNdodana kaNkulunkulu. Nawe futhi . . . Sesihambile isikhathi khona-ke. Kwenze manje.

202 Manje siyaqaphela ukuthi ngezifanekiso, singathatha ngisho noDavide, njengoba ngikhulume ngaye esikhashaneni esedlule, ephuma esihlalweni sakhe sobukhosi, elahlwa ngabantu bakhe uqobo; ekhuphuka intaba efanayo, iNtaba yeMinqumo, njengoba eya etilongweni lakhe. Wayeya endlini yakhe yetilongo ngoba enqatshwe abafowabo kanye nabantu bakhe uqobo. Wakhuphuka, ekhala izinyembezi. Lowo kwakunguMoya kaKristu ukuye, ukuba enqatshwe, lapho ebheka phezulu ngale eJerusalema futhi wakhala izinyembezi, wayesethi, "Jerusalema, ngiyokwenza kangaki . . ." Inkosi enqatshiwe. Eminyakeni engamakhulu ayisishiyagalombili kamuva, iNdodana kaDavide yema eJerusalema, phezulu lapho ngaphezu kweJerusalema, futhi yenqatshiwe, futhi yakhala izinyembezi phezu kweJerusalema, futhi yathi, "Manje ihora lakho selifikile." Kunjalo. Niyabo?

203 Zonke lezozinto zaMfanekisa, ekufanekiseni nje, kodwa nokho imfihlakalo yayifihliwe. Lawo madoda ayengazi ukuthi ayenzani. Babazi kuphela ukuthi babeholwa nguMoya ukwenza okuthile. Manje, ekukubambani ngezinsuku zokugcina, ngesambulo esikhulu. Kodwa, ekuveza, Aziveze kuMose, nakuDavide, nakuJosefa, naku-Elija, futhi kwehle njalo. Wena . . . sasingathatha ngamunye walabobaprofethi, futhi sikhiphe izimpilo zabo futhi sikukhombise kuveze uJesu Kristu ngokuphelele, ncamashi. Nokho, engalokothi anikeze imfihlo yaKhe ngokugcwele; elilindele ukuyazisa ngezinsuku zokugcina njengoba Athembisa, elindele ukuba kuqondwe ngokugcwele, niyabo, ngaphambi kokuba Akuveze. Uma Ayesho yonke into . . .

204 Ngoba, iBhayibheli lilotshwe ezimfihlakalweni. UJesu wambonga uBaba ngakho, niyabo, ukuthi Lalotshwa ezimfihlakalweni.

205 Manje, ukuFika kweNkosi kusemfihlakalweni. Asazi ukuthi Uza nini, ukuthi Uza kanjani, kodwa siyazi ukuthi Uyeza. Niyabo? Futhi zazinjalo zonke izimfihlakalo zikaNkulunkulu

zilindele lolusuku lokugcina. Emva kokuba sekuphelile kakade, khona-ke Uyembula futhi akhombise Akwenzile. O, he! Akazange anikeze imfihlakalo yaKhe ngokugcwele.

206 Kunjengalokhu nje, ukuqhathanisa iziMpawu eziyisiKhombisa. Manje, ngenkathi uNkulunkulu esebenzisa uMartin Luther ngokuphumela lelobandla lokuqala noma lowonyaka webandla, futhi ngenkathi Esebenzisa uJohn Wesley, futhi kancane kancane Wazikhipha, futhi wayembula kulowonyaka webandla. Lapho thina . . . lapho kubuyela emuva eBhayibhelini manje futhi kuthole. Kodwa ngezinsuku zokugcina, isizathu ukuthi kwakuyinto enkulu kanjalo, ukuthi Wakhuluma ngakho lapha futhi wakhombisa leyoMidumo eyisiKhombisa. Futhi i*Look* ne*Life* ma- . . .

207 Iphephabhuku i*Life* khona-ke laqukatha leyoNdingilizi yeFu nokuKhanya lapho ukuthi abakwazanga ukukuqonda, futhi abakakwazi namanje. Kodwa lapha exoxa, "Yiya lapho futhi ulinde lezi zimfihlakalo ukuthi zembulwe," futhi lapha izinyanga ngaphambi kokuba kwenzeke, kwase-ke kwenzeka ncamashi ngendlela Athi kuyokwenzeka ngayo. Niqaphelile kuleso sithombe na? Ngisho naleyoNgelosi engakwesokudla, ngenkathi yenziwa inyama, yehla, namaphiko ayo engemuva nekhanda layo libheke emaceleni, nakhu khona *lapho* esithombeni, ncamashi nje. Ezinyangeni ngaphambi kokuba kwenzeke, kwashiwo lapha, ukuthi, "Uzohlanganisa uMzimba wamakholwa; ukwembula, ukuthatha lezo ziphetho ezilahlekile."

208 Nakhu kufika uLuther, washumayela kuphela ukulungisiswa, wavele wagqogqa kulowonyaka. Wayengazi ukuthi iminyaka yayiyini. Nakhu kufika uWesley, futhi wagqogqa unyaka wakhe. Niyabo? Okuningi okuphumayo kuvela kukho, amanye amabandla evuka. Khona-ke nakhu kufika iPentekoste, igqogqa, futhi bahlela futhi babuyela ngqo ekufeni futhi; njengoba sizofika kukho emizuzwini embalwa, babuyele ngqo bangene e "kufeni."

209 Bese-ke kufika isambulo semfihlakalo, ukwembula lokho konke obekumayelana nakho. Lapho, lezizimfundiso ezincane, njengoLuther wakhipha ikhathekizimu nakho konke okunye; noWesley waletha *lokhu*, *lokho*, no*kunye*, nalezi ezinye izinto; kwase kuthi-ke iPentekoste yaletha inhlangano ngokufanayo nje, futhi umbhaphathizo ka "Yise, iNdodana, uMoya oNgcwele," nezinto; engazi lutho okwehlukile, ngoba . . . Bese-ke ebuya ngezinsuku zokugcina futhi acoshe zonke lezi zimfihlakalo futhi azichaze ngokucacile, azembule. Ngani na? Yizo zonke izinsuku zokugcina lapho lemfihlakalo enkulu uNkulunkulu ayenayo enhliziyweni yaKhe yembulwa.

210 Noyakuthola na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Uma wehluleka, buyela kuleteyipu futhi. Angazi ukuthi ngizoba nani

isikhathi eside kangakanani. Khumbulani, leli yiQiniso, lika ISHO KANJE INKOSI. YiQiniso. NgumBhalo.

211 Njengezimfihlakalo eziyisikhombisa zeziMpawu eziyisikhombisa zokugcina, izimfihlakalo zazo. IziMpawu zase zephuliwe, futhi yonke iminyaka wase wehlile, futhi lapho babeshiye ukuhlakazeka okuningi. Futhi uNkulunkulu, engathandi ukuba Lihlakazwe, Uyabuya futhi ucosha lezozinto, lezozimfundiso abaziqalayo, futhi wayikhipha futhi wembula yonke into. Into efanayo Ayenzayo manje ekwembuleni imfihlakalo kaKristu, ukuthi Wayeyinhloso kaNkulunkulu ekathathu yeBandla kanjani! O, he! EMdedela aphume. Embule!

212 *Ukwembula*, uWebster uthi, u "Kwazisa. Yazisa, futhi, ikakhulukazi," uWebster uthi, "ngeQiniso lobuNkulunkulu," leso *sambulo* sisho lokho. Isambulo, yindlela kaKristu yokuZazisa eBandleni laKhe.

213 Manje sizothi, "Manje, Mfowethu Branham, uyakusho nje lokhu." Manje, ngeke sisho, vele *usho* lokhu.

214 Manje qaphelani, Wazazisa Yena uqobo kuPetru. Manje uma nifuna ukumaka lokhu phansi, nathi . . . Uma ufuna ukukufunda, sizo—sizokufunda, uma nifuna, kuMathewu oNgcwele 16:15 ne 17. Ngizokucaphuna. Lapho bevela eNtabeni yokuGuqulwa isimo, Uthi, "Umuntu uthi Ngingubani mina iNdodana yomuntu na?"

215 "Abanye bathi, o, bacabanga ukuthi Ungu 'Eliya,' futhi abanye bathi U 'ngomunye wabaprofethi,' 'uJeremiya,' noma abanye babo." Kodwa lokho kwakungesikho Akubuza.

216 Wathi, "Nicabanga ukuthi Ngingubani manje na?" Manje nanto iBandla Akhuluma kulo. Niyabo?

"Umuntu ucabanga ukuthi Ngingubani na?"

217 Namuhla, "Uyisazi sengqondo; lenkolo yezenhlalakahle. Wayeyindoda elungile. Sikholelwa ukuthi imfundiso yakhe ilungile. Kuyindaba okufanele kuphilwe ngayo. Ngicabanga ukuthi kuzosenza sonke sibe ngcono, uma senzile. Besifanele sibe namabandla ethu, okunye nokunye kwethu—kwethu." Lowo nguSanta Claus, njengendaba kaSanta Claus.

218 Akukhona ukuzwalakalisa kwebandla elithile ukuthi sifanele siveze okuthile. Kuyimpilo ongaziphileli wena ngokwakho, kodwa Uza kuwe futhi aziphilele Yena uqobo, futhi wena uba yisiboshwa; kunoma yisiphi isidalwa esingumuntu esiyisihlakani nhlobo. Uholwa nguMoya. Futhi wazi kanjani na?

219 Manje, wena uthi, "Ngingahle ngazi ukuthi ngangilahlekelwa umqondo wami. Mhlawumbe indoda elahlekelwa umqondo wayo yenza lokho."

220 Kepha uma unomqondo kaKristu, uKristu uZibonakalisa ngawe, kukhombisa ukuthi nguYe futhi hhayi...awuzange ulahlekelwe umqondo wakho.

221 Abanye abantu, ngaphansi kwamalumbo ezinto, bayaphuma futhi bahlanye. Awu, lokho, siyazi ukuthi lokho akulungile. Lowo ngudeveli ezama ukulingisa into yangempela ngaphambi kokuba ifike lapha, niyabo, njalo kuyikho mbumbulu. Niyabo?

222 Kodwa indoda yangempela ngukulahlekelwa imicabango yayo uqobo nokucabanga kwayo uqobo! Hhayi ukukhuphuka ngokuphuphuthekile kanjalo. Qhabo, mnumzane. Uqhamuka nemizwa yakho efanele, futhi uKristu uyakuthatha futhi Aziveze. Futhi manje, ezweni, ungumuntu ohlanyayo.

223 Manje, uma uhlanya, empeleni uyahlanya, khona-ke akukho lutho...udeveli akakwazi ukukulawula ngokuphelele. Uzokwenza konke okuphambene naleliZwi.

224 Kodwa lapho uKristu ekungamela, Uyozwakalisa leloZwi ngawe ngqo, ngoba nguYe. UyiZwi! Niyabo? Futhi-ke ungabona ukuvezwa kukaKristu. Hhayi ilumbo lohlobo oluthile, kodwa uKristu woqobo ngempela Eziveza ngawe ngqo. Yeka ukuthi kuhle kanjani!

225 Manje qaphelani. Wathi, "Nithi Ngingubani na?" Ubuza iBandla, ishumi nambili laKhe. Ezigidini zalolosuku, Wabuza abayishumi nambili, iBandla laKhe.

Ezigidini ngezinsuku zikaNowa, Wabuza abayisishiyagalombili. E-hhe. Niyabo?

226 Futhi Wathi, "Njengoba kwakunjalo emihleni kaNowa, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu, niyabo, lapho kwasindiswa khona imiphefumulo eyisishiyagalombili."

227 Angisho ukuthi kuzosindiswa abayisishiyagalombili manje. Manje ningakutholi lokho ngokungesikho. Angikaze ngikusho lokho. Angazi ukuthi bangaki ozosindiswa, abazosindiswa kulokho, ukuthi lokho yi...lowo mzuzu wokugcina e—ekuHlwitheni leloqembu elincane. Kuzoba yiqembu elincane, ngizonitshela lokho. "Ngokuba isango lincane, nendlela iyincingo, kodwa bambalwa abayoyifumana."

228 Kodwa lapho uMzimba omkhulu ohlengiwe kuyo yonke iminyaka ukhuphuka, khona-ke lokho kuzoba yisihlalo sobukhosi esikhulu lapho! ISambulo 7 siyakuveza, "Isibalo esikhulu, okungekho muntu owayengakwazi ukusibala," kuyo yonke iminyaka liye lenyuka, labo abahamba ekuKhanyeni kweBhayibheli njengoba Lembulwa kubo. Futhi manje siyazi ukuthi uWesley wayenokuKhanya okuningi kunolokho uLuther ayenakho. Siyazi ukuthi iPentekoste yagqama ukwedlula uWesley. Niyabo? Impela, kuyakwenza.

229 Ngoba, kancane kancane kuyaxega, njengoba kwenza ezansi ngabaprofethi, nokunye nokunye, kuze kuthi kwaziswa ngokuphelele, "ubuNkulunkulu ngokomzimba kuKristu."

230 Futhi manje uKristu eBandleni uyaziswa nje. Yonke into isambulo sikaNkulunkulu, ukuthatha u-Eva abuyele esikhundleni sakhe esifanele futhi noMyeni wakhe. Qaphelani, noNkulunkulu unguMyeni weBandla, neBandla linguMlobokazi waKhe.

231 Manje, uPetru, lapho ebiza, wathi, "Wena unguKristu, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo."

232 Manje qaphelani. "Ubusisiwe wena, Simon *Ka-Jona*," uthi, okusho ukuthi, "indodana kaJona." Niyabo? "Ubusisiwe wena, ngokuba inyama negazi akuzange kwembule Lokhu kuwe. Awuzange uKufunde esikoleni esithile. Kodwa uBaba waMi oseZulwini uKwambulile kuwe." Qaphela lokho Akusho kuye, "Phezu kwaleli dwala . . . " Lowo nguPetru, iNzalo kaNkulunkulu eyamiselwa ngaphambili eyayamukele lokhu kuKhanya, futhi yanikezwa izihluthulelo zoMbuso. "Phezu kwalelidwala lesambulo sokuthi Ungubani uJesu Kristu," UnguNkulunkulu ogcwele, obonakalisiwe. "Phezu kwalelidwala . . . " Hhayi uYise, iNdodana, noMoya oNgcwele; futhi Yena enguMuntu wesibili. "Phezu kwalelidwala Ngiyakulakha iBandla laMi, namasango esihogo awasoze aLinyakazisa alishonisa phansi, awasoze aLinqoba." Niyabo? "Ngizolakha iBandla laMi phezu kwalelidwala," isambulo sikaJesu Kristu.

233 Bukani, uKristu kuwe uMenza isizinda sokuPhila sesambulo. Niyabo? IMpilo kaKristu kuwe iMenza isizinda sesambulo. UKristu, eBhayibhelini, wenza iBhayibheli libe isambulo esiphelele sikaKristu. UKristu kuwe ukwenza isambulo esiphelele sayo yonke into, niyabo, lokho uNkulunkulu azama ukukwenza.

234 Kuyini ukuZalwa okusha khona-ke na? Ubungathi, "Awu, Mfowethu Branham, kuyini ukuZalwa okusha na?" Kuyisambulo sikaJesu Kristu siqu kuwe. Amen! Niyabo? Hhayi ukuthi ujoyine ibandla, uye waxhawula, wenze okuthile okwehlukile, uye washo isivumokholo, wathembisa ukuphila nge—ngenhlanganisela yemithetho. Kodwa uKristu, iBhayibheli, UyiZwi elembulwa kuwe. Futhi akunandaba ukuthi noma ubani uthini, okwenzekayo, nguKristu; umelusi, umpristi, noma kungaba yini. NguKristu kuwe, leso yisambulo iBandla elakhelwa phezu kwaso.

235 Wena uthi, "Awu, ngiyiLuthela. NgiyiBaptisti. NgiyiPresbyterian." Lokho akusho nokukodwa, akusho [UMfowethu Branham ushaya umunwe wakhe—Umhl.] *lokho* kuNkulunkulu, hhayi lutho, hhayi nokuqhumisa umunwe wakho.

236 Kuyini na? NguKristu embuliwe, futhi UyiZwi. Futhi uma iZwi lembuliwe, Liziveza Lona uqobo. Niyabo? Leyo yinhoso kaNkulunkulu ngoJesu Kristu, kwakungukuziveza Yena uqobo, ukuthatha imithetho yaKhe uQobo futhi aphile ngemithetho yaKhe, con-. . . futhi agcwalise umthetho waKhe, ngokufa. Futhi uKristu, uNkulunkulu, wafa enyameni, ukuze alahle isono enyameni, ukuze Alethe kuYe uqobo uMlobokazi okhazimulayo, ohlengiwe, oyokholwa kuphela eZwini likaNkulunkulu; futhi engaLishintshanisi, njengoba kwenza u-Eva, ngemibono yobuhlakani bomuntu. Niyakubona na? Lowo umqondo kaKristu. Lowo ngumqondo kaNkulunkulu. UkuZalwa okusha kwembula lokhu.

237 Futhi uma umuntu ethi uzelwe ngokusha, futhi azame ukubeka lezi zithembiso zikaKristu, kulolu izinsuku zokugcina, komunye unyaka, eMenza uKristu izolo kodwa hhayi namuhla, khona-ke leyo ndoda noma lowo muntu kade e—ekhohliswe uSathane. Futhi uma leyondoda ithi iyakukholwa Lokho, futhi kungazibonakalisi ngayo na?

238 UJesu wathi, kuMarku 16, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo; ezweni lonke, nakuyo yonke iminyaka." Bekhipha amademoni, futhi bekhuluma ngezilimi, na—nazo zonke lezizibonakaliso ezinkulu zeziphiwo eziyolandela, ukuthi, "ziyakubakhona!" Hhayi, "zi*ngahle*; be*zifanele*." "Zizokwenzeka!" Futhi kuzodlula amazulu nomhlaba, kodwa iZwi laKhe alisoze.

239 Ngakho-ke nguKristu eZiveza kumuntu ngamunye, noma ngabe unobuhlakani noma ngabe a—akabazi o-ABC bakhe. Ingxenye yabaphostoli yayingawazi, kunjalo, kodwa babemazi uKristu. Abazange bamnake uPetru noJohane, bazi ukuthi babephume esikoleni esithile senkolo. Bathi, "Banaka futhi baqaphela ukuthi babekade benoKristu," ngenkathi bephulukisa indoda elunyonga, niyabo, esangweni. Babazi ukuthi ba—babekade benoKristu.

240 UkuZalwa okusha nguKristu, yisambulo. UNkulunkulu ukwambulele lemfihlakalo enkulu, futhi lokho ngukuZalwa okusha. Manje uzokwenzenjani lapho usuhlanganise lonke lelo qembu na? lapho isambulo sivumelana ngokuphelele, noNkulunkulu ekuveza ngeZwi laKhe ngezenzo ezifanayo, izinto ezifanayo Azenza, ebonakalisa iZwi. O, ukube iBandla belazi isikhundla salo kuphela! Kuzokwenzeka, ngolunye usuku. Bese-ke, uHlwitho luzoba khona lapho selazi ukuthi kuyini. Manje qaphelani.

241 Wena uthi, "Mfowethu Branham, kodwa lokho—lokho akunjalo. . . " O, yebo, kunjalo, futhi. YiQiniso.

242 Nikuqaphelile na? UPawulu akazange amazi uJesu, ngokwenyama. UPawulu akazange aMazi. Indlela kuphela uPawulu aMazi ngayo kwakungesambulo, ngombono. Ngabe

kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] UPawulu wayazi uJesu kuphela ngesambulo, njengoba kwenza uPetru.

243 UPetru wayeMbonile enyameni, kodwa wayengaMazi ngenyama, ngoba uJesu washo njalo. “Inyama negazi akukwembulanga kuwe. Ngisho nempilo yaMi uQobo ayizange ikwembule kuwe. Kodwa uBaba waMi oseZulwini uyambulile into kuwe,” ukuthi UyiZwi likaNkulunkulu, “futhi phezu kwalelidwala ngiyakulakha iBandla laMi.” UPetru wayengaMazi ngokwenyama. Umuntu wahamba, futhi waMphatha, nakho konke okunye.

244 UPawulu wayenokuthile okukhulu kunanoma yimuphi umphostoli aba nakho. Niyabo?

245 Bathi, “Awu, ngi—nginesambulo esiningi kunawe, Pawulu, ngoba, niyazi, ngahamba naYe. Ngahamba ngayodoba naYe, ngolunye usuku. NgaMuzwa ekhuluma. Wahlala nami esikebheni, futhi empeleni wangitshela, ‘Ake siye ngalapha futhi sidobe kulendawo, futhi sizothola izinhlanzi eziningi.’ Futhi sakwenza.” Niyabo? Niyabo? “SiMbonile enza izinto.”

246 Kepha uPawulu waMbona emva akokuba esefile, wambelwa, wavuka futhi, futhi wazibonakalisa Yena uqobo eNsikeni yoMlilo eyahola abantwana bakwa-Israyeli. Azi . . . UPawulu, engumJuda, wayengeke akubize lokho “Nkosi” ngaphandle kokuthi ebonile ukuvezwa, Wayebuyile, onguye izolo naphakade. Wathi, “Pawulu,” ngamanye amazwi, “NginguNkulunkulu ofanayo namuhla Ebenginguye izolo. Nakhu la Ngikhona, ekuKhanyeni okufanayo, iNsika yoMlilo uMose akhuluma nayo, esihlahleni esivuthayo.” Akumangalisi ayekwazi ukwehlukanisa umthetho emseni, ngale eNcwadini yamaHeberu; wahlangana naleyoNsika yoMlilo efanayo. Wathi, “NginguJesu, Lowo omzingelayo.”

247 Futhi nangu Ukhona namhlanje, ngendlela efanayo, ngeNsika yoMlilo efanayo, eZibonakalisa futhi eZiqinisekisa ngokufanayo, embula imfihlakalo kaNkulunkulu ebifihliwe selokhu kwasekelwa umhlaba. Niyakubona na?

248 UPawulu waMazi kuphela nge—waMazi ngesambulo. UPetru waMazi ngesambulo.

249 Wahamba naYe, wakhuluma naYe. Ngakho-ke, ungabeka kuleliZwi. Manje, ngisanda kusho ukuthi WayeyiZwi. Manje, isifundiswa singahlala phansi futhi sifunde leloZwi size nje sikwazi ukubopha ingqondo yakho nganoma iyiphi indlela, niyabo, uma sifuna ukukwenza, ngoba sihlakaniphile, sikhaliphile. Thola umpristi oyiKatolika, noma, hhayi kakhulu kangako, njengesihle ngempela, isazi sezenkolo esiqeqeshiwe eBhayibhelini. Mfowethu, iBaptisti, noma iPresbyterian, noma okuthize, uzokwenza ucabange ukuthi awazi lutho, niyabo, lapho sekufika ekukhulumeni. Ini? Niyabo, ngenxa yokuthi

uMaze enyameni, iZwi. [UMfowethu Branham umbambatha iBhayibheli lakhe—Umhl.]

250 Kodwa okuwukuphela kwendlela osindiswa ngayo kungukwazi Yena ngesambulo!

251 Uma ngingathatha, ngingathatha imfundiso yePresbyterian futhi ngibophe wena Pentecostal uze ungazi. Ngingathatha imfundiso yeBaptisti futhi ngikhombise nina maPentecostal izinto eziyisigidi eningazi lutho ngazo. Kunjalo, kodwa lokho akusikho. Lelo akusilo iBandla laKhe. Lelo akusilo iBandla laKhe.

252 IBandla laKhe linguYe uqobo embuliwe, (Amen! Niyakubona na?) futhi livezwa ngeZwi qobo lwaLo, ukuthi Yena unguNkulunkulu. Niyabo?

253 Ningasho kanjani ukuthi, "uYise, neNdodana, noMoya oNgcwele," khona-ke, futhi nibhapathizwe kukho na? Abahedeni! Kulungile! Ungasho kanjani ukuthi uyamazi uJesu Kristu, UyiZwi, kuyilapho, ungekho umBhalo eBhayibhelini, akukho ndawo lapho noma ubani ake abhaphathizwa khona egameni lika "Yise, iNdodana, uMoya oNgcwele"?

254 Nani—nani bantu beJesus-Only, nisebenzisa igama nje "Jesu" ngombhaphathizo! Mina siqu ngijwayelene noJesu abane noma abahlanu, mina uqobo. Ngakho-ke niyabona lokho amahlelo enu aniholela kukho na? Lobo ngubumnyama, ukuvezwa kukaKayini, owaletha izithelo esikhundleni segazi. Niyabo?

255 Kodwa isambulo siza ngeGazi, niyabo, ngoJesu Kristu, OyiGazi likaNkulunkulu, iGazi elidalayo esibelethweni sikaMariya. NoPawulu waMazi ngesambulo. SiMazi kanjalo-ke namuhla, ukuphela kwendlela ongaMazi ngayo. Hhayi ukuthi, "NgiyiMethodisti." Lokho akusho lutho. "NgiyiBaptisti." Lokho akusho lutho. "NgiyiKatolika." Lokho akusho lutho. Kodwa ngesambulo, ukuthi uNkulunkulu ukwambulele iZwi! UyiZwi. NeZwi, ukuthi wazi kanjani ukuthi Lembuliwe, LiyaZiphilela futhi Liziveza ngawe. O!

256 Amabandla kade asikhohlwa leso sambulo esikhulu. Kunjalo. Isambulo seQiniso, basikhohliwe. Baya e . . .

257 Manje, ngenkathi uLuther esukuma, wayeyindoda enkulu. Wayenesambulo salolosuku. Kodwa yini eyenzeka na? Isigejane so-Ricky sangena, ukugunda izinwele okuyisicaba, njengoba singakubiza kanjalo namuhla, noRicketta, nabo bonke, bafika ngalapho. Futhi—futhi—futhi, into yokuqala oyaziyo, kulapho.

258 Lokho kuveza. Uma kuphela—kuphela bewazi ukubhula ngezinombolo kweBhayibheli, futhi wazi ukuthi u*Elvis* noma—noma u*Ricky* usho ukuthini, emBhalweni! E-hhe. Njengoba nje, kungani uJesu . . . Wena uthi, "Akukho lutho kulokho, igama

lakho." Akukho na? Lelogama lalingeza kuphela kulezizinsuku zokugcina, kulababantu bezinsuku zokugcina.

259 Kungani uJesu ashintsha igama lika-Abrama laba u-Abrahama, khona-ke, uSarayi laba uSara na? Kungani Ashintsha uSawulu waba nguPawulu na? Kungani Ashintsha uSimoni waba nguPetru, nokunye nokunye na? Niyabo, impela kusho okuthile.

260 Lelo gama alikhulunywanga kuze kube yilolu suku. Yingalesosizathu sinalento yesihogo esinayo emhlabeni namhlanje, ngenxa yezinto ezinjalo. Isintu sonke sonakele. Si—sihambile, niyabo, futhi yingakho kunjalo.

261 Qaphelani manje, wayekahle, wayesezinsukwini zakhe, uLuther, futhi wayenesambulo; kodwa kwathi nje esehambile, bukani abakwenza. UWesley wayenomlayezo; bukani okwakwenza. AmaPentecostal amadala asekuqaleni ayenomlayezo; bukani ukuthi enzani. Bahlanganisa isigejane samadoda, into efanayo impela nje ukuthi . . .

262 UNkulunkulu, ngomusa, wathumela u-Israyeli iNsika yoMlilo, umprofethi, umhlatshelo, futhi waZibonakalisa phakathi kwabo, futhi wabakhipha eGibhithe, bawela iZilwandle eziBomvu. Futhi babefuna umthetho, ukuze babe nezikhulu ezinkulu, babe nokuthile abangakwenza kuwo. Futhi yini abayenza na? Bashiywa ehlane iminyaka engamashumi amane, ukuba bazulazule, futhi akukho neyodwa yaleyonhlangano eyake yawela.

263 UKalebi noJoshuwa, bona kuphela ababili abama bathi qekelele base bethi, "Siyakwazi ukukuthatha, ukubuka eZwini likaNkulunkulu."

264 Bonke bafela ehlane. NoJesu wathi bahamba iPhakade, kunjalo, emva kokuba eseZikhombisile izibusiso zaKhe namandla eminyakeni yabo; njengoLuther, uWesley, kanjalonjalo. Ingabe Wakwenza na?

Wathi, "Obaba bethu badla imana ehlane."

265 Wathi, "Futhi bona ba, bonke, bafile." Lokho ngukuthi, bahlukanisiwe Phakade noNkulunkulu. Izidumbu zabo zabhubha ehlane. Niyabo? "Bafile. Kodwa NgiyiSinkwa sokuPhila esivela kuNkulunkulu siphuma eZulwini." Abakwazanga ukukubona. Abazange nje bakubone.

266 Kulungile, ibandla kade lakukhohlwa. Bamukele umlayezo wobuhlakani, izihlakani, ubulungu, ulwazi, esikhundleni sesambulo seQiniso leZwi.

267 Manje bukani lapha, bathi namuhla. Niyakholwa ukuthi uNkulunkulu wasithuma ukuba siye ezweni lonke, futhi siphulukise abagulayo, futhi sishumayele iVangeli, futhi sikhiphe odeveli na? "O, o, yebo, ngicabanga lokho kunjalo, kodwa . . . " Niyabo?

268 Inenekazi, likhuluma nami ngolunye usuku, lathi, "Awu, wonke amabandla asekuvumelaneni."

269 Ngathi, "Akukho nelilodwa kuwo elisekuvumelaneni nelinye." Kukhona amaKatolika emi lapho. Ngathi, "Kuthiwani ngawe na? UyiMethodisti futhi lelo yiKatolika, ingabe nisekuvumelaneni komunye nomunye na?" Ngathi, "Lo papa uza ukuzobahlanganisa ndawonye, lokho kuyinto enhle kulo lonke lolo hlobo lwabantu."

270 Kodwa iBandla likaNkulunkulu alihlangene ngalutho nakho, akukho-nto. Kuphuma kuso sonke isigejane. E-hhe. Kulungile. Yebo, mnumzane.

271 Nifuna ukuhlanganisa lokho ndawonye, futhi omunye ukholelwa ko*kuthile* nomunye; IMethodisti ithatha ukufafaza, iBaptisti ithatha ukucwiliswa, futhi bobabili bephika uMoya oNgcwele ekugcwaleni kwaWo kwamandla. Bathi, "Semukela uMoya oNgcwele *ngenkathi* sikholwa."

272 IBhayibheli lathi, "Ngabe weniwamukele uMoya oNgcwele *selokhu* nakholwa na?" Nanko umehluko. Niyabo? Kunjalo. Niyabo?

273 Futhi bathi, "Siyibandla leKatolika. Saqala kuqala. Senze *lokhu*." AmaMethodisti athi, "Sisekelwe phezu kweBhayibheli."

274 UJesu wathi, "Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo." Manje kukuphi na? E-hhe. Niyabo? Ya. "Imisebenzi eNgiyenzayo nani niyakuyenza," sonke isidalwa, wonke umuntu okholwa kuYe. Manje kukuphi na? Lawo ngamaZwi aKhe. "Kodlula amazulu nomhlaba, kepha iZwi laMi alisoze lehluleka." Manje kukuphi na? Niyabo? O, kuyakhombisa nje!

275 Kuyini na? Yisimo esibhasteliwe. Buka lapha, uthatha uhlamvu olukhulu oluhle lommbila olubhasteliwe, bese uthatha lowommbila obhasteliwe, ungummbila omuhle. Kodwa uyawutshala, utholani na? Uhlanga oluncane lukhuphuka *kanje*, bese luphenduka lubephuzi bese lushwabana. Yileyondlela lonke ihlelo elingayo, uma libhasteliwe, namazwi omuntu exutshwe namaZwi kaNkulunkulu. Kuyofika ezibonakalisweni nezimanga, nalokho uJesu akusho ngokukholwa yiZwi, futhi liphenduka libephuzi, bese lithi, "Ngeke siLamukele," bese libuyela emuva.

276 Njengoba kwenza zonke lezo ezinye izinhloli ezawela futhi zabuka eKhanani. Zafika lapho zase zithi, "O, sibukeka njengezintethe eceleni kwazo! Asikwazi ukubanqoba! Ama-Amaleki azokwenza, bonke laba, abazokwenza!" Futhi babuyela emuva.

277 NoKalebi noJoshuwa, bengabohlobo, amen, ngeZwi likaNkulunkulu, bazi ukuthi uNkulunkulu wathi, "Ngikunika lelozwe." Bathi, "Singaphezu kokukwazi ukulinqoba!"

278 Kuya ngokuthi uzalelwa kuphi. Uma uzelwe ngeZwi likaNkulunkulu, iZwi likaNkulunkulu lingelokuqala eBandleni laKhe. Yilokho Akufela. Leyo yinhloso yaKhe, ukuze Akwazi ukuzuza ngempumelelo, ukuba nokuba ngowokuqala kwaKhe kusebenza eBandleni laKhe. Makuthi iZwi likaNkulunkulu likhanye, kuqala, akunandaba ukuthi noma yini enye ibukeka kanjani. Angikhathali uma izihlakaniphi zisho *lokhu, lokho*, o*kunye*, akuhlangene ngalutho naKho. IZwi likaNkulunkulu lasho njalo, futhi singaphezu kokukwazi ukulinqoba!

279 "Uma ngishumayele lokho ebandleni lami," umfundisi wangitshela, wathi, "Ngiyoshumayela ezinsikeni ezine ebandleni."

280 Ngathi, "Ngiyoshumayela kulokho." Yebo, mnumzane. IZwi likaNkulunkulu lasho njalo. Singakwenza. UNkulunkulu wathi kwenze. Amen!

281 O, ya, bayazithethelela ngalokhu. Niyabo? Yingakho bephuphuthekile eMlayezweni wesikhathi sokuphela, lolu izinsuku zokugcina, lapho uNkulunkulu ezifakazela Yena uqobo. Bazama ukuKufanisa nohlobo oluthile lokholelwa ekukhulumeni nabangasekho, noma okunye, o, (ngingakubiza ngani na?) ingqondo ethize, ilumbo, kumbe okuthile ngalolohlelo. Niyabo, ba—bazama ukuLenza into eLingesiyo.

282 Njengoba nje benza ngenkathi Elapha, ngenkathi uJesu elapha, baMbiza ngo "Belzabule; umbhuli," manje bathi kuthi ukufana nokufunda ingqondo. Niyabo? Lapho, bazi ukuthi Wayengama lapho futhi abuke abantu futhi ahlulele yona impela imicabango esenhliziyweni zabo. IBhayibheli lasho njalo.

283 Awu, amaHeberu isahluko 4 asisho yini, ukuthi, "IZwi likaNkulunkulu liyashesha futhi libukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili, futhi lingahlulela yona impela imicabango yengqondo"? Futhi WayeyileloZwi. Futhi uma leloZwi lingelokuqala kumuntu, into efanayo iyenzeka futhi, ngokuba iyiZwi! Amen! . . . Niyabo ukuthi ungakhubeka kanjani kulokhu kusukela manje kuqhubeke. Lapho kucace ngokuphelele kakhulu. Niyabo? Kulungile.

284 Yingakho bephuphuthekile, ngokufanayo njengoba kwakunjalo ngezinsuku uKristu esemhlabeni. O, he! Bayadiyazela ngendlela efanayo. Bathi, "UnguBelzebule. Bel- . . ." Babona ukuthi Wayengakwenza, ngakho-ke bathi, "Yena nje uyi . . . Wazalwa engumntwana wesihlahla, futhi ewuhlobo lomfo oyinqaba. Ukhwelwe nje udeveli othile. Ungu—ungumSamariya laphaya, futhi unodeveli kuye. Ukwenza kanjalo-ke lokho."

285 UJesu wathi, "Ngizonithethelela ngalokho," niyabo, bebiza iZwi likaNkulunkulu, imisebenzi kaNkulunkulu, umoya omubi. Wathi, "Ngizonithethelela ngalokho. Kodwa ngolunye usuku uMoya oNgcwele uyofika, futhi izwi elilodwa elimelene naWo

alisoze lathethelelwa, nakulelizwe noma ezweni elizayo, noma ngaloloSuku olukhulu. Ngeke kuthethelelwe." Ngakho-ke, niyabo, lokho kulotshwe ngokucacile emBhalweni.

286 Ngakho-ke lapho abantu befika ngalolo Suku, akunandaba ukuthi banobuhlakani kanjani, nokuthi likhulu kangakanani ihlelo abangabalo, lilahliwe. Bafanele! Bahlambalaza uMoya oNgcwele, beWubiza "umgingqiki ongcwele" nento ethize enye eyayinegama elinganambitheki, noma into enjalo. Futhi iBandla likaNkulunkulu ladingeka likubekezelele ngaso sonke isikhathi.

287 Ngisho noPawulu, phambi kuka-Agripha, wathi, "Ngendlela ebizwa ngo '*kweduka*,'" okusho "ukuhlanya," "yileyondlela engikhonza ngayo uNkulunkulu wawobaba." Lesosazi esikhulu esiyisihlakani kwadingeka sifike kuleyondawo, "ngendlela ebizwa ngo 'kweduka.'"

288 Ngani na? Kwambulwa kuye. LeyoNsika yoMlilo ilenga phambi kwakhe, yathi, "NginguJesu, uNkulunkulu omkhulu owayesehlane ngaleya noMose. NginguYe, futhi kunzima kuwe ukukhahlela ameva."

289 Khona-ke uPawulu emi lapho, uyazi ukuthi ukuphila kwakusengozini, wathi, "Indlela ebizwa ngo 'kweduka,' yileyondlela engikhonza ngayo uNkulunkulu wawobaba." Kwakubizwa kanjalo. Ngoba kwembulwa kuye ukuthi iQiniso elikhulu likaKristu laliyini.

Futhi namuhla, abantu bathi, "Yihlelo."

290 NguJesu Kristu, ukuZalwa okusha, okwembulwe kuwe, ukuthi unokokuqala, ukuze Aveze amaZwi aKhe. Futhi noma yini Ayethembisile ngalolu izinsuku zokugcina, Angayifeza, ngoMzimba waKhe njengoba Esebenza. Amen! KuyiZwi likaNkulunkulu impela libonakalisiwe. Qaphelani. Kulungile.

291 Ngokufanayo nasezinsukwini zikaKristu, uNkulunkulu uphethe isihluthulelo salesi sambulo sikaKristu, qobo lwaKhe. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Izikole zesayense yezenkolo azisoze zaKuthola. UJesu washo njalo. Uma nifuna ukukufunda manje, kuMathewu oNgcwele 11:25 na 27. "NgiyaKubonga, O Baba, Nkulunkulu wezulu nomhlaba, ngokuba Ukufihlile lokhu emehlweni abahlakaniphileyo nabanokuqonda, futhi wembulela izingane zona eziyofunda." Niyabo? Niyabo? Anginandaba . . .

292 Bukani lezozifundiswa zangalolosuku, lawomaJuda, amadoda akahle kakhulu, izinhlangano zabo zabaFarisi, abaSadusi, nabakaHerode, nanoma bangaba yini. Niyabo? Zonke izinhlangano zabo ezinkulu, noJesu wathi, "Niphuphuthekile; nihola impumputhe. U-Isaya wakhuluma kahle ngani, 'Ninezindlebe, futhi anizwa; namehlo, ukuthi ningeke nibone.' Isizathu, u-Isaya washo lokhu eMoyeni, ngakho-ke uNkulunkulu waseZulwini uwaphuphuthekisile amehlo enu. Nenza njengoba kwenza u-Eva, wemukela

uhlangothi lobuhlakani, futhi anazi lutho ngoMoya kaNkulunkulu. Ngakho-ke, ngeke yini bawele bonke emgodini, kokubili umholi nempumputhe, futhi?" Umholi uzowa nempumputhe, ngoba naye uphuphuthekile. Umholi uyawa, oyimpumputhe, ehola impumputhe, bobabili bawela emgodini.

293 Futhi uNkulunkulu yedwa ophethe lesi sikhiye! Wezwakalisa into efanayo emBhalweni odlule lapho esikhashaneni esedlule lapho ngiwufunda, ngenkathi Athi, "Umuntu uthi Mina iNdodana yomuntu ngingubani na?"

294 Wayesethi uPetru, "Wena unguKristu, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo."

295 Wathi, "Ubusisiwe wena Simoni, indodana kaJona. Inyama negazi akuzange kwembule lokhu kuwe. UBaba waMi oseZulwini! Phezu kwalesi sambulo lapha, kuphela, Ngizokwakha iBandla laMi. Amasango esihogo awasoze asinqoba." Niyabo? Manje niyabona?

296 Ngakho ngakho-ke asikho isikole, asikho izazi sezenkolo, azikho izimfundiso zeBhayibheli phakathi kwanoma yisiphi isikole, esazi noma yini ngaKho. Bangeke bazi lutho ngaKho. Akunakwenzeka ukuthi bazi lutho ngakho. UNkulunkulu uyifihlile imizwa, yokuKwazi, kubo impela abafundisi abakhethiweyo nakho konke okunye.

297 Kuludaba lomuntu siqu sakhe, nomuntu, ukuthi uKristu wembulwe kubo.

298 Futhi uma uthi, "Wembuliwe kimi," bese kuba-ke ukuPhila uKristu akuveza lapha eBhayibhelini, lokho kuPhila okufanayo okukuYe, akuZivezi kuwe, khona-ke unesambulo esingalungile.

299 Uma ngifaka ukuphila kwethanga empilweni yesihlahla samapheya, sizothela amathanga. "Niyakubazi ngezithelo zabo." Kunjalo impela. Futhi uma eyokuqala . . . uveza umuthi, umvini wamagilebhisi, futhi waveza isixheke samagilebhisi; ihlumela lokuqala lavela laletha amagilebhisi, elilandelayo laveza olamula, nelilandelayo laveza amapheya, elilandelayo laveza ama-aphula, kukhona uhlobo oluthile londaba oluxhunyelwe phakathi lapho, oluthela impilo yalo uqobo. Lonke ihlelo liyothela ukuphila okungokwalo. Kodwa uma lowomvini wasekuqaleni uke uveze elinye ihlumela, uyothela amagilebhisi njengoba wenza okokuqala.

300 Futhi uma ukuPhila—ukuPhila kukaJesu Kristu kuke kuveze omunye umzimba wamakholwa, uzothela isithelo esenziwa ngowokuqala. Bayobhala iNcwadi yeZenzo emva kwawo, ngoba Iyoba ngokufanayo, ukuPhila okufanayo. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Awukwazi nje ukukubalekela. NgukuPhila kukaKristu kuwe, kujovelwe kuwe, ngoMoya oNgcwele qobo lwaWo uphila ukuPhila kwaWo ngawe.

301 "Abaholi abaphuphuthekile bezimpumputhe!" Qaphelani, uNkulunkulu uphethe lesi sihluthulelo, yedwa. Asikho isazi sezenkolo esingakutshela; Akwaziwa. Kufihliwe kubo. Abazi lutho ngaKho.

302 Ngakho-ke izikole, uma uthi, "Ngine Ph., iLL.D.," wenza kuphela . . . Kimina, futhi, ngiyakholwa, nakuNkulunkulu nakunoma yiliphi ikholwa leqiniso langempela, lokho kusho ukuthi uqhele kude kangako, uvele wahlehla. UNkulunkulu akaziwa ngemfundo. Akaziwa ngokuthi Lichazwa kanjani.

303 UNkulunkulu waziwa ngobulula nangesambulo sikaJesu Kristu kumuntu ongafundile kakhulu. Niyabo? Hhayi isayense yakho yezenkolo. Yisambulo sikaJesu Kristu. "Phezu kwalelidwala Ngiyakulakha iBandla laMi." Awekho amanye amadwala amukelwayo, azikho ezinye izinto ezamukelwayo, alikho elinye idwala leRoma, alikho elinye idwala leProthestani, asikho esinye isikole, akukho okunye, kodwa impela esambulweni sikaJesu Kristu ngokuZalwa okusha. Uzalelwa lapho, futhi Ujovela ukuPhila kwaKhe uQobo, nokuphila kwakho akusekho. Futhi ukuPhila kukaKristu kuZiveza ngawe, ngokokuqala, kubantu; ukuthi babona khona impela ukuPhila, nemisebenzi, nezibonakaliso, nezimanga, Azenza, kwenza into efanayo ngawe. Ngaphandle kwalokho, okunye kwakho akubizwa ngisho kukho, nhlobo. Bheka isambulo esikhulu sikaNkulunkulu sembuleka!

304 Ngokuntuleka kwalesi sambulo yingakho sinokuhlukana okuningi okuhlukene phakathi kwethu, kanye nokubhuqa okuningi kakhulu. Ukwehlukana okukhulu kakhulu phakathi kwethu, kungenxa yokuthi abantu bantula lesosambulo. Niyabo, bantula lesosambulo, abafundisi.

305 UPawulu, emva kwesambulo sakhe esikhulu sikaKristu, wathi, kwabaseKorinte bokuQala, isahluko se 2. Qinisekani ufunda lokho njengoba nikubhala phansi. Qaphelani! O! Wathi, "Angizi neze kini ngokuhlakanipha." Bukani leyondoda eyayinokuhlakanipha, noma, buka leyondoda eyayinemfundo, "Angizange ngize kini ngalawo magama anjalo." KwabaseKorinte bokuQala, isahluko se 2 sabaseKorinte bokuQala. O, ngiyafisa . . .

306 Awu, ake sikufunde nje. Kanjani . . . Ningakwazi yini ukuma umzuzu futhi sifunde ivesi elilodwa noma amabili na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ngingathanda ukukufunda ukuze ni—ningeke nibe con- . . . Kungathola ngisho nabantu eteyipini ukuba babuyele kukho, empeleni, kubanike ithuba.

307 KwabaseKorinte bokuQala, isahluko se 2. Lalelani lomphostoli omkhulu lapha, uPawulu, inceku kaNkulunkulu eyisihlakani. Ake sibheke lapha.

> . . . Mina Pawulu, *ekufikeni kwami kini, angifikanga ngobungcweti bokukhuluma . . . bokuhlakanipha,*

*ngimemezele* ki*ni* *ubufakazi bukaNkulunkulu*. Angikaze ngisho ukuthi ngi—nginguDkt. *S'bani-bani*. Niyabo?

*Ngokuba mina nganquma angiyikwazi okunye phakathi kwenu, kuphela uJesu Kristu, lowo obethelwe esiphambanweni.*

*Mina ngangikini ngobuthakathaka, nangokwesaba, nangokuthuthumela okukhulu.*

. . .*ukukhuluma kwami no—no*kunxusa *kwami akubanga ngamazwi okuhlakanipha ahungayo, kepha kwaba ngesibonakaliso sikaMoya na*mandla . . . *ne*sa*mandla*.

308 Lapho, niyabo, nanto iVangeli. Niyabo? UJesu wathi, "Hambani niye ezweni lonke nishumayele iVangeli." Akashongo ukuthi, "Hambani nifundise." Wathi, "Hambani nishumayele." Ngamanye amazwi, "Bakhombise amandla, nalezizibonakaliso ziyakubalandela." Ukufundisa nje akukwenzi. Kuthatha uMoya wangempela qobo lwaWo ukukhombisa lezizibonakaliso. Niyabo? Lalelani lokhu.

*Ukuze ukukholwa kwenu kungemi ngokuhlakanipha kwabantu, kepha kume ngamandla kaNkulunkulu.*

309 O, he! Niyabo, ukushintsha indoda! Hhayi kulokho engingakwazi ukukuchaza ngikususe, futhi ngithi, "Akasesuye," lapho Esenguye. Uma ngenza lokho, kuyakhombisa, kimi, khona—khona . . . Impela, umuntu ungitshela lokho, uyongikhombisa ukuthi akanaso isambulo, isambulo sikaNkulunkulu esikathathu. Niyabo? Manje, futhi . . .

*Kepha* ebuthakathakeni . . . *phakathi* kwenu *abapheleleyo: ukuhlakanipha kambe okungeyisikho ngokuhlakanipha kwezwe,* kodwa *okwababusi balomhlaba, ababhubhayo:*

*Kodwa sikhuluma ukuhlakanipha kukaNkulunkulu . . . imfihlakalo,* (niyabo, imfihlakalo kaNkulunkulu ekathathu) *emfihlakalweni efihliweyo, uNkulunkulu akumisela ngaphambili kube yinkazimulo yethu:*

*Okungaziwa namunye wababusi balomhlaba:* akekho kubapristi, rebbi—orabi . . . (uxolo) . . . noma yini, wayazi noma yini ngakho; *ngokuba uma bebekwazi, bebe*ngayi*kuyibethela esiphambanweni iNkosi yenkazimulo*.

310 Wena uthi, "Unephutha ngorabi nabashumayeli lapho." Ubani owaMbethela na? E-hhe.

311 O, kuqhubeke futhi kuqhubeke futhi kuqhubeke, besingahamba. Kufundeni, niyabo, kuqhubeke, ukonga isikhathi, ngoba nje sine . . . Akukabi leyithi okwamanje, kodwa

sinokuyinqwaba nje lapha esingakusho uma iNkosi izosisiza. Manje, ukuntuleka kwalokhu, manje . . .

312 Futhi uPawulu, lendoda enkulu eyisihlakani, ayizange izame ukuveza amagama ayo amakhulu esayense yezenkolo phezu kwabantu. Walamukela ngokuzithoba iZwi leNkosi, futhi waliphila iZwi kangangokuthi Laziveza ngaye. Waphila ngokuhlonipha uNkulunkulu kakhulu—kakhulu baze babona uJesu Kristu kuye, kakhulu kakhulu, baze bafuna iduku lakhe, ukulithatha bese belibeka phezu kwabagulayo. Nakho ukuPhila kukaKristu.

313 Manje bhekani abanye bethi, "O, awu, niyabo, u-Eliya wakwenza lokho, esikhathini eside esedlule, wabeka induku yakhe; kodwa, o, lezo kwakuyizinsuku zika-Eliya." Manje, izwe lacabanga lokho. Abapristi abayizihlakani nezinto, namabandla angalolosuku, akucabanga lokho.

314 Kodwa kulawo makholwa, ayazi okwehlukile. Babone isambulo sikaKristu esasiku-Eliya, into efanayo yayikuPawulu, ezwakalisa uhlobo olufanayo lokuPhila, ngoba wayengumprofethi. Niyabo? Wabikezela izinto ezenzeka ngayo impela indlela okwakuyiyo, futhi bazi ukuthi lokho kwakuyinkomba kaNkulunkulu yomprofethi. Futhi babazi ukuthi wayengumprofethi kaNkulunkulu. Ubungeke ubanyakazise kukho, nhlobo. Ngisho nalapho bebona uPetru ebikezela lezozinto ezizokwenzeka, bathi, "Ake sidlule isithunzi sakhe phezu kwami." Amen! Lelo yiBandla. Yilabo abakukholwayo. Yebo, mnumzane. Kwembulwa ngu . . .

315 Kungani uPawulu athi, "Ngoba ngi—nginePh., LL.D., nokunye nokunye, bayangikholwa na? Qhabo," wathi, "Ngakhohlwa zonke lezozinto, ukuhlakanipha komuntu," wathi, "kwadingeka ngife, futhi ngiyaMazi emandleni okuvuka kwaKhe, yilokho engiza kini ngakho, nokubonakaliswa kwamandla kaNkulunkulu"?

316 Kwakuyini na? Ukwenza uJesu Kristu abe nguye izolo, namuhla, naphakade. Imisebenzi efanayo uJesu ayenza, uPawulu wenza okufanayo. Futhi babone uNkulunkulu, uBaba omkhulu owayekhombisile esihlahleni esivuthayo, wayeKukhombisile kuPawulu, futhi nakhu Kwabonakaliswa.

317 Futhi Uyafana kuyo yonke iminyaka. Indlela kaNkulunkulu enezigaba ezikathathu, "izolo, namuhla, naphakade." Ini? UMhlengi; eBandleni laKhe; ukuba ngokokuqala eMbusweni ozayo. Amen! Niyakubona na? Kuphelele njengoba kungaba njalo!

318 O, qaphelani! UMoya oNgcwele uyena kuphela uMambuli wesambulo sobuNkulunkulu sikaKristu. Asikho isikole esingakwenza. Asikho isifundiswa esingakwenza. Akukho-muntu, ukuthi ufunde kahle kangakanani, ukuthi wesaba

uNkulunkulu kangakanani, kumbe noma yini enye, akukho-muntu ongakwenza.

319 Ngingatinyela kanzima lapha. Mangaki amaKristu, azelwe ngokusha; phakamisani izandla zenu, agcwaliswe ngoMoya oNgcwele na? Kulungile. Asambeni-ke. Kulungile. Qaphelani.

320 Futhi Uyokwenza kuphela kwabamiselwe ngaphambili. Kunjalo impela. "Konke uBaba aNgiphe khona kuzoza, futhi akakho ongeza uma uBaba emnike Mina kuqala." Niyabo?

321 Buka labobapristi, bethi, "Le ndoda inguBelzabule. Ingumbhuli. Ingudeveli."

322 Nalowo wesifazane omdadlana ehambahamba lapho, ehlala namadoda ayisithupha; wayehlala namahlanu, futhi wayeneyisithupha ngaleso sikhathi. Futhi uJesu wathi, "Hamba ulande indoda yakho, uze lapha."

Wathi, "Anginandoda."

323 Wathi, "Yebo, unayisithupha. Ubunayisihlanu, futhi le ohlala nayo manje akuyona indoda yakho."

Wathi, "Mnumzane!" Ini? Lokho kuKhanya kwashaya leyoMbewu.

324 Ngenkathi Kushaya labo bapristi, bathi, "Le ndoda ingumbhuli." Niyabo, akukho kuPhila lapho. Okubhasteliwe, ukukhuphuka kuze kufike enhlanganweni, kodwa kwafela kusukela lapho kuqhubeke.

325 Kodwa lona wesifazane wayengekhona okubhasteliwe. Wathi, "Mnumzane, ngiyabona!" Sengiyawabona amehlo akhe amakhulu amahle ecwebezela kanjalo, izinyembezi zehla ezihlathini zakhe. Wathi, "Mnumzane, ngiyabona ukuthi UngumProfethi. Ngibheke uMesiya. Futhi lapho lowoMesiya efika, Uyokwenza yona kanye lento efanayo. Uzositshela lezi zinto."

Wathi, "NginguYe."

326 O Nkosi! Washiya imbiza yakhe. "NaNgu! Wozani, nibone uMuntu ongitshele izinto." Kwakuyini na? Lokho kuKhanya kwashaya leyoMbewu. Lokho kuPhila kwakulapho. Kwavela.

Into efanayo namuhla!

327 Kodwa isazi sezenkolo sizothi, "Manje linda umzuzu nje. Ngizothola uma u*S'bani-bani*, uMelusi Moody wathini, noma . . ."

328 Ukuthi uMelusi Moody uhlanganiseni nalokhu, kulolusuku na? UMelusi Moody wayephila osukwini lwakhe, kodwa hhayi manje. Impela. ULuther waphila osukwini lwakhe, kodwa hhayi ngosuku lukaWesley. UWesley waphila osukwini lwakhe, hhayi ngosuku lwePhentekoste. IPhentekoste yaphila osukwini lwabo, kodwa bakude naLokhu kulelihora. Sisehoreni lokugcina. Impela.

329 Izinhlangano zabo, namathizethize, kufakazela ukuthi aKukho lapho. IZwi alikaze liqinisekiswe ngokuyikho; ngamandla aLo okuqina kuphela. Izimbewu, amahlelo . . . Futhi bayokwenza ihlelo, bese befaka lezo zimbewu zokhula oludala ijimson phakathi nalowokolo wangempela; wafa nya. Izitshalo zaya okhuleni ijimson, kunjalo, ameva aluhlaza satshani nezimbabazane, e-hhe, niyabo, kwaqhubeka kwabuyela kulokho. Safa saphela. Base-ke bedabula insimu base beqala phansi futhi, batshala iziMbewu zangempela, futhi ezinye zazo zaqhuma, zaYiminyanisa.

330 Kodwa manje-ke, uNkulunkulu wathi, ngalezizinsuku zokugcina Uyokhipha abantu abagezwe eGazini laKhe, futhi babemiselwe ngaphambili ukuba babe lapho. Bafanele babe lapho. UNkulunkulu washo njalo. Futhi BeKuyokwembula . . . Futhi sona kanye isibonakaliso, "Ngizo se- . . ." UMalaki 4, nokuthi wayeyokwenzani, "buyisela futhi," ukubuyisela, ngezinsuku zokugcina, lezizinto ezinkulu Azethembisa, ziyoletha isambulo. Yini uku . . . Uzokwenzani, uMalaki 4 na? Kwakungukubuyisela ukuKholwa koyise, kubantwana. Niyabo? Kunjalo, ukuletha leyonto efanayo, iNsika yoMlilo efanayo, ingene enkundleni; izibonakaliso ezifanayo, izimanga ezifanayo, uJesu ofanayo; eMenza ofanayo, eshumayela Yena ofanayo, eMqinisekisa enguye izolo, namuhla, naphakade.

331 "Ngizobuyisela," isho iNkosi, "yonke iminyaka isibungu seMethodisti, nesibungu senkasa, neBaptisti, neKatolika; nazo zonke lezozibungu zidla zilahla phansi lokho—lokho kuKholwa kuwe," kuze kube yisiqu sehlelo lapho kungekho mbewu esele lapho. "Kodwa Ngizobuyisela futhi," kusho iNkosi, "yonke iminyaka." Ini? "Zonke izibonakaliso nezimangaliso abazishiyile. Ngizokubuyisela ngqo kulowoMuthi wasekuqaleni futhi, futhi NgizoWubuyisela," isho iNkosi. Lowomprofethi wayengumprofethi oqinisekisiwe. Amazwi akhe afanele afezeke. Amen.

332 UMoya oNgcwele, wodwa, unguMambuli wesambulo sobuNkulunkulu sikaKristu, futhi ubulokhu ukhona kuyo yonke iminyaka. Khumbulani, yonke iminyaka! IZwi leNkosi leza kubani na? Umprofethi, yedwa. Kunjalo. Ngabe kunjalo na? Nomprofethi wayefanele aqinisekiswe, kuqala. Hhayi ngoba wathi wayengumprofethi; ngokuba wazalwa engumprofethi, wazifakazisa engumprofethi, nakho konke akusho kwakuseZwini impela futhi kwafezeka, kwase kuthi yonke enye into yadedelwa. Niyabo? Kwakuyi, iZwi leNkosi lafika kuphela ngoMoya oNgcwele. IBhayibheli lathi, "Amadoda asendulo, eshukunyiswa uMoya oNgcwele, niyabo, aloba iZwi."

333 Bhekani. UJohane umBhaphathizi wayengeke amazi uJesu ukuba kwakungengenxa yoMoya oNgcwele owaMkhombayo. Kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

334 UJohane umBhaphathizi, lowomprofethi omkhulu owavela, futhi wathi, "Kukhona Omi phakathi kwenu khona manje. NeNdoda evamile imi lapha ndawondawo, lelo yiWundlu likaNkulunkulu." UJohane wathi, "Khona-ke ngiyafakaza. Ngafakaza. Ngabona uMoya kaNkulunkulu, uMoya oNgcwele, wehla uvela eZulwini njengejuba, futhi Wehlela phezu kwaKhe. NePhimbo lathi, 'Lo uyiNdodana yaMi ethandekayo eNgithokozile ngaYo.'"

Kwakuyini na? UMoya oNgcwele wathi, "NgizoMkhomba."

335 Yileyo ndlela kuphela ozoMazi ngayo namuhla, indlela kuphela oyothola ngayo isambulo esikathathu sikaNkulunkulu, ingoMoya oNgcwele. Futhi indlela kuphela okungake kube ngayo, ngukuthi umiselwe ngaphambili ukukubona. Uma kungenjalo, awusoze wakubona. Uma ungamiselwe ngaphambili ukukubona, awusoze wakubona; ngoba lokho kuKhanya kungabaneka futhi uzosuka uhlekise ngakho, futhi ukuchaze kusuke, ngomunye umqondo wobuhlakani. Ngenkathi yena impela uNkulunkulu, qobo lwaKhe, eZibonakalisa futhi ekufakazisa, niyabo, kodwa, uma kungekho phezu kwenu ukukubona, ngeke nikubone.

336 UNkulunkulu akakaze athi, "Ngizokhetha *lona*, ngikhethe *lowo*," kodwa Wayazi ngokwaKhe . . . Isizathu Wayengasimisela ngaphambili, ngoba Akanasiphelo, futhi Yena—Yena wazi konke . . . Akanasiphelo, ngakho-ke Wayazi yonke into. Wayazi isiphetho, futhi wayekwazi ukusho isiphetho kusukela ekuqaleni. UnguNkulunkulu. Uma Engakwazi ukwenza lokho, Akasuye uNkulunkulu. Yebo, mnumzane. Akanamkhawulo. Kulungile.

337 UJohane wayengeke aMazi, qhabo, mnumzane, ukube uMoya oNgcwele wawungakukhombanga. Niyabona ukuthi uNkulunkulu uyifihla kanjani imfihlakalo yaKhe kwabaphakemeyo, abafundile nakho konke na? Bukani, bonke labobantu bethi . . . ngobulula uyakwembula kulowo ammisele ngaphambili ukuthi akubone. Bukani lapha! Abanye bemi eduze futhi abazange balibone ngisho ijuba, abazange bezwe Phimbo, ngoba kwathunyelwa kuphela kuleyoMbewu eyamiselwa ngaphambili. Kumiselwe ngaphambili! Impela, kwamiselwa ngaphambili!

338 Ngani, u-Isaya, iminyaka engamakhulu ayisikhombisa neshumi nambili ngaphambi kokuba azalwe, kuMoya, wavuka kulemizwa yomuntu, wayesethi, "Kunephimbo lomemeza ehlane, 'Lungisani indlela yeNkosi, futhi nenze eyaKhe . . . '"

339 Manje-ke, ukuba u-Isaya wayengakubona, wayengeke yini uMalaki abone into efanayo ngomprofethi wokugcina owamiselwa ngaphambili, ukubekwa uphawu kwabo bonke abaprofethi beTestamente eLidala, lokho okuyinhloko . . . lowomprofethi omkhulu emi lapho ekupheleni konyaka na?

Niyabo? Uthi umiselwe ngaphambili. Impela, wayenjalo. UMalaki wambona, naye.

340 UJesu wathi, "Uma ningakwamukela, lo nguye okwakhulunywa ngaye, 'Ngiyathuma isithunywa saMi phambi kobuso baMi,' UMalaki 3, 'ukulungisa indlela phambi kwaMi.'" Niyabo? Impela, wayemiselwe ngaphambili ukubona lowomlayezo. Akumangalisi ukuthi wayekwazi ukubuka ngaleya futhi abone leloJuba lehla, lokho kuKhanya okwakusehlane no-Israyeli, kuza, kuhamba kwehla.

341 UNkulunkulu Yena uqobo, ethi, "Lena yiNdodana yaMi ethandekayo eNgithokozile ukuhlala kuYo." UNkulunkulu nomuntu beba Munye.

342 "Ngafakaza," UJohane wathi, "NgaMbona, ozelwe yedwa kuBaba. Ngingufakazi wakho." Amen!

343 Nakho la ukhona. Ubulula! Kanye nomshumayeli omdala, uyise; uyise wayeyisazi sezenkolo esikhulu, niyazi, uphuma esikoleni. Kubukeka sengathi ubeyobuyela ehlelweni likayise. Lokho kwakungeke kube intando kaNkulunkulu.

344 Ngenkathi uNkulunkulu emthinta ekuzalweni kwakhe emuva lapho, futhi wemukela uMoya oNgcwele izinyanga ezintathu ngaphambi kokuba azalwe. Yebo, mnumzane. Ngenkathi uMariya enyukela lapho, noJohane omncane enezinyanga eziyisithupha ubudala, esizalweni sikanina, futhi engakaze . . . Leyomisipha emincane yayingakaze inyakaze namanje. UMariya wayesaba . . . Imisipha emincane yayikhula, kodwa wayengezwa kuphila, u-Elizabethe, unina, njalo. Futhi ngenkathi uMariya ekhuphuka futhi wambamba, futhi wamgona, wabeka izingalo zakhe, wabeka izandla phezu kwakhe. Niyabo? Futhi wathi, "UNkulunkulu ukhulumile kimi, futhi ngizoba neNgane, nami."

"Ingabe wena noJosefa nishadile na?"

"Qhabo."

"Mariya, kungenzeka kanjani lokhu na?"

345 "UMoya oNgcwele uyakungisibekela, futhi kuyodalwa kimi. Futhi ngizakubiza iGama laKhe 'Jesu.' Uyoba iNdodana kaNkulunkulu."

346 Futhi kwathi lapho leloGama 'Jesu' lakhulunywa, uJohane omncane uqala ukugxumagxuma, nokumemeza, futhi agxuma gxume esibelethweni sikanina.

347 Wathi, "Mayibongwe iNkosi uNkulunkulu! Ngokuba uvelaphi umama weNkosi yami?" Umama weNkosi yami! O, he! "Uvelaphi umama weNkosi yami na? Ngokuba, lapho nje ukubingelela kwakho kungene ezindlebeni zami, ingane yami igxumagxumile esibelethweni sami, ngokujabula."

348 Akumangalisi ukuthi wayengalifuni ikolishi lezenkolo, okuthile okuzomfaka ulwazi ngokuthile, okunye. Wayenomsebenzi obalulekile. Wayengumuntu wasehlane, waphuma wangena ehlane futhi walinda. UNkulunkulu wamtshela phandle lapho, wathi, manje, futhi wembula kuye. O, naso isambulo senu futhi! "Futhi ngizokunitshela ukuthi UnguBani. Wena ungumprofethi. IZwi lingelakho. Uyazazi ukuthi ungubani. Ufanele uze." Lokho kuphendula umbuzo wangeSonto eledlule. Niyabo? "Uyazi ukuthi ungubani, Johane. Zigcine uthule; ungasho lutho. Qhubekela laphaya. Futhi lapho ubona Lona, kuzoba nesibonakaliso esivela eZulwini, njengokuKhanya, ijuba lizokwehla. Lowo kuzoba nguYe lapho uMbona."

349 Yingalesosizathu, ngenkathi uJesu ephumela emanzini, uJohane wabuka ngale futhi wabona lelojuba lehla, wathi, "Bhekani iWundlu likaNkulunkulu! NaNguya! NguYe ozosusa isono sezwe."

350 UJesu waphuma waqonda ngqo emanzini, waya kuye. Lawomehlo amabili kaJohane ahlangana namehlo amabili kaJesu. Babengabazala besibili, ngenyama. UMariya no-Elisabethe babengabazala bokuqala. Amehlo abo ahlangana. Kwakukhona uNkulunkulu nomprofethi waKhe, amen, bemi lapho.

351 UJohane wathi, "Ngidinga ukubhaphathizwa nguWe. Uzelani kimi na?"

352 UJesu wathi, "Vuma ukuba kube njalo manje, kodwa, khumbula, kusifanele ukugcwalisa konke ukulunga."

353 Kungani uJohane akwenza na? Ngoba WayenguMhlatshelo. UJohane wayengumprofethi, wayazi; noMhlatshelo ufanele ugezwe ngaphambi kokuba Wethulwe. O! O! Futhi waMvumela, futhi waMbhaphathiza.

354 Futhi ngenkathi esenzile, bheka, amaZulu avuleka, o, he, nalelojuba lehlela phezu kwaKhe, nePhimbo lathi, "Lena yiNdodana yaMi ethandekayo eNgithokozile ukuhlala kuYo." IKing James ikubeka, "eNgithokozile ukuhlala kuYo." Ngakhoke kunganoma iyiphi indlela ofuna ukuphendula ngayo, into efanayo, "hlala kuyo," noma . . . "Lena iNdodana yaMi ethandekayo eNgithokozile ukuhlala kuYo," noma, "ukuhlala kuyo," noma iyiphi ofuna ukukubeka ngayo, into efanayo. Kulungile.

355 Siyabona-ke kwembulwa kuye. Abanye ababemi lapho abezwanga lutho ngakho. UMoya oNgcwele, yedwa, uyakwembula.

356 Ngokufanayo ngenkathi eZembula kuPawulu, enye iMbewu eyamiselwa ngaphambili.

357 Kwakukhona uPawulu ehambahamba, kungenzeka ukuthi wathi, "Uma ngibamba lesosigejane, ngizosidabhula sibe yizicucu, ngoba nginguDkt. Sawulu. Ngivela ngaphansi kukaGamaliyeli. Ngivela kwiMoody Bible. . ." noma omunye, niyabo. "Mina, ngiyisifundiswa. Ngiyazi ukuthi ngikhuluma ngani. Ngizodabhula leso sigejane sabaginqiki abangcwele sibe yizicucu. Futhi ngiyakutshela, fata omkhulu ongcwele, nginike nje imvume yokwehlela lapho, futhi ngizobopha bonke labo ababanga umsindo ezansi lapho. Zonke lezi zinto zokuphulukisa ngokukaNkulunkulu, sizokumisa."

Wayifaka ephaketheni lakhe, wathi, "Ngisendleleni yami eyehlayo."

358 Futhi ngalolosuku, he, cishe ngeleshumi nanye nqo emini, u—ukuKhanya kwakhanya ebusweni bakhe, futhi wawela emhlabathini.

359 Ngani na? WayeyiMbewu eyamiselwa ngaphambili. UNkulunkulu wathi, "Ngimkhethile. Ya. Futhi Ngizomkhombisa ukuthi yiziphi izinto ezinkulu azohlupheka ngenxa yeGama laMi. Ngizomthumela kwabeZizwe, futhi ngimhlazise ngayo yonke indlela aba—bangahlazwa ngayo, kodwa nokho uyothwala iGama laMi."

360 UPawulu wehla, khona-ke, waze wasusa zonke izinto zakhe zobufundisi basesontweni kuye, ezansi ngemuva logwadule, iminyaka emithathu nengxenye. Ezansi lapho e-Arabiya, waze wafunda iZwi, neZwi laba nguye. Futhi uba yisiboshwa; nangu ebuya eboshwe ngamaketango othando! "Sonke isipiliyoni sami sesekolishi lezenkolo asisekho! Ngiyisiboshwa sikaJesu Kristu. Amen! Filemoni, mfowethu, ngiyisiboshwa sikaJesu Kristu. Ngingakhuluma kuphela futhi ngisho lokho Angitshela khona."

361 UNkulunkulu udinga iziboshwa namuhla ezizozifaka etilongweni entandweni yaKhe, eZwini laKhe.

362 Yilokho uPawulu ayeyikho. Akunandaba ukuthi wayefunde ubuhlakani obungakanani, wayemazile uNkulunkulu ngesambulo. Yebo, mnumzane. Izihlakani zaphuma yonke indlela emsebenzini ngaleyonkathi, ngenkathi kufika isambulo; okungukuthi, iBandla lakhelwe phezu kwedwala. Yebo, mnumzane. Qaphelani, wayeyiMbawu eyamiselwa ngaphambili.

363 UMoya oNgcwele, wodwa, uyakhombisa ukuthi UnguBani. Akukho muntu; bazokwenzela "uYise, iNdodana, noMoya oNgcwele," nakho konke okunye, kuphume kukho. Niyabo? Kodwa uMoya oNgcwele uyoMembula njengeNkosi uNkulunkulu waseZulwini ebonakalisiwe, okungukuthi, o, Yena!

364 Manje qaphelani. Hhayi abaprofethi, hhayi amakhosi, hhayi lutho okunye; kodwa lapha, ngokokuqala, uNkulunkulu wembulwa kuKristu, ekugcwaleni kobuNkulunkulu

ngokomzimba, enyameni yomuntu. Leso yisambulo. O, he! Ngizoniculela ivesi manje:

Izizwe ziyehlukana, u-Israyeli uyaphaphama,
(Ngabe unjalo na?)
Izibonakaliso abaprofethi abazibikezelayo;
OweZizwe (ibandla ehlelweni,) izinsuku zabo zibaliwe, ngokwesaba okukhulu;
"Buyani, O bahlakazekileyo." (Ukhahlelwe wakhishwa kubo.)

Usuku lokuhlengwa seluseduze,
Izinhliziyo zamadoda zehlulwa ukwesaba;

365 Wonke amahlaya abo aseHollywood awakumbozi. Njengomfana omncane oshaya ikhwela, ehamba ngasemathuneni ebusuku. Niyabo?

Gcwaliswani ngoMoya, izibani zenu zilungisiwe zahlanzwa,
Bhekani phezulu! Ukuhlengwa kwenu sekuseduze.

Abaprofethi bamanga baqamba amanga, iZwi likaNkulunkulu bayaliphika,
Ukuthi uJesu Kristu unguNkulunkulu wethu; (Kunjalo.)
Lesi sizukulwane silahla isambulo sikaNkulunkulu,
Kodwa sihamba lapho abaphostoli benyathele khona.

Usuku lokuhlengwa seluseduze,
Izinhliziyo zabantu zehlulwa ukwesaba;
Gcwaliswani ngoMoya, izibani zenu zilungisiwe zahlanzwa,
Bhekani phezulu! Ukuhlengwa kwenu sekuseduze.

366 Thola isambulo, mfowethu. Lesi sizukulwane, silahla isambulo sikaNkulunkulu! Niyabo? Abaprofethi bamanga bayakwenza lokho. "Niyakubazi ngezithelo zabo." Ba—babhasteliwe. Bakhuliswa enhlanganweni; esikhundleni seZwi likaNkulunkulu, isambulo sikaNkulunkulu eZembula ngoKristu, OyiZwi. O, he!

367 Singama lapha, kodwa uma...thola futhi lapho ngibuya, uma nifuna. Manje kukhona...Nifuna ukuqhubeka, lokho kukini. [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kulungile. Kancane nje...Ngizosheshisa, ngakho-ke, kodwa ngithathe isikhathi esanele ukuthi nizo...Ninesikhathi esithile sokuphumula, ngemva kwalokhu. Kulungile.

Ngokufanayo, qaphelani, leyoMbewu eyamiselwa ngaphambili!

368 UMoya oNgcwele, wodwa, uyakukhombisa ukuthi Ungubani; akukho baprofethi noma amakhosi aKhe. Futhi lapha uNkulunkulu ebonakaliswa enyameni. Nakhu ukugcwala. Wembulwa ngokuphelele futhi waziswa emhlabeni. O, he!

369 Bukani eNtabeni yokuGuqulwa isimo, lapho ubufakazi bukaNkulunkulu uqobo lwaKhe, "Lena iNdodana yaMi ethandekayo. Yizweni!" Nakho kumi uMose emelele umthetho. Nakho kumi u-Eliya emelele abaprofethi. Kodwa Yena... Badlula, futhi Wathi, "Lena iNdodana yaMi ethandekayo. Yizweni!" Kwakumelelwe okuthathu lapho; umthetho, abaprofethi, kanye noMo-...kanye noKristu. Futhi Wathi, "*Lona* nguYe." UNkulunkulu, ngokugcwele; kungabonakalisiwe kubaprofethi, kungabonakaliswa ngomthetho; kodwa kubonakaliswa kuKristu, nguYe.

370 UKristu unesihe. Umthetho wakufaka ejele, kodwa awukwazanga ukukukhipha. Abaprofethi bangubulungiswa bukaNkulunkulu, ukunilahla nokunibulala ngakho. Kunjalo. Kodwa uJesu wayeluthando lukaNkulunkulu nesambulo, ukwazisa, eMbewini eyamiselwa ngaphambili, ukuthi Wayekubizile. "Yizweni. Yizweni!"

371 Yazi! Ukugcwala kobuNkulunkulu kuyaziswa. Lemfihlo yemfihlakalo manje seyembuliwe, ukuthi uNkulunkulu ubonakalisiwe. UNkulunkulu nomuntu baba Munye, uMuntu ogcotshiwe, uKristu! Kuchaza ukuthini *uKristu* na? "OGcotshiweyo," oGcotshiweyo owagcotshwa ngokugcwala kobuNkulunkulu ngokomzimba. O, he! Abantu bangakungabaza kanjani na?

372 Lapho kanye, ingxenye, uMose wayenaYe; ingxenye, uDavide wayenaYe; o, he, kodwa Nangu ebonakaliswa ngokugcwala, ubuNkulunkulu qobo lwaBo bumi emhlabeni. UNkulunkulu, ekugcwaleni kwaKhe, ukufela isono sabantu, ukuze Alethe eBandleni laKhe ukuPhila okungcwelisiwe; ukuze abe nokuba ngokokuqala, ekugcwaleni, eBandleni laKhe, ukubonakalisa zonke izithembiso ngalezizinsuku zokugcina, Azithembisela izinsuku zokugcina. Niyabo? Okwakuyikho...

373 Lalelani manje. Nilalele na? Manje vele uzincinze kancane manje. Bheka.

374 UJesu wabonakaliselwa ini na? Ukukhombisa uNkulunkulu. WayenguNkulunkulu. Wayefanele abe nguye; akukho muntu owayengafa, akukho mprofethi owayengafa. WayenguNkulunkulu. WayenguNkulunkulu wabaprofethi. Wayengabaprofethi. Wayengamakhosi. Wayengumlando. WayenguYe Owayezofika. Owayekhona, Okhona, naLowo ozoba kulolusuku; onguye izolo, namuhla, naphakade. Wabonakaliselwa leyonhloso.

375 Futhi ngaleyonhloso Wazuza iBandla, ukuze Yena, ukugcwala kukaNkulunkulu, engafeza lonke iZwi

likaNkulunkulu elithenjisiwe ngalezizinsuku zokugcina; lapho Ethola ukuba ngokokuqala, okokuqala eBandleni, isikhundla, indawo yaKhe eBandleni. UJesu wathi, "Okholwa yiMi, imisebenzi eNgiyenzayo naye uyakuyenza; ngisho nengaphezu kwalena uyakuyenza, ngokuba Ngiya kuBaba waMi." Niyabo, leyo kwakuyinhloso yaKhe. Kwakulapho-ke ukubonakaliswa. Futhi manje, namhlanje, Ufuna ukuthola umuntu othile ongakubona kanjalo, ukuthi bengavumela iZwi . . .

376 Niyabo, uJesu ukubone kanjalo, wazalelwa lolosuku ngokuphelele kakhulu, uNkulunkulu waze waveza wonke umnyakazo Ayewenzile. Wayeyisambulo sikaNkulunkulu; uNkulunkulu, embuliwe.

377 Manje Wangcwelisa, ngoMoya waKhe neGazi, iBandla, ukuze Enze zonke izithembiso ngalolusuku lokugcina zembulwe. Manje, niyabo, Wayengabuyela emuva futhi acoshe lokho laba abanye abafo abashiye khona lapha, ngezinsuku zokugcina, futhi ngoMoya waKhe oNgcwele wembula yonke imfihlakalo yeziMpawu eziyisiKhombisa. Niyabo, Uyaziveza Yena uqobo. Leyo yinhloso yaKhe. Yingakho Wafa. Lokho ukwembulwa kwesibili kokubonakaliswa kwaKhe okukathathu. Okokuqala, ukuZiveza kuKristu, bese-ke aZiveze ngeBandla. Futhi into efanayo, uKristu wayeyiZwi, neBandla liba yiZwi lapho livumela iZwi lidlule kubo.

378 Kodwa lapho bemukela ihlelo elibhasteliwe, iZwi lingadlula kanjani kukho na? Lizinzile, khona-ke libangela ukushoda nokuqhumisa ifuzi. Niyabo?

379 Kodwa uma amandla kagesi ehamba ngokukhululeka, iZwi likaNkulunkulu, Liyaziveza Lona uqobo. "Imisebenzi eNgiyenzayo nani niyakuyenza, futhi." Futhi ngezinsuku zokugcina kuyokwenzeka: "Bhekani Ngiyathumela kini u-Eliya umprofethi, futhi uyophendula izinhliziyo zaba—zabantwana zibuyele ekuKholweni koyise."

380 Futhi phakathi lapho, kuyobakhona isikhathi esiyovela lapho Ayengakwazi ukuZiveza ngokugcwala kobuNkulunkulu baKhe, ubuNkulunkulu, ngeBandla laKhe, abe ngokokuqala kuleliBandla. O, he! Ini? INdoda egcotshiweyo; manje abantu abagcotshiwe; o, he, ukubuyisela uMlobokazi ogcotshiwe noMyeni. Egcotshwe ngo (ngani?) ngokwamukela lokho u-Eva akwenqabayo, no-Adamu; ebuya nogcobo lweZwi, ngoba Wathi, "IZwi laMi linguMoya." Niyabo, egcotshwe ngeZwi. Lokho u-Eva akwenqabayo, Uyabuya futhi siyakwamukela.

381 Niyabona ukuthi kanjani lesosimo sokubhastelwa, futhi, impela nje akwenze u-Eva.

382 Wathi ku-Eva, "Ungakwenzi *lokhu*, futhi ungakwenzi *lokho*; futhi ungenza *lokhu*, na*lokho*."

383 Futhi uSathane wathi, "O! Uyazi . . ." Kodwa waphenduka futhi wamlalela.

384 Kodwa u-Eva ngosuku lokugcina akazukukwenza, ngoba Wamisela ngaphambili ukuba angakwenzi. Yebo, mnumzane. UNkulunkulu uzokwenza. Uyazi. Uzoba nakho. Wathi eyaKhe, ibala. . . "IBandla lalizoba lapho lingenabala noma umbimbi." Uzoma lapho ebuhleni baKhe, iZwi laKhe libonakalisiwe.

385 Uyoba uphawu emhlabeni. Uyoba yi-ex-. . . Uyoba okuthile emhlabeni umhlaba ongakubuka futhi usho, awu, umhlaba wonke uthi, "A, Ungumgingqiki ongcwele. Ungumzala wesibili. Akayena oweqembu lethu." Ngiyazi. Yinto enhle leyo, niyabo. U—UngowaleliQembu phezulu *lapha*.

386 Indoda yathi ngolunye usuku, kimi, imile futhi ikhuluma, yathi, "Awu, ungowaliphi ihlelo na?"

Ngathi, "Lutho."

"Ini?"

"Lutho." Ngathi, "NgingowoMbuso."

"Awu, ulijoyina kanjani lelo na?"

"Awulijoyini. Uzalelwa kulo." E-hhe.

"Mbuso muni lowo na?"

Ngathi, "UMzimba ofiphele kaJesu Kristu."

387 "NgaMoya munye sibhaphathizwa kuloMzimba," sizalwa ngoMoya waKhe, khona-ke singaboMbuso. Futhi izimpilo zethu azisiwo amaMelikana, asisiwo amaJalimane, asiyilutho; singamaKristu. Sizinzile, futhi sihamba ngoMoya, isigqila sothando. Kusukela ezintweni zezwe, namalungelo ethu ezweni, sithengisile futhi sathenga leliPharele leNani eliKhulu, futhi sihamba futhi sivumela uMoya oNgcwele uZibonakalise. Yilokho iBandla laKhe langempela eliyikho. Yilokho oyikho, engiyikho, uma sizozivumela ukuba sihambe futhi sikhonze uNkulunkulu, nangeZwi laKhe, futhi hhayi ngalokho isivumokholo esithize esikushoyo.

388 Qaphelani, iNdoda egcotshiweyo, uKristu qobo lwaKhe lapha, O Nkulunkulu, uyaziswa. Kodwa manje, bukani, kodwa—kodwa manje (Hawu!) Unokuba ngokokuqala. UNkulunkulu ebonakaliswa ngokugcwele, kuJesu Kristu, imfihlo enkulu kaNkulunkulu yesambulo saKhe.

389 Lokhu kuKhanya okukhulu kwesambulo bekulokhu kuphuphuthekisa ukuhlakanipha kwalelizwe.

390 Ngezinsuku zikaJesu Kristu, ngenkathi Elapha emhlabeni, ba—babebaphuphuthekisile. Bathi, "Ngani, uze uZenze uNkulunkulu! UZenza ulingane noNkulunkulu!" Wayengalingani noNkulunkulu kuphela; WayenguNkulunkulu qobo lwaKhe. Niyabo, abakutholi. Futhi empeleni, abanye benu bangase. . .

391 Ngizwe abaphikinkolo ngesinye isikhathi bengitshela ukuthi uJesu akakaze asho ukuthi WayeyiNdodana kaNkulunkulu.

Impela washo. Wakusho ngempela. Awulazi nje iBhayibheli lakho. Wathini kowesifazane emthonjeni na? Niyabo? Wamtshelani na?

392 "Ngiyazi ukuthi uMesiya uyeza. Futhi lapho Efika, Uyokwenza lezizinto."

Wathi, "NginguYe, futhi okhuluma nawe."

Futhi kuPawulu, futhi, nakwabanye abehlukene.

Qaphelani. Kodwa manje iBandla selinokokuqala.

393 Imfihlo enkulu kaNkulunkulu ibilokhu iphuphuthekisa ukuhlakanipha kwezwe. Abakwazi ukukuthola. Abakuqondi nje. USathane akakuqondi. Akekho kubo bonke abanye okuqondayo, kodwa yilabo abamiselwe ngaphambili ukukuqonda, ukuthi uNkulunkulu noKristu baMunye kanjani. BayoMenza abathathu ngaso sonke isikhathi. Niyabo? Bazokwenza impela.

394 Qaphelani, ngokulandelayo, okwesibili, uKristu obonakalisiwe kini, ithemba lenkazimulo. Lowo omkhulu, uNkulunkulu obonakalisiwe kuKristu; manje uKristu ebonakalisiwe kini.

Sizophuthuma.

395 Bukani! Lokho okwake kwaba imfihlo enkulu kaNkulunkulu, imfihlo eyimfihlakalo enkulu engqondweni yaKhe, manje isifakwe ezinhliziyweni zekholwa, okungukuthi, uMzimba kaKristu. Lokho okwake kwaba yimfihlo enkulu kaNkulunkulu emqondweni waKhe, ngaphambi kokusekelwa kwezwe, manje kuyabonakaliswa. Cabanga ngakho, mngane. O, o, ngi . . .

396 Ngiqinisekile ukuthi asinjalo, asikutholi. Awu, a—angikwazi ukukubona ngendlela ebengifanele ngikubone ngayo, futhi—futhi ngiyaqiniseka ukuthi anikuboni. Niyabo?

397 Kodwa imfihlakalo kaNkulunkulu enkulu, lokho uNkulunkulu waPhakade ayenakho njengemfihlakalo, manje sekwembulwe kuJesu Kristu, kwase-ke kunikezwa phansi ngqo eBandleni laKhe. Okwake kwaba semqondweni kaNkulunkulu manje sekuseMzimbeni kaKristu. UJesu enza uthando eBandleni, uMlobokazi waKhe, eMhlebela izimfihlo.

398 Uyazi ukuthi umtshela kanjani umkakho izinto, uyazi, intombazanyana ozoyishada. Uyithanda kakhulu, uvele uyitshele izimfihlo, futhi uyisukumise uyisondeze eduze kwakho, futhi ikuthande nakho konke. Uyazi ukuthi kunjani.

399 Yilokho uNkulunkulu, uKristu, akwenzayo eBandleni. Niyabo? ULazisa izimfihlo, izimfihlo nje. Hhayi laba abadlalala ngothando; ngiqonde uNkosikazi waKhe (Niyabo? Kulungile, manje bukani.) uyazi, ngokubazisa ukwambulwa kwemfihlo yaKhe, ngomusa waKhe! Yeka umusa kaNkulunkulu! Bantu,

ngiyakwazi . . . Ngethemba ukuthi anicabangi ukuthi lokhu kuzwakala kubhekene nomuntu siqu sakhe, e—esigejaneni sabantu, noma *lokhu, lokho*; kodwa imfihlo uNkulunkulu abelana ngayo neBandla lonke, uma nje bengayemukela. Niyabo? Akusho mina nje kuphela noma wena nje kuphela. Kusho iBandla, ukuthi U—Uzama ukungena kulo.

400 Futhi wena uthi, "Awu, kungani bengakwemukeli na?" Abakwazi ukukwemukela. Wathi, futhi, Washo lezizinto. "Futhi babengakwenza kanjani na?" Ngoba u-Isaya wathi ngeke bakubone. Niyabo? Futhi Wayehlale ethi . . .

401 Umprofethi uPawulu wathi, "Ezinsukwini zokugcina abantu bayoba namawala, abakhukhumele, abathandi benjabulo kunokuthanda uNkulunkulu, abahlebi, abangazithibi, abangenabumnene, nabangathandi okuhle; abanamawala, abakhukhumele, niyabo; benesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha aMandla akho bewaphika; laboke wobagwema. Ngokuba kulabo kuvela abanyonyobela ezindlini, behola abesifazane abasindwa yizono, beqhutshwa izinkanuko eziyizinhlobonhlobo," nezikhindi, nezinwele eziphunguliwe, nakho konke okunye. "Baqhutshwa yizinkanuko eziyonhlobonhlobo, futhi bethi, 'Kulungile. O, bayahlanya laphaya. Ungabana . . .'" Niyabo? "Bengeke bakwazi ukufika ekulazini iQiniso. Nalamadoda amelana naLo, njengoba uJambre noJane bamelana noMose," bakwazi ukuveza ibandla, futhi baveze iqembu labantu. Yebo, mnumzane.

402 "Kodwa ubuwula babo buyobonakaliswa," ngenkathi uJesu ethatha uMlobokazi waKhe futhi eMbeka phezulu lapha, futhi wathi, "*Lona* nguYe," futhi nanguya Ehamba naYe. Kunjalo. Futhi ubuwula babo buyokwaziswa.

403 Kubukeni, ninesambulo salemfihlo eyenziwe yaziwa kubo ngomusa waKhe! Bukani! Lapho lesi sambulo esikhulu, imfihlakalo eyembuliwe, yaziswa kuwe, khona-ke ulahla zonke izinto zezwe.

404 Manje ngizobuya kanye futhi. Ngingahle nje ngikusho, ngikukhomba kukho, ngenxa yeteyipu, nalabo abawelela ngaphesheya; leteyipu iya emhlabeni wonke. Niyabo?

405 Nina besifazane enizisho ukuthi ninombhaphathizo kaMoya oNgcwele, futhi hhayi isibindi sokuvumela izinwele zenu zikhule; lapho iBhayibheli likulahla futhi lathi okowesifazane . . . indoda inelungelo lokulahla umkayo ngesahlukaniso uma ephungula izinwele zakhe. Uthola udumo phambi kukaNkulunkulu, ukwenza kanjalo. IBhayibheli lathi, uma egunda izinwele zakhe, uhlazisa ikhanda lakhe. Futhi kuyinto evamile; nje, niyazi, noma iyiphi enye into endala evamile okuyiyo, ukuba owesifazane aze akhuleke ngisho nezinwele eziphunguliwe. Niyabo?

406 Ukugqoka izikhindi, nalamabhlukwe amasleksi, nezinto! IBhayibheli lathi, "Noma yimuphi owesifazane ozokwenza," (o, wena uthi...) "owembatha ingubo engeyowesilisa, kuyisinengiso kuNkulunkulu," amanyala, ukungcola, njengendlu yokugezela endala enukayo ndawana thize. Niyabo? O, he! Ukungcola emakhaleni kaNkulunkulu! Bese kuthi-ke uzama ukukhuleka noma ukwenza imikhuleko entweni enjengaleyo na? UNkulunkulu uyawala, uyawujikisa. Kunjalo.

407 "Awu," wena uthi, "manje awume kancane, Mfowethu Branham, ukhuluma ngeTestamente eLidala."

408 Unguye izolo, namuhla, naphakade. Yisambulo sikaNkulunkulu esigcwele. UNkulunkulu uke asho noma yini, Angeke aze ayiguqule. Uhlala eyikhulisa, akayiguquli. Umthetho wakhuliswa, awuguqulwanga. Wakhuliswa!

409 "'Noma ubani ophingayo uyoba necala lokufa,' kodwa noma ngubani," manje okukhulisiwe, "obuka owesifazane ukuba amkhanuke!" Akazange aguqule umyalo. Wawukhulisa.

410 "'Khumbula usuku lwesabatha; lugcine lungcwele,'" usuku olulodwa ngeviki; manje Wawukhulisa, o "kuye konke" kuvela ekugcineni uMoya kaNkulunkulu. "Isiyalezelo phezu kwesiyalezelo, nomudwaa phezu komudwa; lapha ingcosana, nalapho ingcosana. Bambelela kulokho okulungile. Ngokuba ngezindebe ezingingizayo nangezinye izilimi ngiyakukhuluma kulababantu. Futhi lokho yikho konke. Lokho ngukuhlumelelisa okuvela eBukhoneni beNkosi."

411 Futhi nokho abaLizwanga, futhi banikina amakhanda abo futhi bahamba, ngenxa yamahlelo abo. E-hhe. "Lokhu kunguhlumelelisa," bhekani, ukukhulisa usuku lwesabatha; kini maSabatha, nokunye nokunye. O, he! Akaguquli. Uyakukhulisa. Isihogo sesisabalalise amasango aso ukuze sibemukele.

412 Manje, niyabona manje, uMlayezo wesikhathi sokugcina, ukuthi kungani Wenqatshwa. Niyakwazi na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Manje, akukho hlelo, kodwa isambulo semfihlakalo yaKhe. Niyabo, akukho hlelo. Isambulo! UNkulunkulu akaziwa ngehlelo. Waziwa ngesambulo.

413 Bhekani! UNkulunkulu eMzimbeni waKhe, uKristu; noKristu eMzimbeni waKhe, uMlobokazi. O-o-o, he! UNkulunkulu wabonakaliswa kuKristu; UKristu ubonakaliswe kuMlobokazi! Futhi njengoba uNkulunkulu athatha emzimbeni ka-Adamu, owesifazane, futhi wawa; khona-ke uNkulunkulu wathatha emzimbeni kaKristu, inyama yaKhe, uMzimba waKhe, oyiZwi laKhe, futhi ukhipha uMlobokazi ongeke awe ngehlelo noma isivumokholo. Qha, mnumzane. Kodwa Ubuya nelimsulwa, iZwi likaNkulunkulu elingaxutshiwe libonakaliswa.

414 Ngethemba ukuthi wonke owesilisa oyizwayo leteyipu, nawo wonke owesifazane, uzokuqonda lokho. Niyabo?

415 Ungu-Eva wesibili, kodwa Akaphuli futhi—futhi one iziketi zaKhe zobumsulwa nobungcwele, kuMyeni waKhe. Uyohlala neZwi laKhe kungakhathaleki ukuthi noma ubani uthini. Ungaba nayo yonke iminyakazo yenkolo yobukristu oyifunayo, nazo zonke izinhlangano ezihlanganisile.

416 Futhi zizoletha ukuhlushwa, maduze impela, futhi zivale onke amabandla. Niyakubona lokho. Namabandla anjengalawa, angelona ihlelo, bayowasebenzisela indlu yokugcina impahla, noma yini. Futhi uma noma yimuphi umuntu ehamba futhi ekhulekela noma ubani omunye ongeyena owomnyakazo wezomnotho, uzodutshulwa khona lapho. Konke sekulungele. Lowomfundisi weLuthela, inhloko yalo, washo njalo. Futhi kulapha ngqo, ningakufunda khona lapha ephephabhukwini lakho. Kulungile.

417 Akwenzi mehluko abakushoyo, leloBandla liyoma liqinisile ekulweni. Selivele likufakazisile emuva ngaleya, futhi Lizokwenza futhi ebusweni bayo yonke into. YiZwi likaNkulunkulu. Futhi makuthi yonke iminyakazo yenkolo yobukristu nakho konke okunye kuhambe. Lizoba Lapho lingenabala noma umbimbi. Kunjalo. Lizoma lapho.

418 Qaphelani, uNkulunkulu wazibonakalisa Yena uqobo emzimbeni waKhe, uKristu. Manje niyakubona ukwembulwa okukathathu, into enhle na?

419 UKristu eMzimbeni waKhe, iBandla, eqinisekisa iZwi laKhe elithenjisiwe, njengoba uNkulunkulu enza ngoKristu.

420 "Ubani ongaNgilahla ngesono na? Uma Ngingenzi imisebenzi kaBaba, khona-ke kukuphi lapho eNgi—kukuphi lapho eNgihluleke khona na? Manje nina bafo nithi niyakwenza, nina hlelo manje, manje Ngikhombiseni. Ya. Ngikhombiseni lapho ngehluleka khona ukuba nguMesiya. Khombisani lapho Engahluleka khona, ngesibonakaliso esisodwa uNkulunkulu athi uMesiya uyosenza, ukuthi angizange ngisigcwalise," Washo. Niyabo? UNkulunkulu emzimbeni waKhe.

421 Manje uKristu, "Imisebenzi eNgiyenzayo nani niyakuyenza." Niyabo, niyabo, uNkulunkulu ofanayo. Niyabo? "Imisebenzi eNgiyenzayo nani niyakuyenza; eminingi kunalena, ngokuba Ngiya kuBaba waMi," iBandla lizoba isikhathi esidanyana ekuKhanyeni, niyabo. Eqinisekisa iZwi laKhe elithenjisiwe. Njengoba uNkulunkulu enza izithembiso zaKhe emzimbeni kaKristu, kanjalo noKristu wenza imisebenzi yaKhe efanayo eMzimbeni kaKristu, iBandla, niyabo, manje enza imfihlakalo yaKhe yaziwe eMthini woMlobokazi waKhe ngosuku lokugcina, eveza izithelo ezaziseMthini ekuqaleni.

422 Bhekisisani, umuthi uveza igatsha, iLuthela. Lenzeni na? Ngenkathi umuthi uqala ukukhuphuka, nasi isithelo sikhuphuka nawo. Kwenzekeni na? Bakwenza ihlelo. Ngakho-

ke umtheni uyadlula, uBaba, uMlimi, futhi akunqamule lokho, uthi, "Kufile."

423 Kwenyuka umWeseli; sekuvele kukhuphukile. Kwenzeni na? Isithelo sabuyela ngqo emithini futhi, ngakho-ke Wawunquma umvini, wafa.

424 Ngibonise elilodwa, ibandla elilodwa . . . Ngifuna ukwazi. Ngineminyaka engamashumi amathathu nantathu yomlando webandla. Ngikhombise isikhathi esisodwa, indawo eyodwa, lapho noma yiliphi ibandla elake lahlela elingafelanga khona lapho. Ngikhombise indawo eyodwa ake avuka futhi, ngaphandle nje kwezinombolo nezinto, hhayi imvuselelo. Niyabo? Akukho lapho. Qhabo, mnumzane. Seliphelile.

425 Wenzani uMlimi na? Weza walithena. Niyabo? Laveza isithelo sehlelo; ulamula esihlahleni samawolintshi, ngakho-ke Walithena, niyabo. Laliveza, laqhubeka limila.

426 Kodwa iphi inhliziyo yomuthi na? Maphakathi ngqo. Futhi Uwathene wonke awa phansi, waze wafika esiqongweni . . .

427 UneMbewu ezansi lapha empandeni. Njengomuthi otshalwe ngasemifuleni yamanzi, lowo othatha imithetho kaNkulunkulu nothando enhliziyweni yakhe. "Futhi uyoba njengomuthi," AmaHubo 1, "otshalwe ngasemifuleni yamanzi; amaqabunga akhe awayikubuna; ngesikhathi sakhe sonyaka uyakuthela isithelo sakhe." Futhi nakhu kulungile . . .

428 Futhi kukuphi lapho isithelo sivuthwa ngokushesha na? Esiqongweni somuthi. Kungani na? Ukukhaya kuphezu kwaso. Amen! Kunjalo. Futhi khona esiqongweni somuthi, kulolu izinsuku zokugcina, Uveza uMuthi woMlobokazi.

429 Manje khumbulani, UyilowoMuthi wokuPhila, ophambene ne "mbewu yenyoka," uyabona. UyileyoMbewu, "iMbewu yowesifazane," uMuthi wokuPhila ensimini. "Futhi funa belule izandla zabo futhi banyakazise lowoMuthi, bayodla lowoMuthi futhi baphile inguna phakade." Futhi nguYe kuphela uMuthi ongathathwa, ukuze uphile phakade. IZwi laKhe linguKuphila. Futhi lelo makube yiZwi khona-ke, iZwi likaNkulunkulu u-Eva alenqaba ensimini yase-Edene; khona-ke nangu uKristu, iZwi, libonakaliswa.

430 Futhi ngenkathi Efika emhlabeni, WayenguMuthi wokuPhila. Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Futhi iRoma, benzani na? Kwadingeka agawulwe phansi. Futhi Wabekwa emthini wehlazo, "uqalekisiwe olenga emthini," uba yisiqalekiso sohlanga lwesintu.

431 Futhi manje ngalokho, Uveza uMuthi woMlobokazi, ozoba uMuthi wokuPhila ubuyiselwe kuYe, njengoMyeni noNkosikazi ensimini yase-Edene, (o, udumo kuNkulunkulu) ngeZwi

elifanayo noNkulunkulu ofanayo ebonakaliswe kuMyeni noNkosikazi, uMuthi woMlobokazi ofanayo ubuyile futhi.

432 Qaphelani, ukwenza kwaziwe! Kanjani . . . He, kunokuningi nje lapha, singalokhu nje siqhubeka. Qaphelani, loMuthi, woMzimba kaKristu, ensimini. Ukwenza, manje enza imfihlakalo yaKhe yaziwe kuloMuthi woMlobokazi.

433 Bhekisisani, ehlengwe nguKristu, u-Adamu wesibili. Niyakholwa ukuthi Wayenguye na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ebuyela eKhaya, e-Edene, nomkaKhe owile ehlengiwe ebuyela eKhaya futhi. Lowo nguKristu eBandleni namhlanje, ethatha uNkosikazi waKhe ambuyise. Niyayibona imfihlakalo ekathathu manje na? ["Amen."] UNkulunkulu ebonakaliswe kuKristu; uKristu ebonakaliswe eBandleni; konke ndawonye, ukubuyisela u-Adamu no-Eva wasekuqaleni futhi, owesilisa nowesifazane, abamunye, benziwe ngeGazi elifanayo noMoya ofanayo, nakho konke okunye.

434 IBandla liyiGazi likaKristu, ngoMoya, ngoba u—ukuPhila kuseGazini. Lowo ngumbhaphathizo kaMoya oNgcwele osibhaphathizela eMzimbeni waKhe, lokho kuqonda kuphela uMzimba waKhe, inyama yaKhe, iZwi laKhe. [UMfowethu Branham umbambatha iBhayibheli lakhe—Umhl.]

435 Ihlelo angeke, lilokothe lithinte lokho. Kuyisambulo. Yena uyakwazi. Kanjalo no-Eva wayekwazi, kodwa wawa; kodwa lo uyakwazi, futhi angeke awe. Ugcotshiwe! Haleluya! Whewu! Ugcotshiwe ukuthi angawi. Ngeke ehluleke. Umiselwe ngaphambili kukho. "Ubusisiwe umuntu uNkulunkulu angeke ambalele isono." Nina befundisi niyazi ukuthi ngikhuluma ngani, kuyilapho kukhona idazini lenu elihlezi lapha. Niyabo? "Ubusisiwe umuntu uNkulunkulu angeke ambalele isono," uDavide.

436 Qaphelani, ehlenga ebuyisa, kanye naYe, eya eKhaya; abuyele ekuPhileni okuPhakade emzimbeni womuntu, edla, ephuza, ephila inguna phakade. U-Isaya wathi, "Babeyokwakha izindlu futhi bahlale kuzo, batshale izivini futhi badle izithelo. Ngeke bakhe futhi omunye athathe." Abantwana ngeke bakuthathe, kodwa bayoba lapho nenzalo yabo. Uzokwakha futhi ahlale lapho. Amen. "Akakhi, futhi kudle omunye; uyakha futhi adle, yena uqobo." Amen! Kuyini na? UMlobokazi waKhe ebuyela emuva naYe, ehlengiwe wabuyela ku-Adamu wasekuqaleni no-Eva futhi, ngokuba ukufa kusele ngemuva. Babuka emuva esiphambanweni futhi babona ukufa sekukhokheliwe.

437 Futhi manje, ngokukholwa, sivuswe kanye naYe, sihlezi ezindaweni zaseZulwini khona manje, sibheka emuva kulokho okusihlengile; silindele uMyeni ukuba afike, ukuthi simashe siye eKhaya naYe.

438 Inhloso kaNkulunkulu ekathathu, yabonakaliswa ku-Adamu no-Eva, nakuwo wonke umprofethi, futhi kwehle kuyo yonke iminyaka, futhi Ozayo; Owayekhona, Okhona, futhi O—Ozayo. Konke ukubonakaliswa, isambulo seZwi likaNkulunkulu, U-Adamu no-Eva bebuyela eKhaya futhi, behlengiwe, uNkulunkulu Ezazisa!

439 Lapho Uyohlala phezu kwesiHlalo sobukhosi sikaDavide (Kunjalo na?) futhi siyoba ngesakhe, abuse zonke izizwe ngentonga yensimbi. Kuzoba khona u—umuthi ngapha nangapha, nesizwe ngasinye esingenayo, lokhu kuphulukiswa kuzoba okwe. . . lawa mahlamvu azoba ngawokuphulukiswa kwezizwe. Amakhosi ayakuletha udumo lwawo kuwo. Ngeke kube khona lutho olungangcolisa, noma yini eyoke ingene. NeNtaba iSiyoni iyoba nokuKhanya kuyo, imini yonke nobusuku, nabahlengiweyo bayakuhamba kulokho kuKhanya. O, haleluya!

440 Ukucabanga, akuyona indaba eyinganekwane, akuwona umqondo othile wesayense yezenkolo. Yisambulo sikaJesu Kristu, ngeZwi laKhe, elikhanya ngokwedlulele, beliyiqiniso kuyo yonke iminyaka. Futhi Liyiqiniso kulonyaka. Liyiqiniso lapha manje. Liyiqiniso kimi, Liyiqiniso kuwe, nawo wonke owesilisa nowesifazane ophethe lesi sambulo. Amen.

441 Futhi ubone uNkulunkulu qobo lwaKhe ezenza ukuba Aziwe, futhi eZigqugquzela empilweni, ukuthi uyisiboshwa kuYe manje. Uyisiboshwa sothando saKhe. Umhlaba ungahleka, uhlekise ngabo, uthi, "Phumani." Ungahamba, kodwa uyisiboshwa. Niyabo? Abanye besifazane bangalingisa iHollywood, kodwa hhayi wena. Uyisiboshwa. Amen. Niyabo, uyisiboshwa sikaKristu. Amanye amadoda angabhema futhi aphuze futhi aqhubeke, uma efuna, futhi azibize ngamaKristu, abadikoni, ngisho nabashumayeli, kodwa hhayi wena. Uyisiboshwa, isiboshwa eZwini. Yebo, mnumzane. Yebo, mnumzane.

442 Azisa imfihlakalo yaKhe kuMuthi woMlobokazi waKhe; uhlengwe nguKristu, u-Adamu wesibili; ebuyela eKhaya, ukuze ubuyiselwe e-Edene yasekuqaleni, ukhululekile ekufeni, ekuguleni, osizini, ehlazweni, ubuyela emuva nokuPhila okuPhakade.

443 Manje-ke, lalelani, abantu abaningi kakhulu banomqondo ongewona. I—i . . . Ukuguqulela abantu ebuKristwini, nakuhulumeni wakhe, akuwona nhlobo umcabango kaNkulunkulu. Wena uthi, "Senza abaguqukela ebuKristwini ngohulumeni waKhe." Akukhona lokho. "Awu, abafanele baphuze. Abafanele baqambe amanga." Niyazi ukuthi amaMohamede angakudlula wena na? Uyabazi abahedeni e-Afrika, lawo madoda amnyama, futhi banemithetho phakathi kwezizwe zabo edlula noma yini ongayikhiqiza ebuKristwini.

444 Ngani, ngiye kuleso sizwe samaShangane lapho. Uma intombazane encane ingashadile eminyakeni ethile, ifanele ishiye i—ishiye isizwe, isuse upende wesizwe sayo. Ingena edolobheni; iyisisebenzi esingaqashiwe nje. Futhi uma yona . . . Ngaphambi kokuba ishade, ifanele ihlolwe ubuntombi bayo. Uma ifunyanwa inecala lokuphinga nendoda ethile, yena owesilisa . . . izofanele isho ukuthi ubani, futhi bayabulawa bobabili, ndawonye. E-hhe. O, banga—bangadlula lokho okubizwa ngokuthi . . .

445 Kuthiwani uma wenza lokho kulabo okuthiwa bangamaKristu na? Amaphesenti angamashumi ayisishiyagalolunye nesishiyagalolunye awo abeyofa ngaphambi kokukhanya kwelanga. Kunjalo. Kunjalo, kokubili abesilisa nabesifazane. Niyazi ukuthi lokho kunjalo.

"Ini?" Wena uthi, "Awu, ngimsulwa!"

446 "Yilowo nalowo obuka owesifazane ukuba amkhanuke, usephingile naye enhliziyweni yakhe." Manje kuthiwani ngalokho na? Kuthiwani ngawe, dade, ozethule kuleyondoda kanjalo na? Unecala nje sengathi ukwenzile. Niyabo?

447 "O, kodwa kulungile." Umelusi uyesaba ukusho lokho, ngenxa yani na? Ikomkhulu lehlelo lakhe lizomkhahlela aphume uma eqonda ngqo kulokho. Babhasteliwe. Abalithathi iZwi. IZwi lathi lokho kuyiqiniso. UJesu wathi kuyiqiniso, futhi UyiNhloko.

448 Manje qaphelani, uNkulunkulu eZazisa. Hhayi, asifanele sibaguqulele ebuKristwini ngohulumeni; kodwa ngesambulo, uKristu kuwe, njengoba uNkulunkulu ekuKristu. Njengoba uNkulunkulu wayekuKristu, uKristu kuwe! Lapho, lokho uNkulunkulu akwenza kuKristu, uKristu ukwenza kuwe! Lezo zibonakaliso kuNkulunkulu zenza kuKristu, uKristu uzenza kuwe! O, akukuhle lokho na? Mh! O, he! Ngiyakuthanda lokho.

449 UJesu wathi, "Ngalolo suku," lolo yilolusuku. "Ngalolo suku," lapho lesi sambulo saziswa, "nizokwazi ukuthi NgikuBaba, noBaba ukiMi; Mina kini, nani kiMi." Lapho isambulo sibonakaliswa, "Ngalolosuku niyokwazi ukuthi Mina noBaba siMunye; NgikuBaba, noBaba ukiMi." Bese kuthi-ke lapho isambulo sivela, khona-ke kungukuthi, "Mina kini, nani kiMi." Nakho la ukhona. Niyabo okuhlukahlukene, okukathathu kubonak- . . . Ukwenzela ini na? Ukukubuyisa. Sifanele sibe . . .

Njengoba uJesu wayeyiZwi likaNkulunkulu, Waqinisekisa okufanayo.

450 Uma Yena—uma Yena wayengelona iZwi, Wayengeke alibonakalise iZwi, Wayezoba yisazi sezenkolo esikhulu. Lowo kwakuyoba umesiya wangempela izwe elalimbhekile. Niyabo? Yebo, mnumzane, bekungaba nguye lowo.

451 Yilokho abakubhekile namuhla, omunye—omunye—omunye umuntu angadlula uBilly Graham, noma omunye umuntu ongaqeda ngenhlangano yabo, akhuphuke futhi abakhombise amaBaptisti awazi lapho ami khona. Impela. Babheke lokho. Kodwa iBandla libheke intobeko nezibonakaliso zikaNkulunkulu ophilayo, uKristu.

452 UJesu wayengesona isazi sezenkolo esikhulu. WayenguMuntu wasemaphandleni ovamile, indodana yombazi, obizwa kanjalo. Niyabo? Wahambahamba, kodwa uNkulunkulu . . . Wathi, "Abanye benu abaNgikhombise lokho iBhayibheli elikushoyo ukuthi Ngizokwenza, eNgingakubonakalisanga."

453 Ngakho-ke iBandla lingenza into efanayo namhlanje. Lokho uKristu akwenza, iBandla lenza kanjalo manje. "Ngalolosuku niyokwazi ukuthi NgikuBaba, noBaba ukiMi; Mina kini, nani kiMi." Niyabo? Nakho-ke, nimasha niqhubeka niya eSiyoni, e (kuphi?) eMbusweni! "Ngalolo suku nizokwazi ukuthi Ngikini."

454 Futhi qaphelani lapha. Lapha, kuhle. Angifuni nikugeje lokhu. Manje wonke umuntu, nani bantu eteyipini, phandle emahlathini nanoma yikuphi lapho eniKuzwa khona, manje lalelani.

455 "Futhi njengoba uBaba eNgithumile, nami Ngiyanithuma," kwasho uJesu. Niyabo? Manje bukani. UBaba owaMthuma wangena kuYe, ukuze aZiqinisekise kahle, ngokuba WayeyiZwi. NoJesu ofanayo okuthumayo, uhamba nawe futhi ekuwe, ukuqinisekisa uNkulunkulu ofanayo. "Njengoba uBaba eNgithumile, futhi Ngiphila ngoBaba; ngakho-ke Ngiyanithuma, futhi niphile ngaMi." Uyini Yena na? UyiZwi. Wena uphila ngeZwi. O, ngithanda kanjani ukuthatha indikimba kulokho, futhi ngishumayele manje cishe amahora athi awabe mabili kukho, niyabo, kulokho, ukuthi Wayenjani . . . kulokho. Qaphelani, qaphelani, "NoBaba oNgithumileyo," wahamba naYe. UBaba othumayo . . . uJesu osithumayo uyangena.

456 "Kuseyisikhashana izwe lingabe lisaNgibona, nokho niyoNgibona nina, ngokuba Mina," isabizwana somuntu, "Mina," uMuntu, uJesu, "uzakuba nani, ngisho kini, kuze kube sekupheleni kwezwe. Imisebenzi eNgiyenzayo nani niyakuyenza." Manje buyela emuva futhi ubone ukuthi Wenzeni, bese ubona ukuthi wenzani, bese-ke uyaziqhathanisa.

457 "Futhi njengoba kwakunjalo emihleni kaNowa, kuyakuba njalo ekufikeni kweNdodana yomuntu. Futhi njengezinsuku zikaLoti," ngenkathi uBilly Graham wesimodeni no-Oral Roberts behlela eSodoma futhi washumayela kulabo baseSodoma, futhi waphuphuthekisa amehlo abo, niyabo, ngeVangeli. INgelosi eyodwa yahlala emuva, isiThunywa no-Abrahama neqembu eliKhethiweyo, futhi hlobo luni lwesibonakaliso Alwenza na? Niyabo? Futhi u-Abrahama

waMbiza ngokuthini na? Elohim, uNkulunkulu ebonakaliswe enyameni. UJesu ekhombisa ukuthi Yena uqobo lwaKhe, uNkulunkulu kuYe, uzobonakaliswa kuMlobokazi waKhe ngezinsuku zokugcina! O, he, he! Akupheli nje kukho; Isambulo nje sikaNkulunkulu! KuPhakade, kulokhu kuqhubeka njalo njalo njalo.

458 Qaphelani, khona-ke, Oyedwa ofana no-Adamu wokuqala no-Eva, ngaphambi kokuba isono sibehlukanise ekufeni; manje uKristu, u-Adamu wesibili, ekuPhileni, uhlenga uMlobokazi waKhe ekufeni; futhi manje endleleni yaKhe ebuyela e-Edene lasekuqaleni, ebuyisela uMlobokazi waKhe enhlanganyelweni, emuva noNkulunkulu, njengoMyeni noNkosikazi, ensimini yase-Edene, uKristu noMlobokazi waKhe.

459 Futhi uNkulunkulu, ngalolosuku, "UMbuso unikelwe kuBaba; Angase abe yikho konke." "Ngenkathi esakhuluma, Ngizozwa." UDavide, uKristu, uDavide ehlezi esiHlalweni sobukhosi, iNkosi phezu kwaso sonke isintu. "Futhi ngenkathi besacabanga, Ngizokwazi ukuthi bacabangani. Ngaphambi kokuba bakhulume, Ngizobaphendula. Impisi newundlu ziyakudla ndawonye. Ingonyama iyakudla utshani njengenkunzi, futhi ziyodla ndawonye futhi zilale phansi. Aziyikulimaza noma zichithe kuyo yonke iNtaba yaMi engcwele," emuva ngqo e-Edene futhi, ngamandla okungawahamba!

460 Nanso inhloso yaKhe ekathathu. O Nkulunkulu, sisize sikwazi! Sisize sikwazi!

461 Lalelisisani manje futhi njengoba siqhubeka, sibuyela e-Edene lasekuqaleni.

462 Khona-ka lapho sizalwa nguYe, sigcwaliswe ngaYe. Niyabo, impilo yakho, ukuPhila kwaKhe kukuwe. Khona-ke, zonke izenzo zethu zifanele zimemezele Yena.

463 Njengokuthatha—khipha ukuphila komuthi owodwa futhi uwufaka komunye. Thatha impilo yesihlahla sepheya bese uyifaka esihlahleni se-aphula, uzothela amapheya. Kufanele, ngoba amansi esihlahla, ukuphila okukuwo, imbewana isihlahla samapheya. Kulungile.

Khona-ke, zonke izenzo zethu zifanele ziMmemezele.

464 SineGama laKhe. Ngabe kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Sifanele sithwale iGama laKhe.

465 Futhi khumbulani, sikhona manje, njengoMlobokazi waKhe, okhulelwe ngoMoya waKhe. O, he! IBandla, lizala abantwana, niyabo, likhuleliswe nguMoya waKhe ngeGama laKhe; ethwele iGama laKhe, ethwele ukuPhila kwaKhe; eveza izibonakaliso zokuPhila kwaKhe, zibonakala ngokokuqala, ubufakazi bokuvuka kwaKhe; ekhombisa ukuthi Akafile, kodwa uphila kuze kube phakade. Lokhu ngukuPhila okuPhakade,

futhi kuqinisekisiwe, kuqinisekisa ezweni ukuthi siphila kuYe. Whewu!

466 Wazi kanjani, ngoba uyilunga lebandla na? Ngoba, uKristu uphila ngawe, ukhulelwe kakhulu ngoMoya waKhe ukuthi u—uyisiboshwa kunoma yini enye. Uvalelwe ngaphakathi, o, he, eVangelini, uvalelwe ngaphakathi eZwini, futhi bonke abantwana ongabazala ngukuthi, ngoba uyisiboshwa.

467 Awukwazi ukuphinga; usuvele ukhulelisiwe. Udumo! Akakwazi ukubamba. Isibeletho sokuphila sivaliwe kunoma yini enye. Usuvele ungowaKhe, ngokumiselwa ngaphambili. LeyoNzalo isifike ekuPhileni; alikho izwe elingangena. O! O, singathanda kanjani ukuhlala kulokhu cishe ihora! Ngiqinisekile ukuthi niyaqonda. Niyabo? UKristu, nowaKhe yedwa, usevele uqedile. IMbewu yayilapho. IMbewu yayi, vele. Yabekwa nini lapho na? "Ngaphambi kokusekelwa kwezwe, usimisele ngaphambili ekuPhileni okuPhakade." Futhi kwathi nje umnikezeli kuPhila engageleza, leyoMbewu ilele lapho . . . Ezinye izimbewu ebezingavele zingene, ngeke zibambe, azikwazanga nje ukukwenza, kanjalo. Kodwa ngenkathi leyoMbewu ingena, masinya yavala isibeletho; yonke enye imbewu yaxoshwa, niyabo, kanjalo.

468 Futhi uba yisiboshwa, uzungeziwe, kuKristu. UKristu kuwe, ukuPhila kwaKhe kuveza ubufakazi baKhe obubonakalayo, izibonakaliso zaKhe. O, he, he, he! Bukani, eletha izibonakaliso zaKhe zokuPhila njengobufakazi obubonakalayo bokuvuka kwaKhe, efakazisa ezweni ukuthi ukuPhila okuPhakade, kuqinisekisa ezweni ukuthi siphila kuYe. Futhi cabanga ngakho, siphila noNkulunkulu, uMhlengi wethu, Owasidala ngenhloso efanayo impela, iBandla, kanye nokuPhila kwaKhe okudalayo kithi.

469 Lokho ngukuthi, uMose wayengathi, ngeZwi likaNkulunkulu, "Makube khona," futhi kuba khona izimpukane. UNkulunkulu ongenza izimpukane angenza izingwejeje. Niyabo?

470 Angenza noma yini Afuna ukuyenza. Angadala. Angenza noma yini. UnguNkulunkulu. Yena impela uNkulunkulu ofanayo, ongadala ukuPhila, niyabo, okukuwe, kungaba . . . Uyisiboshwa; ungeke ukukhulume Aze athi khuluma. Kodwa, ngenkathi ukhuluma, yiZwi likaNkulunkulu. Wakuqinisekisa ukuba kube njalo. Konke okunye kunjalo, futhi Uyazi, uma lokho kukhulunywa, kufanele kube njalo. Niyabo?

471 UMose wathatha intonga yakhe, wayesethi, "Makube khona amaxoxo," ngoba uNkulunkulu wathi, "Makube khona amaxoxo." Wavele wawasabalalisa. Kunjalo. Futhi amaxoxo ayekuyo yonke into, yonke indawo kwakukhona amaxoxo. Avelaphi na? Akekho owaziyo. Ayengekho lapho ngaphambili.

Kodwa uMdali, uNkulunkulu, esebenza ngomuntu, wadala izinto, uhlobo oluphilayo.

472 Yena kanye uNkulunkulu owenza ixoxo lokuqala angenza ixoxo lesibili. Wenza wonke amaxoxo. O, he! Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Wayenza ingwejeje yokuqala, wenza ingwejeje yesibili, wenza noma iyiphi ingwejeje; angenza izingwejeje lapho kungekho khona izingwejeje. Angenza noma yini Afuna ukuyenza! UnguNkulunkulu! UnguNkulunkulu! UkuPhila kwaKhe! O, he! Lapho ngicabanga ngakho, kungenza ngiqhaqhazele! E-hhe.

473 O, ukuhlala naYe, ukuya eKhaya naYe, ukuhlala naYe! Ukuya eKhaya naYe ukuyohlala naYe kuze kube phakade, nginokuPhila okuPhakade!

474 Lena imfihlakalo enkulu kaNkulunkulu yothando oluveziwe, ukuthi uNkulunkulu nomuntu baba munye. Niyabo? Yonke into nguNkulunkulu nomuntu, munye. UNkulunkulu nomuntu babemunye, lapho; futhi uNkulunkulu nomuntu bamunye, lapha. Niyabo? Kuyini na? Ugcwaliswe ngoMoya waKhe, Yena engowokuqala. Lokho kwakungukuzuza ngempumelelo kukaNkulunkulu, leyo yinhloso kaNkulunkulu ukwenza lokho: ukuze Abe kuKristu; noKristu kithi; futhi sonke ndawonye, munye. UMoya oNgcwele, into efanayo; Ukwembule kuKristu, ukwembula lapha; aMandla adalayo angaphezu kwemvelo. O, he!

475 UNkulunkulu ofanayo owayenga—owayengakusho konke lokhu ngoMose, "Makufike amaxoxo," Lowo ofanayo wayengama lapho, "Lawa manzi mawaphenduke iwayini." Niyabo? Amen. Ngabe kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] UnguNkulunkulu ofanayo, Ofanayo.

476 Akaguquki nje. NguNkulunkulu kumuntu. Lokho ngukubonakaliswa kwaKhe. Yilokho Akwembulayo. Yilokho Azama ukukwenza, neZwi likaNkulunkulu uQobo liKwembula. Likhombisa ukuthi umuntu akakwazi ukudala; UNkulunkulu unguMdali. Futhi akuseyena umuntu; nguNkulunkulu uMdali, kumuntu, okuyiBandla laKhe manje. Amen!

477 Ukuya eKhaya eZulwini, uhlale naYe, njalo. UNkulunkulu uveza uthando lwaPhakade eBandleni.

478 Lalelani, lalelisisani manje. Ngifuna ningahluleki ukuthola lokhu. Alikho elinye ibandla, asikho esinye isibonakaliso, ayikho enye inhlanganyelo, akekho omunye uhulumeni, abukho obunye ubufakazi, asikho esinye isivumokholo, akukho hlelo, elamukelwayo ngaphandle kwaLokhu. UNkulunkulu akamukeli lutho ngaphandle kwalokho, "UKristu kuwe, ithemba leNkazimulo," okuwukuphela kwento uNkulunkulu ayiqondayo. Akukho nhlanganyelo, akukho bandla, akukho sivumokholo, akukho hlelo, akukho lutho; konke okunye kufile.

Izingcezwana ezifanele zinqunywe, zithenwe zisuswe entweni, ukuze uKristu aphile engowokuqala kuwe.

479 Angibhekiseli emuva! Nginegatsha elilodwa lapha, elithi, "Yinhlangano yami." Lelo lizofanele linqunywe, nalo. "Nginos*'bani-bani* wami lapha. *Lokhu* kusho lokhu. Umama uzongitshela ukuthi ngingumgingqiki ongcwele." Lokho kuzofanele kunqunywe, nakho. Niyabo? "Awu, ngiyazi umyeni wami ufuna ngigqoke lezi zikhindi." Lokho kuzofanele kunqunywe, nakho. Niyabo? Kufanele kunqunywe futhi kuthenwe kuze kube yilapho kukhona nje wena noKristu, ninodwa. Niyabo? Mh!

480 Cabanga! NgoBukhona obuphilayo bukaKristu ophilayo ngeZwi eliphilayo; o, uKristu ophilayo, uBukhona obuphilayo, iZwi eliphilayo! Qaphelani! NgoSiqu saKhe uQobo, ukuqinisekiswa komuntu siqu sakhe kufakazela iBandla laKhe.

481 Hhayi amalungu! Akazange akwenze, izinsuku zikaMose. Akazange akwenze ngezinsuku zanoma yimuphi omunye; ekupheleni kwezwe, lapho sekufika endaweni lapho kwakuyimbubhiso. Izinsuku zikaLoti, kwakungesibo ubulungu. Kwakungukuqinisekiswa komuntu siqu sakhe, uNkulunkulu enyameni, niyabo, ukuqinisekiswa komuntu siqu sakhe.

482 Khumbulani! Cabangani ngakho, ukuthi, abantu abazelwe nguMoya waKhe, osukwini olunjengalolu, kulonyaka omkhulu wamahlelo esiphila kuwo, noNkulunkulu ophilayo uthatha iZwi laKhe eliphilayo futhi—futhi uyaLiqinisekisa, siqu sakhe, lokhu kuPhila okuseZwini, imbewana eseMbewini! Futhi iZwi liyiMbewu umhlwanyeli aphuma ukuyohlwanyela. Futhi ukuPhila kunguKristu, eZwini, siqu sakhe kuwe; eqinisekisa okuthile ongeke ukwenze, eZifakazela ukuthi akuwena, kodwa nguYe. Futhi usube ngomunye, i—i—isigqila sothando kuYe, ukuba ube uMlobokazi.

483 Makabongwe uNkulunkulu ophilayo owadala amazulu nomhlaba nakho konke okuphakathi! Akumangalisi, "Ungu-Alfa no-Omega, isiQalo nesiPhetho; Owayekhona, okhona, noyakuza; iMpande, neNzalo kaDavide; iNkanyezi yokusa ekhanyayo." Uyikho konke kukho konke.

484 UBukhona baKhe, kumuntu ngamunye, nokuqinisekiswa komuntu siqu sakhe kwaKhe uqobo Eziveza, iZwi eliphilayo elethenjiselwe usuku, Liziveza ngawe, ukuqinisekiswa kwesambulo esikhulu sikaNkulunkulu. Bukani, kumuntu ngamunye kuphela, phinde eqenjini! Umuntu ngamunye; hhayi eqenjini! Ukukhonjwa kwakhe kunomuntu ngamunye. Niyakuthola lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Hhayi neMethodisti, hhayi neBaptisti, hhayi iPresbyterian, hhayi iLuthela, hhayi amaPentecostal, kodwa njengomuntu ngamunye!

485 "Ngizothatha oyedwa, ngishiye oyedwa; Ngizobahlukanisa." Kunjalo. "Kuyoba nababili ensimini; Ngizothatha oyedwa ngishiye oyedwa. Bayoba babili embhedeni, futhi ngiyothatha oyedwa ngishiye oyedwa."

486 Akulona iqembu. Ngukuqinisekiswa komuntu siqu sakhe komntwana kaNkulunkulu okhulelwe, ogcwaliswe ngoMoya oNgcwele, ezinikele kakhulu kuNkulunkulu kangangokuthi akanandaba nanoma yini enye. NoMoya oNgcwele uphila ukuPhila kwaWo, ugqugquza kuye, ukhombisa ukuqinisekiswa komuntu siqu sakhe—muntu siqu sakhe kweZwi, qobo lwaLo, Liziveza kubantu nasezweni.

487 Izwe lingahamba kanjani ngobumpumputhe entweni enjalo na? Ngokufanayo nje njengoba namaKatolika ahamba eduze kukaPatrick oNgcwele futhi awazange amazi kwaze kwaba ngemva kokuba esefile. Into efanayo abayenza ngoMartin oNgcwele, abazange bakuqonde. Into efanayo abayenzile kuyo yonke iminyaka.

488 Into efanayo abayenza kuJoan wase-Arc. Ibandla eliKatolika lamshisa, ngokuba umthakathi, ngoba wayengowomoya. Cishe eminyakeni eyikhulu namashumi amahlanu kamuva, bamba umzimba walabobapristi futhi babaphonsa phakathi, ukuba benze ukuphenduka.

489 Kudlula ngakubo, futhi abakuqondi kuze kube sekuhambile. Kucosha kuphela iMbewu eyamiselwa ngaphambili uNkulunkulu ayimisela ngaphambili ngaphambi kokusekelwa komhlaba. Into efanayo yenzeka ngezinsuku zikaNowa, into efanayo yenzeka ngezinsuku zikaMose, izinsuku zika-Eliya, izinsuku zabaprofethi, izinsuku zikaJesu, kwehle njalo kuze kube kulo kanye lelihora. Umuntu okhulelwe neMbewu kaNkulunkulu, iZwi phakathi lapho liZibonakalisa, ezinikele kakhulu entandweni kaNkulunkulu ukuthi iZwi, neZwi lodwa, liZibonakalisa kulo muntu, isiboshwa, kumuntu ngamunye.

490 Hhayi ukuthi, "Ibandla lami..." Manje, "ibandla lami" alihlanganise lutho nakho.

491 Umuntu ngamunye, umuntu oyedwa! Sonke isihogo sonke simelene nalesiSifundiso. Sonke isihogo simelene naleliQiniso, kodwa yiQiniso.

492 UJesu akazange athi, "Manje, Petru, wena noJohane, nabo bonke abanye abantu, ninesambulo, manje ibandla lonke lisindisiwe." Qhabo.

493 Kwakukuye, siqu sakhe. "Ngithi kuwe, kuwe" hhayi kubo, "kuwe, wena unguPetru; phezu kwalelidwala Ngiyakulakha iBandla laMi." Futhi igama *Petru*, lisho "itshe." *Intshe* lisho "ovumile," noma, "ohlukaniselwe."

494 Phezu kwetshe elithile, phezu kwento ethile; niyabo, obizelwe ngaphandle, iBandla elibizelwe ngaphandle; phezu

kwaleli*tshe*, phezu kwalesi "sambulo." "Inyama negazi akuzange kukwembulele. Kodwa phezu kwalesi sambulo, iqembu elibizelwe ngaphandle, Ngizokwakha iBandla laMi kubo. Futhi wonke amasango esihogo awasoze akwazi ukumelana nalo."

495 "Akuyikubhubha nolulodwa unwele lwekhanda lenu. UngowaMi! Ngiyakunivusa ngosuku lokugcina, ngimnike ukuPhila okuPhakade, futhi ngimvuse ngezinsuku zokugcina." Nakho-ke, isambulo. Hhayi bona; kodwa "yena," umuntu ngamunye! Hhayi iqembu; umuntu ngamunye! Isihogo sonke simelene nakho.

496 Kodwa imfihlakalo yaKhe yembulwa kuphela kuMlobokazi waKhe othandekayo. Yilowo kuphela ongakubona.

497 Wathi, "Wakhuluma kahle ngani u-Isaya, nina bazenzisi, nina zinyoka otshanini. Niphuma lapha bese uthi, 'O, abaprofethi abakhulu abangcwele! Simaka amathuna abo. Siyawacaka.'" Wathi, "Yinina enabafaka lapho." Ngabe Wakusho na?

498 Into efanayo Ayeyokusho emabandleni eKatolika ezinsukwini zabo, lapho bethunywa abaprofethi beTestamente eLidala—Lidala ngaphambi kokuba babe neNayisiya, eRoma phezulu lapho, futhi bakhetha. Labo baprofethi bakudala baphuma lapho, bedla amathuku nezinto ezivela emhlabathini, bengagqokile ngisho izimpahla, bezisonge ngesikhumba semvu, futhi bezama ukumela leloQiniso leBhayibheli. Kodwa ibandla eliKatolika lalifuna umbono wabo wobuhlakani. Khona-ke bakhipha . . . Nakho kufika u-Ireaneus oNgcwele, uPolycarp, uMartin, bonke abanye. Futhi yini abayenza na? Babafaka ethuneni, uJoan wase-Arc, uPatrick oNgcwele, nabo bonke. Babafaka lapho, manje bayabuya futhi bacaka izindonga njengoba benza uJoan wase-Arc. Yini abayenza na? Babafaka lapho!

499 Khona-ke ngithi, njengoba uMoya waKhe unibiza, "Izindonga ezicakiwe! Bazenzisi, nizibiza ngokuthize, lapho nithatha umqondo wobuhlakani bomuntu, futhi nishiye iZwi lihambe. Esikhundleni sokuza ukhulelwe iMbewu kaNkulunkulu, iZwi likini, nithathe konke okunye okubhasteliwe." Akumangalisi ukuthi lalihleli njenge "sifebe," ngoba lona "laphinga ngokomoya," lifundisa abantu izinto zomuntu hhayi izinto zikaNkulunkulu.

500 Kodwa Wathi, "Ningesabi, mhlambi omncane, kuyintando kaYihlo ukuninika uMbuso." Kunjalo. Impela. Sinakho-ke lapho.

501 IBhayibheli, eSambulweni, lathi, "Lomuzi omkhulu wabusa phezu kwawo wonke amakhosi omhlaba." Wathi wayeyi "sifebe." Yini leyo na? Owesifazane ozisho ukuthi uyinenekazi futhi ahlobonge. "Wayephethe indebe esandleni sakhe,"

yokushayisana izinkomishi, ezweni, "ye . . . igcwele ukungcola kwezinengiso zobufebe bakhe." Futhi wayenamadodakazi, amabandla amaProtestane, ukuthi onke aphuma kuye nezimfundiso zakhe zamanga ezifanayo, imibhaphathizo efanayo, nangokuxhawula, esikhundleni sombhaphathizo kaMoya oNgcwele; nemfundiso yabo yamanga ka "Yise, iNdodana, uMoya oNgcwele," futhi konke lokho, esikhundleni sokuthatha iGama loMlobokazi . . . UMyeni, nokunye nokunye.

Wena uthi, "Akwenzi mehluko." Kuyawenza.

502 Uma ngifaka igama lami eshekeni, bese ngithi, "umfundisi ohloniphekile," ku "mfundisi," noma okunye nokunye, lokho ngeke kukhiphe lutho. Kunjalo. Linqatshiwe ebhange. E-hhe. Qaphelani. Kulungile.

503 Kodwa yonke lemfihlakalo yembulwa kuphela, njengoba Ethembisa, kuMlobokazi waKhe. Isihogo simelene naleliQiniso, lokwambulwa kwalemfihlakalo. Kodwa uMlobokazi umi kuyo. Lokho ukuma kwaKhe.

504 Nilambelani, Bandla, nomeleni na? NguBaba ozama ukwembula lemfihlo efihliwe kini. Kodwa nivumela izinto eziningi kakhulu ukuthi zikukhiphe kuwe. Uvumela umsebenzi wakho, uvumela umkakho, uvumela umyeni wakho, uvumela abantwana bakho, uvumela izinkathazo zomhlaba, uvumela umelusi othile, uvumela omunye akhiphe lokho kuwe, lapho wazi ukuthi phansi le enhliziyweni yakho womile, ulambile. NguNkulunkulu ezama ukukwembula kuwe, uyabo, isambulo. Usuku lokugcina selufikile. Qaphelani manje.

505 Ake sibheke emuva futhi. Angikwazi ukukudlula konke lokhu. Niyabo? Ngifuna nje nibuke lapha umzuzu nje manje, futhi sizovala emizuzwini embalwa nje. Nizobe . . . Nginikeni nje ukunaka kwenu okungahlukanisiwe umzuzu.

506 Qaphelani, kwabaseKolose, ivesi le 18 lapha. ENcwadini yabaseKolose, ivesi le 18.

> Manje *yona iyinhloko ye*bandla, *u*mzimba: *engukuqala, izibulo kwabafileyo; ukuze—ukuze yona ibe* okungokokuqala *ezintweni zonke*.

507 "UyiNhloko yeBandla, elinguMzimba waKhe, futhi Ufuna ukuba ngokokuqala." Lalelani manje, lalelisisani sisahamba. Ini? Uzoba yiNhloko yoMzimba, uMzimba woMlobokazi waKhe, othathwe kuYe; inyama nethambo, njengaku-Adamu, niyabo, uMlobokazi.

508 "Wazalwa kwabafileyo," niyabo, lokho ngukuthi, ozelwe kwabafileyo, isono sokungakholwa.

509 Yini eyabulala u-Eva na? Ukungakholwa. Kunjalo lokho na? Ukungakholwa kwabo kwini na? Ngo, ngokunga- . . . ukungakholwa kuNkulunkulu na? Qhabo. Wayenokukholwa kuNkulunkulu. Impela. Ingabe wathi, "Akekho uNkulunkulu"?

Qhabo, mnumzane. Wayengeyena umphikinkolo. "Awu," wathi, "uyazi, angilikholwa iZwi laKhe nhlobo"? O, Qhabo. Wakholwa konke ngaphandle kwento eyodwa encane. Niyabo?

510 Manje iBhayibheli alishongo yini, ngale eNcwadini yeSambulo, uJesu washo Yena uqobo, "Mina—Mina uJesu ngithumile ingelosi yaMi ukufakaza ngalezi zinto kini"? "Noma ubani oyosusa iZwi elilodwa kuLo, noma enezele izwi elilodwa kuLo." Futhi uma bonke lobubuhlungu benhliziyo nosizi bekufanele kufike ngenxa yokuthi owesifazane wangabaza iZwi elilodwa likaNkulunkulu, ingabe Uzokuvumela ubuye ungabaza iZwi elilodwa na? Ubeyoba ngongenabulungiswa. E-hhe. Niyabo? Niyabo, lokho bekungeke kulunge. Ulahliwe . . .

511 Nansi indoda eyodwa emile, futhi yabangela bonke lobu buhlungu benhliziyo ngenxa yezwi elilodwa elangatshazwa; bese-ke iqhubeka futhi ithatha iminyaka yesipiliyoni nakho konke, neBhayibheli nokunye nokunye, nabanye abadele ukuphila kwabo ngenxa yakho; bese ithi, "O, ungaqhubeka futhi ukudle. Lokho kulungile, ngizokuvumela ukuba ubuye, noma kanjani"? O! UNkulunkulu akabheki bala lamuntu, kodwa . . .? . . . Niyabo? Niyabo? UNkulunkulu akabheki bala lamuntu. Manje qaphelani.

512 Qaphelani manje. "UyiNhloko yoMzimba" ozalelwe esonweni, sokungakholwa eZwini likaNkulunkulu. Lokho ku exc- . . . lokho kuthethelela lonke ihlelo, sonke isivumokholo, niyabo. Ukungakholwa eZwini; okunguYe uqobo, iZwi lokuPhila. Niyabo? IZwi, kuphela, linokuPhila. Noma yiliphi elinye izwi libhasteliwe. Akunandaba ukuthi kubukeka kufana kangakanani naLo, akusilo iZwi.

513 IZwi likhiqiza ukuPhila kwaLo uQobo, u-Eva akushintshanisa ngolwazi lomuntu siqu sakhe. Niyabona ukuthi ibandla libe kanjani, namhlanje na? Ngokuqonda komuntu othile. UMose wayenokuqonda okukhulu ngoNkulunkulu waze wahlangana nesihlahla esivuthayo, wayesebona ukwehluleka kwakhe-ke. Isihlahla esivuthayo sasinalokho uMose ayekuntula. IZwi linalokho ihlelo elikuntulayo.

"Yena, iNhloko, uyizithelo zokuqala zokuvuka."

514 Sizophuma kulokhu, "isambulo"; isikhashana kade nje, uma nisho njalo. [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kulungile. Kulungile, kulungile, kancanyana nje manje.

515 "Uyizithelo zokuqala zovuko." Ngabe kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Bhekani. Manje-ke, Uyini na? "UyiNhloko yoMzimba, okuyiBandla laKhe, uMlobokazi." E-hhe.

516 Bese-ke, uMzimba woMlobokazi ufanele ulandele iNhloko, ngokuba uyingxenye yokuvuka kwaKhe nengxenye yemfihlakalo. Akunakwenzeka ukuthi ungahambi. O, he! Uyingxenye yemfihlakalo kaNkulunkulu, ukuthi uNkulunkulu

uZembula kanjani lapha futhi waWuvusa ngeZwi, ngakho-ke Wembula iBandla laKhe futhi eLivusa ngeZwi elifanayo. Kuyingxenye yemfihlakalo yaKhe ekathathu.

517 Njengoba iNhloko yasuswa ethuneni, kanjalo noMzimba ufanele ukuYilandela ibuyele e-Edene. Lapho, iNhloko yomndeni, iNdoda, uMyeni; uMlobokazi enguMzimba woMyeni, ufanele alandele, uMlobokazi, ngoba leyo yiNhloko. NeNhloko iyembulwa, futhi ibuye nokuPhila okuPhakade; noMzimba ufanele ulandele lokho, ngoba nguMyeni noNkosikazi futhi. Amen! Futhi inqobo nje uma ukhulelwe iZwi elifanayo, elinguMzimba waKhe; uthathe uMzimba waKhe, waba kuYe, ngenkathi uthatha iZwi. Hhayi isivumokholo; iZwi! O, he!

518 Ngabe lokho bekungeke kwenze indikimba yanamhlanje ntambama, ukuqhubeka na? Hhe? He, bekungeke yini kube kuhle kakhulu lokho na? Niyabo? Cabanga nje ngakho manje, ukuthi kuyini.

519 Ngakho-ke, umzimba awukwazi ukuqonda . . . Kunganehluli lokhu. UMzimba, ngakho-ke, awukwazi ukuqonda noma yibuphi obunye ubunhloko ngaphandle kweZwi. Ngoba, i—iNhloko ixhumene noMzimba, neNhloko yiZwi, futhi yiZwi elifanayo, ubuNhloko obubodwa! Ngakho-ke, amahlelo, nofata abangcwele, nakho konke okunye, kuwubulongwe obufile. Bubodwa ubuNhloko, lowo nguKristu. UMzimba uqonda into eyodwa kuphela, iZwi!

520 Manje ngikhombiseni lapho umuntu othile wabhaphathizwa khona, eMzimbeni, egameni lika “Yise, iNdodana, uMoya oNgcwele”? Futhi yini oyiqondayo na? Niyabo, ngiyaqonda ukuthi ngikhuluma nezinkulungwane, eteyipini, niyazi, futhi sinenkonzo yamateyipu emhlabeni jikelele. Ubhaphathizelwa kuliphi igama na? “Ngokuba alikho elinye igama elinikeziwe phansi kweZulu,” kwasho iZwi, “umuntu angasindiswa ngalo.” Uma ubhaphathiziwe, ukukhombisa ukukholwa kwakho kuKristu, bese-ke uthatha igama lesivumokholo, khona-ke ungobhasteliwe. Uma ungafani ncamashi nalelo bandla futhi ufana ncamashi nemfundiso yabo . . .

521 Manje-ke, nina bantu beKatolika, niyabo, ningangena kanjani ngaphansi kombuso kapapa manje, ethi ungolandelayo ngokulandelana kwabaphostoli, kusukela kuKri- . . . kusuka kuPetru, futhi lopapa nalelibandla lifundisa okuphambene kakhulu naleliZwi lokuqala uNkulunkulu aliqondayo, ngezibonakaliso nezimanga, ukuba yiBandla laKhe na? Nokubona leloZwi elifanayo lilethwa ngaphambili namuhla ebumsulweni baLo, libonisa ukuvuka okufanayo Ayenakho lapho, UNkulunkulu ephila phakathi kwabantu baKhe, enza izinto ezifanayo, khona-ke ungabuqonda ubunhloko eRoma na?

522 UbuNhloko bethu buseZulwini. angiyi eRoma; Ngiya eZulwini uma ngifa. Niyabo? Niyabo? UbuNhloko buseZulwini.

523 NoMzimba ufanele ulandele iNhloko, njengoba nenkosikazi ilandela umyeni. Njengoba u-Adamu engazange akhohliswe, wahamba waphuma no-Eva. U-Eva wakhohliswa, wayesesiphambekweni, noma ukuvuka kwawo wonke uMzimba wawuyophuma ngosuku lweNkosi uJesu lapho Ephuma ethuneni. Kodwa Wayefanele aMhlenge, okunguMzimba waKhe. Ufanele ahlengwe ukuze eze kuYe. Niyakubona na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] O he! Niyabo, kwakungeke kwenzeke ngaleyonkathi. Ukuhlengwa kuyaqhubeka.

524 Manje niyazibona iziMpawu na? Ngenkathi Esemsebenzini waKhe wokulamulela emuva lapho, ehlenga, kodwa ngoluny'usuku Uyaphuma ukuba athathe leNcwadi Ayihlengile. Futhi konke okukuleNcwadi kuyoba nguYe, ngokuba lelo yikholwa, amazwi aseNcwadini, neZwi linguYe. Futhi konke okukulokho, Uphumela leNcwadi yokuHlengwa, abamagama abo alotshiwe eNcwadini ngaphambi kokusekelwa kwezwe, lapho Ehlatshwa njengeWundlu.

525 Futhi Nangu namuhla, eZwini laKhe, ebonakalisa into efanayo Ayenza lapho. Akakwazi ukuqonda obunye ubunhloko. Qhabo, mnumzane. Akekho umbhishobhi, akukho lutho. Uqonda ubuNhloko obubodwa, lowo nguKristu, noKristu uyiZwi. O, he! Whewu! Ngiyakuthanda lokho. Mh! Yebo, mnumzane.

526 Njengoba iNhloko yakhushulwa ethuneni, kanjalo noMzimba waYo ufanele ukuYilandela uyongena e-Edene. Ngakho-ke, uMzimba awukwazi ukuqonda noma yibuphi obunye ubunhloko, kodwa ubuNhloko beZwi.

527 Akukho hlelo elingabeka noma yini kuLo. "Ngokuba noma ngubani oyosusa iZwi elilodwa kuLo, noma enezele izwi elilodwa kuLo, lasusa kuLo." Ufile, ubhasteliwe, khona lapho. Ubuyile lapha, lobu bufakazi busezandleni zakhe, "ukungcola kobufebe bakhe, ukuphinga ngokomoya," ngokumelene nalo impela iZwi azisho ukuthi uyalikholwa. Niyabo?

528 Ngakho-ke, yiZwi, noma lutho. Kunjalo. Yena, iZwi! Wazi kanjani ukuthi lilungile na? Yena, iZwi, liqinisekisiwe. Niyabo? Yena, iZwi, eliqinisekiswe ngokuyikho, lingubuNhloko, iNhloko yeBandla. IyiZwi, ubuNhloko. Ikhonjwa ngokuyikho, ikhonjwa, yaqinisekiswa, ngoMoya waYo uQobo eBandleni qobo lwaLo, umuntu. Eziveza Yena uqobo, ekuqinisekiseni, kuwubufakazi obuqondile kuwo wonke uMzimba. Awuzidingi izivumokholo, khona-ke. Amahlelo ashabalele. Kodwa ubuNhloko qobo lwaBo, buqondwa eMzimbeni ngezinkomba zomuntu siqu sakhe, niyabo, ezikhomba Yena uqobo, kufakazela ubuNhloko eMzimbeni. Khona-ke, simunye ngaphansi kobuNhloko oBubodwa obuqinisekisiwe, lokho ngukuthi, uKristu, iZwi likaNkulunkulu [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] hhayi ngaphansi kwanoma yiliphi ibandla.

529 Khona-ke, ubuNhloko bethu buwuMbuso. “UMbuso kaNkulunkulu ungaphakathi kuwe,” kwasho iBhayibheli, uJesu. UMbuso! Asilona ihlelo. SingaboMbuso, futhi uMbuso uyiZwi likaNkulunkulu elenziwe uMoya nokuPhila empilweni yethu uqobo, kufeza zonke izithembiso kulolusuku, njengoba kwenzeka ngalolosuku lapho iZwi noNkulunkulu babeMunye. Futhi iZwi noNkulunkulu bamunye eBandleni laKhe namuhla, eLenza ubuNhloko boMzimba ohlengiwe, ukuletha uMlayezo ngosuku lokugcina; futhi athathwe kwabafileyo, ekuvukeni, ukuba abuyele emuva futhi uzobuyisela futhi, njengo-Adamu no-Eva, ekuqaleni ensimini yase-Edene. Imfihlakalo ekathathu kaNkulunkulu, uMzimba waKhe! O, he!

Qaphelisisani manje, njengemifanekiso, u-Israyeli wasendulo. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.]

530 Ingabe ngithatha isikhathi esiningi kukho na? [Ibandla lithi, “Qhabo.”—Umhl.] Ningangivumeli, ningangivumeli ngihambe nami . . . Manje lalelani. Manje asinawo ngaphandle cishe amanye amakhasi angamashumi amabili. Niyabo? Niyabo? Kodwa manje mina . . . Kancanyana nje manje, futhi khona-ke—khona-ke ngiyonishiya nonke nihambe kuze kube yihlobo elizayo, noma ngesinye isikhathi, uma iNkosi ithanda. Niyabo?

531 Manje bukani. Qaphelani manje, nihlangene ndawonye ngaphansi kobuNhloko obubodwa, ngendlela efanayo, umfanekiso ka-Israyeli wasendulo. Manje niyakuthola na? Njengo-Israyeli wasendulo; uNkulunkulu oyedwa, waqinisekiswa ngeNsika yoMlilo, futhi waZembula ngomprofethi, ukuba abe yiZwi. UNkulunkulu ofanayo, iNsika yoMlilo efanayo, indlela efanayo; Angeke aguqule indlela yaKhe. Ingabe lokho . . . Kuphelele nje njengoba kungaba njalo. Akunjalo na? Niyabo? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

532 UNkulunkulu oyedwa! Bangaki oNkulunkulu u-Israyeli ayenabo na? [Ibandla lithi, “Munye.”—Umhl.] Unabangaki uMlobokazi na? [“Munye.”] Bayoke babe bangaki na? [“Munye.”] Impela. Impela.

533 Niyabo, ngaphansi kobuholi bukaMoya oNgcwele, okwakuyiNsika yoMlilo ngezinsuku zikaMose, umprofethi omkhulu. Wayeqondiswa yiNsika yoMlilo. Ngabe kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Kulungile. Ukuya ezweni lesethembiso.

534 Futhi onyakeni wobuKristu, kwakukhona uNkulunkulu oyedwa owabonakala esesimweni seNsika yoMlilo, kumprofethi othiwa uPawulu, owathunyelwa kwabeZizwe, ukuba akhiphe abantu ngenxa yeGama laKhe. Ngabe kunjalo na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.]

535 Futhi ngezinsuku zokugcina, wehlile ngendlela efanayo, eZiqinisekisa, niyabo, ngesibonakaliso esifanayo, isimanga

esifanayo, iNsika yoMlilo efanayo, iVangeli elifanayo, iZwi elifanayo, ukubonakaliswa okufanayo.

536 UMzimba waKhe uyokwenza imisebenzi Ayethembisa, njengakuMarku 16, kanjalonjalo. Umzimba waKhe awuzange ugcinwe ethuneni, kodwa wabonakala kanye naYe ekuvukeni. Niyakuthola na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Khona-ke, uMzimba wabantwana baKhe abakholwayo awuzukugcinwa ethuneni lapho Efika, kodwa uyobonwa kanye naYe, ngoba Wafela inhloso yokuvusa uMlobokazi waKhe, uMzimba. Waqondwa, ngoba nguMzimba waKhe, ngoba yiZwi. Unikelwe ngokuphelele ezintweni zehlelo, kuYe, futhi UyiZwi. Niyabo? Futhi ubonwa naYe ngoba manje sinolibo lokuqala lokuvuka kwethu, ngokwazi ukuthi sidlulile ekufeni sangena ekuPhileni, saba yiziboshwa zaKhe. Futhi uNkulunkulu, efakazisa kithi ngobuNhloko baKhe siqu sakhe ukuthi Unguye izolo naphakade, ngokwenza izinto ezifanayo ngeBandla Azenza ngaleyonkathi, "Yena ukiMi, naMi kuYe, kini," niyazi, kanjalonjalo. Kunjalo.

537 Umzimba waKhe awuzange ugcinwe ethuneni. Ubonakala kanye naYe ovukweni, njengalokhu Enjalo manje, lalelani, okusho lokhu: IZwi laKhe, Ayilo, seliqaliwe ukuvuswa. IZwi, lelo phansi onyakeni kaLuther, uWesley, niyabo, seliqale ukuvuka emandleni aLo; lapho Liqala ukunyakaza, lase linyakaza kakhudlwana, manje Selikhuphukela enkombeni. Niyabo? Bhekisisani. Manje, ekuPhileni eMzimbeni, ukuqinisekiswa koHlwitho sekuseduze. Lapho nibona ubuNhloko noMzimba kuba Kunye, nokugcwala kwesilinganiso sokubonakaliswa kwaKhe, kubonisa ukuthi uMzimba usuzolungela ukwamukelwa ebuNhlokweni.

Izizwe ziyahlukana, u-Israyeli uyaphaphama.

538 Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Useqalile ukunikeza ukuPhila eMzimbeni waKhe, (ngani na?) Lowo Amhlengile. Umsebenzi wokulamulela usuwenziwe, Uletha ukuPhila kwaKhe eMzimbeni, ekuqinisekisweni koHlwitho. Khumbulani, manje, ngosuku lokugcina . . .

539 Ngi—ngi, uma nizovumela, ningibekezelele kulokhu kancanyanyana nje, manje—manje, kuzolunga. Angifuni nikugeje. Ngi—ngi, futhi ngifanele ngi—ngifanele ngithathe leteyipu manje, njengalokhu ngiqale kade kangaka. Okunye futhi ukuphawula okukhulu engifuna ukukusho, uma ngifanele ngiye ngale kancane kukho.

540 Manje qaphelani. Lalelani lokhu. Manje into enkulu. Manje yilapho sifuna ukubhekisisa khona. Khumbulani, ngezinsuku zokugcina, bayobuyela impela emuva futhi baqinisekise usuku lokuqala; niyabo, u-Adamu no-Eva, indoda nomfazi, akukho sono, ukuPhila; bese kuba ukuwa. Qaphelani, qaphelisisani.

Msonte. E-hhe.

541 Qaphelani. Kwabangelwa yini na? ULusifa! ULusifa wenza manje njengoba enza ekuqaleni.

542 Njengoba nje umbuso wabeZizwe wangeniswa, kanye neNkosi uNebukadinesari, waqinisekisa uhlanga lwabeZizwe ngomprofethi owayekwazi ukuchaza izilimi ezingaziwa, imibono, amaphupho. Futhi kwehle kwadabula kwabeZizwe, kungekho lutho, amaMede-Pheresiya nje, nensimbi nokunye nokunye, nasezinyaweni kuphuma ngendlela efanayo futhi, umbuso wabeZizwe.

543 Qaphelani uLusifa, ngezinsuku zokugcina, wenza njengoba enza ekuqaleni. Wenzani uLusifa na? Into yokuqala uLusifa ayenza ukwehlukanisa inhlanganyelo kaNkulunkulu nomuntu, wayefuna ukumakhela umbuso obumbene, ubukhazikhazi obukhulu nokubukeka kuphucuzeke kakhulu, umbuso omkhulu kunoMikayeli, uKristu ayenawo.

544 Nikutholile na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Manje, manje uma nikugeja, phakamisa nje isandla sakho, ngizokusho futhi, niyabo. Niyabo?

545 ULusifa, ekuqaleni, inhloso yakhe enhliziyweni kwakuwukuzuza into ekhanya kakhulu nenkulu eZulwini kunaleyo uKristu ayenayo. Ngabe kunjalo na? Ngokubonakala ephucuzekile kakhulu, emuhle kakhulu, enobukhazikhazi kakhulu kunoMbuso kaKristu. Ucabanga ukuthi siyoba nezimoto esikhathini eminyaka eyiNkulungwane, nezindiza na? Niyabo? Niyabona ukuthi uLusifa wenzani na?

546 Manje, amahlelo amakhulu anobukhazikhazi ezihlakani enza yona kanye into efanayo, babuthana ndawonye ukwenza into efanayo. Niyabo? Bayabuthana futhi bazenze ihlelo, yilowo nalowo ezama ukuhlula omunye. Futhi manje banobukhazikhazi obuningi kakhulu, abazi ukuthi benzeni ngaphandle kokukuhlanganisa nebandla eliKatolika. Niyabo? ULusifa waphinde wakha umbuso omkhulu, ukuxosha abantu abangakholelwa emahlelweni; futhi aze athathe izakhiwo zabo zesonto futhi enze izindlu zokugcina impahla, futhi abelusi abanjalo abanamalungelo nhlobo.

547 Futhi indoda eyindoda ethunywe nguNkulunkulu ayisoze yahlala ehlelweni emva kokuzwa Lokhu noma ukuKubona, uma i—uma inokwenele ukuba iphume futhi iKubheke. Impela. Niyabo? Angikusho lokho ngokugxeka; ngikusho lokho ngeqiniso, niyabo, ukubona lokho kwembulwa.

548 Qaphelani, kulezizinsuku zokugcina, uLusifa wenza into efanayo. Niyakubona na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Udeveli enza into efanayo, akha ibandla elibhasteliwe, elibhasteliwe ngamalunga abhastiliwe, libhastelwe ngolwazi esikhundleni seZwi, ngamadoda ayizihlakani esikhundleni samadoda azelwe ngokusha, ukwakha umbuso wobuhlakani

ozodlula umhlambi omncanyanyana kaKristu. Niyabo? Yini eyenza lokho na? Izingelosi eziwile.

549 IBhayibheli lathi kwakuyizingelosi eziwile ezalalela uLusifa esikhundleni sikaKristu, ezake zaba ngowaKhe. Ngabe kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

550 Manje lalelisisani, "izingelosi eziwile." Hlobo luni lwezingelosi na? ULuther, uWesley, iKatolika, amaPentecostal, abangaligcinanga ifa labo lokuqala njengoba kwenza iziNgelosi, futhi uwele enhlanganweni, njengokubamba okukhulu kukaLusifa eNayisiya. Futhi benzeni na? Bahlela inhlangano enkulu yenkolo yobukristu yabefundisi, ukwenza "umfanekiso kuso isilo," njengoba iBhayibheli lasho. Futhi ukwakha umnotho wobuKristu ozovala iminyango yaleli bandla namanye anjengalo. Niyambona uLusifa emsebenzini wakhe na?

551 Ngizama ukunilethela isambulo esikathathu, noma imfihlakalo kaNkulunkulu.

552 Yini abayenza na? Bathengiswe ngokuzicabangela kokuhlakanipha nemfundo, njengoba kwenza u-Eva, izingelosi eziwile zenza. UWesley wayeyindoda kaNkulunkulu; kodwa yini eyamlandela na? Izingelosi eziwile zangena kukho. Zaziyini izingelosi, kuqala na? Izidalwa zikaNkulunkulu ezidaliwe, kodwa zawela ekuhlakanipheni kukaLusifa, zawela ekuhlakanipheni kukaLusifa—Lusifa. Futhi niyabona ukuthi zaba yini na? Izingelosi eziwile. Nezinhlangano, ezivela emadodeni kaNkulunkulu aphume ukuyomisa amaQiniso emhlabeni; ngaphambi kokuba leloQiniso liqhubeke futhi limemezele futhi liqhubekele esambulweni sangempela sikaKristu, izingelosi eziwile ziyangena futhi zakwengamela zase zenza amahlelo ngakho.

553 Yingalesosizathu isambulo semfihlakalo yoPhawu lwesiKhombisa kwadingeka sembulwe.

554 Manje niyakubona na? Abakushiyile, ukuba uLuther waqhubeka, bekuyoba lapha. Ukuba uWesley wayeqhubekile, ukuba iPhentekoste yayiqhubekile, ngabe benzani na?

555 Manje yinye kuphela into engenzeka. Kufanele kubekhona uMlayezo ngesikhathi sokuphela, lapho kungekho okunye okungaWulandela. Futhi manje izwe lenkolo yobukristu selimise ukubusa okunjalo ukuthi lingeke libe khona ihlelo futhi akukho okunye okulilandelayo; kuphakathi kokuthi ukukho noma awukho kukho. Isithelo sisesicongweni sesihlahla, nokuKhanya kukhanya kulesosithelo esamiselwa ngaphambili. Futhi uvuthwa abe esithelweni esifana noKristu, eveza ubumnandi nokuba nobusidi obufanayo, noMoya ofanayo Ayenawo kuYe. Ngethemba ukuthi niyakubona! Niyabo?

556 Ngi—ngizama ukubeka okuningi kakhulu ngosuku olulodwa. Ngiyanikhandla. [Ibandla lithi, "Qhabo."—Umhl.]

557 Ngakho-ke, bukani, bathengisa ekuzicabangeleni, bathengisa ekuzicabangeleni kwehlelo. “Uma nje ngingaba ngowa *leli*! I—imeya iya kulelibandla.” Niyabo? “Uma ngingaba yiMethodisti, noma iPresbyterian.” Bheka nje lapho beye khona. Manje, ngisanda kuchaza, lao magatsha ayathenwa. Afile. Awasaxhumene noKristu; ayobe eletha ukuPhila okufanayo. Awahlangene naKho.

558 Kodwa a—afana nesithelo esisawolintshi. Noma yisiphi isithelo esisawolintshi sizophila emthini wokusawolintshi, kodwa sizoletha isithelo saso. Ufaka uphaphamuzi e—esihlahleni samawolintshi, uzophila ngesihlahla samawolintshi, kodwa sizoveza isithelo sikaphaphamuzi. Ufaka ulamula lapho, yisithelo sokusawolintshi, sizoveza ulamula omuncu omdala, kodwa uphila ngokuphila. Futhi yilokho amahlelo akwenzayo, ngokuba ngaphansi kwegama lebandla.

559 NguMlobokazi onguMuthi wasekuqaleni, uMoya wasekuqaleni. Isambulo sivela kuKristu, hhayi ehlelweni. UKristu! Qaphelani.

560 Yini ihlelo elizama ukukwenza na? Liziphakamise, njengoLusifa. Bazibiza kanjalo “iBandla, uMlobokazi.” Okungukuthi, baseSambulweni 17, njengoba kukhulunywa ngakho, umlobokazi wamanga. Phezu komhlambi omncane kaKristu, uMlobokazi; ULusifa uyacabanga futhi aziphakamise ngaphezu kweZwi elithobekile leQiniso likaNkulunkulu ngolwazi lwesambulo, futhi uzibeke ngemfundo yasekolishi lenkolo nesayensi yezenkolo kuze kuba sebeziphakamisile. Futhi uma ungeyena oweqembu labo, khona-ke ulahlelwa ngaphandle.

561 Njengoba uLusifa enza ekuqaleni, esho kubantu ncamashi lokho uLusifa akusho ku-Eva, “Impela uNkulunkulu uzosamukela! Sondla abampofu.” Kuhle lokho. “Impela uzosamukela. Siyihlelo elikhulu. Siyibandla elihle. Ngani, bheka izakhiwo zethu ezinkulu! Bheka ubulungu bethu obukhulu. Simi ezigidini. Impela uNkulunkulu ngeke alenqabe lelo qembu.”

562 Into efanayo uKayini ayenza, wangenisa izithelo ezinhle ezivela emhlabathini abewulimile, wakhandleka, futhi wasebenza, futhi wangenisa izithelo, futhi wenqaba igazi elithobekile lewundlu.

563 UNkulunkulu abe nesihe, ukuthi amadoda nabesifazane ngeke bacabange ukuthi ngisho lokhu ukuze ngiphakamise okuthile, noma isambulo esithile somuntu siqu sakhe noma okuthize. Nginitshela iQiniso kuphela. Aniboni ukuthi benzani na? Niyabo? Ngikukhulumela phezulu nangonya, kepha ufanele ushayele isipikili size sigobe, uma kuzosiza, niyabo, nize nikubone. Niyabo?

564 Manje, ethi kubantu, “Impela! Uqonde ukungitshela ukuthi, ibandla lethu elikhulu eliKatolika, elama sonke

lesisikhathi, iMethodisti yethu enkulu, nawo onke na? Buka okhokho bethu!" Niyabo? Kodwa baphula iZwi leNkosi. No-Eva wayengokaNkulunkulu, omunye waKhe, futhi yena... wayengumkhiqizo ovela ku-Adamu; futhi ngenxa yokuthi wangabaza iZwi elilodwa leZwi likaNkulunkulu, kwakwenza.

565 Futhi nangu uLusifa emsebenzini wakhe futhi, namuhla. Futhi, khumbulani, umphikukristu akubona ubukhomanisi. Umphikukristu usondele kakhulu njengento yangempela, kuze kuba, "Bekuyodukisa nabaKhethiweyo impela uma kwakungenzeka," UJesu washo, uMathewu 24, "abaKhethiweyo uma kwakungenzeka." ULusifa, futhi, uLusifa futhi wephula ubunye bukaNkulunkulu kumuntu, ngokukhawula kwakhe—kwakhe iZwi likaNkulunkulu ekuzicabangeleni kwakhe. Lokho acabanga ukuthi kulungile, nalokho akucabangayo, wephula iZwi likaNkulunkulu.

566 Futhi into efanayo ayenza ngezinsuku zikaJesu. Futhi uJesu wathi, "Nina, ngamasiko enu, nenze iZwi likaNkulunkulu laba yize."

567 Namahlelo, ngokuzicabangela kwabo okuhleliwe kobuhlakani, enze iZwi likaNkulunkulu laba yize kubantu. Kunjalo. Abakwazi nje ukuLibona. Bese bethi, "Uphi uNkulunkulu weBhayibheli na?" Ukhona lapha. UyiBhayibheli, yilokho Ayikho.

568 Qaphelani, manje, uLusifa uza ngobuqili, futhi wephula ubunye bukaNkulunkulu kumuntu, njengoba nje enza e-Edene, ngezilingo ezinkulu zezithembiso zokuzibusa nokuziphakamisa. "Ngani, ungase ube ngumbhishobhi uma nje ungahlala nathi. Ungase ube igosa lesifunda. Kungani ungaya entweni enjengaLeyo na?" Niyabo, leyo yiPentecostal, iKatolika, nokunye nokunye; niyabo, isithembiso samanga esikhulu, kubantu, ukwamukela amandla ngaphandle kweZwi nesithembiso sikaNkulunkulu. Wemukela aMandla lapho uMoya oNgcwele efika phezu kwakho, hhayi ngenkathi uba umbhishobhi, noma idikoni, kumbe noma ngabe wayeyini. Niyabo? Kodwa uLusifa usemsebenzini wakhe futhi.

569 Ingabe leli bandla liyakuqonda lokho na? Phakamisa isandla sakho ukuze ngibone lokho. [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kulungile, ngeke ngisahlala nakho kade khona-ke.

Ukuhlubuka, ngaphandle kweZwi likaNkulunkulu! Niyabo?

570 Wenza okufanayo eNayisiya, eRoma. Niyazi ukuthi uConstantine ubanika ini na? Nedlule eMinyakeni yeBandla. Unikeza...Babengenalutho, kodwa uKristu nje. Futhi bahlala ezakhiweni ezindala noma yikuphi lapho ababengakwazi khona, kwiphansi ledwala eliqinile. Niyakwazi lokho, uma nithathe i*Nicaea Council*, ne*Pre-Nicaea Council*, ne*Nicaea Fathers*, kanjalonjalo, nomlando webandla. Babengenalutho. Kodwa

kwathi sebenalomkhandlu futhi bangenisa obunye ubuhedeni bamaRoma ebuKristwini, futhi babeka amadoda angcwele nababhishobhi, nokunye nokunye, nophapha, nalo lonke lolu hlobo lombhedo, uConstantine wabanikezani na? Ngibuza noma yisiphi isazi sezenkolo ukuthi singitshele. Wabanika impahla. Wabanikeza inkululeko nakho konke ababekufuna.

571 Futhi bashintshanisa iZwi likaNkulunkulu ngokuhlakanipha namasiko omuntu! Futhi leyo yinto efanayo uLusifa ayenza ngaleyonkathi, ayenza ensimini yase-Edene, futhi bafela khona lapho. IBandla lePhentekoste lafela eNayisiya, eRoma, kodwa ukuba livuswe eMthini woMlobokazi ngezinsuku zokugcina.

572 Qaphelani, uLusifa uyangena, enobuqili, njengoba enza ngaleyonkathi, nangezilingo nangezithembiso zamanga, zamandla angaphandle, ngaphandle kweZwi likaNkulunkulu. Wenza okufanayo eNayisiya, eRoma. Wenza okufanayo namhlanje emabandleni oMkhandlu woMhlaba weNkolo yobukristu.

573 "Masibumbane sonke," kusho uphapha. "Ngifuna bonke abazalwane bami benkolo yobukristu phandle lapho ukuba bahlangane nami. Simunye." Kunjalo, ezinhlanganweni nimunye. Kodwa lokho akuhlangene ngalutho noMlobokazi kaKristu; lutho nhlobo, mfowethu. Awusoze waMgeza kunoma yini enjalo.

574 Manje kuthenjisiwe, ngezinsuku zokugcina, ukuthi ukuKholwa kwasekuqaleni kokufanayo. . . ukuba kubuyiselwe kubantwana bakaNkulunkulu ngesikhathi soMuthi woMlobokazi. UMalaki 4, uNkulunkulu wathi, "Ngaphambi kokuba izwe lishiswe ngomlilo, bhekani Ngiyathuma kini u-Eliya umprofethi, futhi uzobuyisela ukuKholwa kwabantwana." Manje, lowo kwakungesuye u-Eliya wokuqala owafika. Qhabo, qhabo.

575 Manje, asifundisi lapha ingubo ka-Eliya nezingubo zokulala zika-Eliya, nazo zonke lezozinto ezinjalo. Sifundisa nje iZwi likaNkulunkulu. Niyabo? Yilokho Akusho. Niyabo, sinalo lonke uhlobo luka-Eliya *lokhu* no-Eliya *lokho*, okuwumbhedo. Lokho yi—lokho yi. . . Siyakwazi lokho. Lokho yi. . . Angikhulumi ngalokho, futhi wena onomqondo womoya uyaqonda. Niyabo, njengoba sekuleyithi, ihora seliba leyithi, futhi ngeke ngikubeke konke kuleteyipu, kusobala.

Manje, isithembiso ngezinsuku zokugcina. Manje uma. . .

576 UJesu wathi, ku—kuMathewu, ngiyakholwa, isahluko se 11 noma isahluko se 6, nese 11. . . Qhabo, yisahluko se 11 futhi cishe nevesi le 6. Ngenkathi uJohane ethuma abafundi bakhe ngaleya ukuyobona ukuthi WayeNguye ngempela yini, uJesu wathi, "Naphuma ukuyobona bani na? U—u—umoya. . . umhlanga ontengantengiswa imimoya na? Ngabe naphuma

ukuyobona *ukuthi-nokuthi* na?" Wathi, "Noma naya ukuyobona umprofethi na?" Wathi, "Ongaphezu komprofethi." UJohane wayengaphezu komprofethi; wayeyisithunywa seSivumelwano. Futhi Wathi, "Uma ningamamukela, lo nguye okwakhulunywa ngaye ngabaprofethi, 'Ngiyakuthuma isithunywa saMi phambi kobuso baMi.'"

577 Manje, lokho kukuMalaki 3, hhayi uMalaki 4. Isizathu, u-Elisha owayezofika kuMalaki 4, umhlaba wawuzoshiswa ngokushisa okukhulu, futhi abalungileyo babezophuma esikhathini seminyaka eyiNkulungwane phezu komlotha wababi. Niyabo? Ngakho-ke akuyena lowo. Niyabo?

578 Manje siyasibona isithembiso sigcwaliseka. UKristu, ubuNhloko beqiniso bungena, engena kuMlobokazi waKhe, enza imisebenzi efanayo Ayenza ekuqaleni, futhi elungiselela futhi egcwalisa iZwi laKhe njengoba Enza, ekuqaleni, kuJohane 14:12, "Okholwa yiMi imisebenzi eNgiyenzayo naye uyakuyenza." Khona-ke, iNhloko noMzimba baba Munye, emisebenzini nasesibonakalisweni nasekuPhileni, kuqinisekiswe nguNkulunkulu uqobo lwaKhe ngeZwi laKhe elithenjisiwe lezinsuku zokugcina. Wethembisa lokhu ngezinsuku zokugcina. Manje, uma ungowomoya, uzokubamba.

579 Khona-ke, singabona ukuthi iSidlo sakusihlwa soMshado sesiseduze. Manje, uma ngingaphinde nginibone, khumbulani, iSidlo sakusihlwa soMshado sesiseduze. Bese kuthi-ke uMbuso ngokwesithembiso usulungele ukungeniswa, esikhathini seminyaka eyiNkulungwane esikhulu, ukuphakanyiswa kweBandla, nokubhujiswa kwababi. Nezwe, ngaphansi koPhawu lwesiThupha, ukuba lihlanjululwe ngokwentaba-mlilo, ukuthatha konke ukonakala nesono sezwe nokuwubumba futhi, futhi uveze isikhathi seminyaka eyiNkulungwane esisha esikhanyayo ukwenzela unyaka ozayo.

580 Ngenkathi, sibona zonke lezi, isambulo esikhulu esikathathu: uNkulunkulu kuKristu; uKristu eBandleni; uMbuso ozayo. U-Adamu no-Eva bahlengwa babuyela ensimini yase-Edene, ekumeleleni kukaKristu noMlobokazi waKhe, futhi khona-ke uMbuso usuzobuyiselwa ngokwesithembiso saKhe. Makabongwe uNkulunkulu! Manje, ngokwambulwa kwemfihlakalo ekathathu, imfihlo, nangeZwi elifakazelwe siqu salo ngobuNhloko baKhe basekuqaleni!

581 Hhayi ukuthi, "Awu, udumo kuNkulunkulu, siyamemeza; haleluya, siyacula." Lokho, lokho akusikho. Ngiyisithunywa senkolo. Sengike ngaba izikhathi eziyisikhombisa, empeleni, emhlabeni. Niyabo? Ngibabonile abahedeni, odeveli, nakho konke okunye, besina futhi bememeza. Ngibone zonke izinhlobo zokubonakaliswa kwenyama. Okungokwenyama.

582 Kodwa ngikhuluma ngobuNhloko bukaKristu. Qaphelani, ukukhonjwa siqu ngobuNhloko basekuqaleni, sinempendulo

yombuzo kadeveli. Amen! Udumo! Sinayo impendulo yombuzo kadeveli. Yena, uKristu, uvukile futhi ulikhokhile inani, futhi uphakamisa iNhloko . . . noma uMzimba.

583 Udeveli akakwazi ukukumela. Yingalesosizathu lemibuso yenkolo yobukristu iyamiswa. Yingakho bonke beza kulokhu abakwenzayo manje. Udeveli, yingalesosizathu eklabalasa ngendlela ayiyo. Ububi bakhe buye baba . . . icebo lakhe lokuphamba lembuliwe ngovusiwe, uKristu ovukile ebuNhlokweni phezu koMzimba waKhe. Udumo!

584 Nicabanga ukuthi ngisangene na? Angisangene. Sinempendulo kadeveli. "Akumina ophilayo, kodwa uKristu iZwi ophila kimi." Akuwona umbono wami; ngaMandla aKhe. Hhayi umbono wami; yiZwi laKhe. Wakwethembisa; nakhu. Wathi kuyoba lapha, futhi nakhu. Sinempendulo yakhe.

585 UKristu uvukile futhi ukhokhe inani lokuhlengwa kwethu. Lokho uNkulunkulu kuKristu akubonakalisile, Wanikeza leyonyama, lokho neGazi; ukuze eGazini kufike ukuPhila, nenyama ihlengwe, ukuthi—ukuthi uNkulunkulu kulenyama ehlengiwe angabonakalisa iZwi laKhe losuku njengoba Enza ngalolosuku. Whewu! Udumo!

586 Niyakubona na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] O, he! Ngingama nini na? Kuqapheleni. ["Qhubeka!"]

587 Manje-ke, sima silungisisiwe eBukhoneni bukaNkulunkulu. Njengeconsi likayinki liconsela ku—ku—kubhavu ogcwele isihlanzi iblishi, awusoze wathola ibala likayinki futhi. Liye ndawo ndawo. Ngeke liphinde libuye. Futhi uma umuntu ehlengiwe ngokweqiniso, leyoMbewu eyamiselwa ngaphambili eLibonayo futhi liLemukele, izono zakhe zibhidliziwe. Selihambile. Lehlukanisiwe. Liphonswe kuyinki we—weGazi likaJesu Kristu, futhi alisoze lakhunjulwa. UNkulunkulu uyalikhohlwa. Futhi umi njengendodana nendodakazi kaNkulunkulu, eBukhoneni bukaNkulunkulu. Amen futhi amen! "Manje singamadodana kaNkulunkulu." Hhayi ukuthi *sizoba* yiwo; siyiwo! Manje sihlengiwe.

588 Sinayo impendulo kaSathane. UNkulunkulu uZiqinisekisile. UNkulunkulu Uzifakazisile, esethembisweni saKhe kulolusuku. Haleluya! UbuNhloko bulapha. Amen! UKristu, iNkosi evukile, ilapha eMandleni afanayo okuvuka kwaKhe Ayelokhu eyikho, eZibonakalisa. Nanso impendulo kadeveli.

589 Kungalesosizathu ngenkathi lendoda ehlezi lapha, yawa yafa ngolunye usuku, ihlezi lapha, singasho ukuthi, "Buya, mpilo!" Isizathu, uMoya oNgcwele washo njalo.

590 Yingakho kwakungakwenza kuleyongane encane ngaleya eMexico, yayikade ifile cishe amahora ayishumi nanhlanu, lapho umbono ufika futhi wathi, "Yibize ibuye ekufe- . . . ukuphila." Futhi wathi, "Vumela ingane encane iphile." Nengane odokotela

ababhala isitatimende, yafa ngehora lesishiyagalolunye nqo ngalokho kusa, futhi ihora leshumi nanye ngalobobusuku yabuyela ekuphileni; iyaphila namuhla.

591 Kuyini na? Hhayi labobantu. UbuNhloko kanye noMzimba sekungubunye obubodwa. NguNkulunkulu ebonakaliswa kubantu baKhe. Yingalesosizathu indoda nomfazi bengasebabili; bamunye. UNkulunkulu neBandla laKhe munye, "UKristu kuwe," Isambulo sikaNkulunkulu esikhulu. Udumo kuNkulunkulu! Ngisho nokuthwala iGama laKhe; iGama laKhe nguJesu, oGcotshiweyo. Isizathu sokuthi abizwe ngoJesu, UngoGcotshiweyo. NguMzimba kaKristu ogcotshiwe, ufakazisa, wabonakalisa uNkulunkulu njengoba kwenza Lowomzimba. Futhi Lowomzimba wahlenga konke lokhu, lemizimba, futhi lapho uNkulunkulu usebenza ukubonakaliswa kwaKhe okukathathu, eya eMbusweni. Ovukile, wakhokha intengo! Sihlengiwe. UNkulunkulu ukufakazisile, wakuqinisekisa. Niyabo?

592 Futhi simi silungisisiwe kuKristu, phambi kwaKhe. Ngoba, Angeke akhiphe isahlulelo, ngokuba Usevele uwahlulele lowoMzimba, engiyingxenye yawo. Ini, ngiyingxenye yawo kanjani na? *NaNku*; Ukimi. "Uma owaMi . . . nihlala kiMi, namaZwi aMi kini, khona-ke enikushoyo . . . Celani uBaba noma yini eGameni laMi, kuyokwenziwa, ngoba Lilapho." Ulungisisiwe! Udumo kuNkulunkulu!

593 O, ukuba bengingathola izwe ukuba libone lokho! Ngani na? Nakho la ukhona. Nanko uMzimba kaKristu ophilayo, umile uhlengiwe. Uhlengiwe! O, he!

594 Walungisiswa emehlweni aKhe! Kungani silungisiswa na? Singukunqoba kwaKhe. IBandla lingukunqoba kwaKhe. Siyaphuma kulolu izinsuku zokugcina naleliVangeli elikhazimulayo, likhombisa ukunqoba kwaKhe. Wafela lenhloso, futhi siwubufakazi bokunqoba kwaKhe. Amen! Lapho siMbona ehla futhi ehlala phakathi kweBandla, lokho ngukunqoba kwaKhe. Kukhombisa ukuthi akakwazanga ukuMgcina ethuneni, kanjalo ngeke bakwazi ukusigcina. Kunjalo. Siboshwe kahle. Futhi sesivele, sekungashiwo, sivukile, ngoba sivukile kwabafileyo, ukungakholwa eZwini laKhe, kusukela ezivumwenikholo zamahlelo, kuya eZwini laPhakade likaNkulunkulu oPhakade; okunguYe, uqobo lwaKhe, esebenza ngathi, eZibonakalisa ukuthi Unguye izolo, namuhla, naphakade.

595 Bese kuthi-ke iZwi liqhubeka lehle lingene eMzimbeni, lisuka eNhlokweni. Kuyini na? LeliZwi elifanayo. Akukho okungengezwa noma kususwe kuLo. Ngakho-ke leloZwi elifanayo lihamba lisuka eNhlokweni, njengoba uSuku lusondela, lehlele eMzimbeni, lehlele eMzimbeni, liqinisekisa ukuthi baMunye. BanguMyeni noNkosikazi. Bayinyama

yenyama yaKhe, iZwi leZwi laKhe; ukuPhila kokuPhila kwaKhe, uMoya woMoya waKhe. Niyabo? Amen! Ukwazi kanjani na? Uthela izithelo ezifanayo, isithelo esifanayo, iZwi elifanayo. Niyabo? Ubonakalisa uKristu; ukuPhila okufanayo, uNkulunkulu ofanayo, uMoya ofanayo, iZwi elifanayo, iNcwadi efanayo! Amen! Izibonakaliso ezifanayo, "Izinto eNgizenzayo nani niyozenza." O, haleluya! He!

596 Qaphelani, iZwi eliqinisekisiweyo eMzimbeni waKhe liwukunqoba kwaKhe impela nesizathu sokufa kwaKhe. Niyabo, ukufa, hhayi eMoyeni; ngenkathi Efa, Wafa enyameni kuphela. UMoya waKhe waya esihogweni futhi washumayela emiphefumulweni esekuboshweni. Kunjalo na? Inyama yaKhe, kuphela, yafa, khona-ke Waphinda wayivusa futhi wayiphilisa. *Ukuphilisa* kusho "kwenziwe kwaphila," inyama yaKhe, okwakungumzimba waKhe. Futhi lelo yiZwi. Sekuyiminyaka lilele lifile, kodwa kancane kancane Liqala ukufika enguqukweni, futhi manje Limi ngezinyawo zaLo!

597 O, ngifisa kanjani ukuba benginesikhathi sokubuyela kuHezekeli, futhi ngidonse lawo "mathambo omile," futhi nginikhombise. Wathi, "Lamathambo angaphinde aphile na?"

Wathi, "Profetha!"

598 Isiprofetho singafika kanjani na? Ngomprofethi kuphela. YiZwi leNkosi. "Yizwani, mathambo omile, iZwi leNkosi!" Futhi imisipha, isikhumba sifika phezu kwawo, futhi ama aba ibutho elinamandla, futhi aqala ukumasha ebheke ngaseSiyoni. Udumo kuNkulunkulu! Lowo nguYe. Lowo nguYe, ukunqoba.

> Abahlengiweyo beNkosi bayakuza eSiyoni ngokuthokoza,
> Zonke iziNtaba zaKhe ezingcwele akukho lutho olulimazayo noma oluyobhubhisa. (Hhe.)

599 Ufakazisa ukuPhila kwaKhe kokuvuka ngaleyonkathi njengoba EZiqinisekisa. Yena, uMlobokazi, uzimele kubo bonke abanye. UngoweSifazane ozimele, iNyoni enkulu emanakanaka ehlukile kuzo zonke ezinye. Niyalikhumbula iBhayibheli kulokho, "Inyoni enkulu emanakanaka." Kodwa, YayineGama laKhe, YayinokuPhila kwaKhe. Okwe . . .

600 Bayenza yaba manakanaka kanjani inyoni na? Zombili zazimhlophe, base bedoncula ikhanda lenye inyoni base bemunca igazi phezu kwenye inyoni. Nenye inyoni yayimanakanaka ngegazi elibomvu, futhi yabhakuzisa amaphiko ayo *kanje*, negazi lakhala, "ingcwele, ingcwele, ingcwele," lapho ligeza umhlabathi.

601 Ngakho-ke uKristu, uMata ofileyo, wafaka iGazi laKhe, iGazi laKhe eliphuma ekuPhileni kwaKhe, kithi; fafaza-. . . ethwele iGazi laKhe, ekhala, "Ingcwele, ingcwele, ingcwele, eNkosini!" Inyoni ebukeka iyinqaba. Impela, injalo. Kodwa

Yena, uMlobokazi, u—ukhonjwa nguYe, futhi Uzimele kubo bonke abanye. "Igcine kuye kuphela zonke inqobo uma nobabili nisaphila. Gcina kuYe kuphela, iZwi," qhabo, akukho ukuphinga, akukho nolulodwa uphawu lwehlelo, akukho nolulodwa uphawu lwesivumokholo, akukho kuphinga nhlobo. IZwi, futhi Yena yedwa!

602 "KuKristu idwala eliqinile ngimile, yonke eminye imihlabathi iyiziyizihlabathi ezibishayo," kwasho u-Eddie Perronet. E-hhe.

603 Yilokho-ke, uKristu, iZwi! WayeyiZwi; UyiZwi. NeBandla liba yiZwi, ngaYe eLenza libe yingxenye yaKhe, nalelo yiZwi futhi. Ukhonjwe nguYe siqu sakhe, impahla yaKhe yodwa! Impahla yaKhe yodwa! Uhlengwe nguYe, ngaYe, ngenxa yaKhe, futhi ngenxa yaKhe yedwa. Kunjalo. Manje-ke, lokho udeveli aklabalasa ngakho, ukuthi kuyembulwa.

604 Sisesikhathini esiyingozi. Khumbulani, umBhalo uthi, lapho lezi zinto ziqala ukwenzeka, "isikhathi asisekho." Siyashabalala, lapho sibona ukubonakaliswa.

605 "Ukuzamazama komhlaba." Niyazibona lezo zinkulungwane ezabulawa ngolunye usuku na? "Ukuzamazama komhlaba ezindaweni ezahlukene."

606 Wathi, "Izinto ezesabekayo ezibhakabhakeni, izinsika zomlilo," njengokuthi, kuntanta njengamasoso andizayo. Abazi ukuthi kuyini. Niyabo? Abanawo umqondo.

607 Niziqaphelile iziNgelosi ezehlayo, zahlola iSodoma ngaphambi kokuba iSodoma libhujiswe na? Niyakukhumbula lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kwakukhona isigejane saZo zehla, ezintathu zaZo. Enye yaZo yahlala no-Abrahama. Niyakukhumbula lokho na? ["Amen."] KwakuneziNkanyiso ezivela eZulwini, ezehla ekwahlulelweni okuhlolayo. Okoyedwa . . .

608 Bukani lapho zonke zitholakala khona. NgasePentagon, nezinto, bayazithola. Lokho ngukwahlulelwa komhlaba, iSodoma. Futhi kukhona Oyedwa omele, oyomelwa phakathi kwamabandla, kuyoba nguKristu qobo lwaKhe, eZiqinisekisa. Niyabo? "Izinto ezibonakalayo e-. . .emazulwini phezulu, nezibonakaliso emhlabeni phansi." Impela.

609 Kukhonjiwe! O, udeveli uyaklabalasa ngalokhu: iQiniso elibonakalisiweyo lesithembiso seZwi kuYe yedwa.

610 Abanayo impendulo. Lapho uJesu efika, kungani labo baFarisi na? Wathi, "Uma Ngikhipha odeveli ngomunwe kaNkulunkulu, nina niwakhipha ngobani na?" Niyabo? Wazimela yedwa.

611 NeBandla laKhe lizimele lodwa. Akafakwanga lutho. Kodwa Wakhonjwa nguNkulunkulu, engumzimba uNkulunkulu ayehlala kuwo; neBandla likhonjwa nguMzimba waKhe, lenza

into efanayo. LinguMzimba waKhe, iQiniso elibonakalisiweyo leZwi laKhe elithenjisiwe lezinsuku zokugcina. Futhi Lona, futhi Lona lodwa, umi ngakuLo. Yingakho udeveli eklabalasa, lezizinhlangano ezinkulu, ukumisa okuthize ukuLivala. Abasoze bakwenza. Lizokwenyuswa, hhayi livalwe. Manje seLivukile, nangamandla eZwi eliqinisekisiwe elithenjiswe kuYe. Amen!

612 Ukuthi uMlobokazi usibambe kanjani lesosithembiso! "Wangitshela ukuthi Uyobuya emva kwami. Ngizokukholwa." E-hhe. Niyabo? Yebo, mnumzane. Ukuhlangana nobuNhloko baLo, uMhlengi waLo, uMyeni waLo, iNkosi yaLo, iNkosi yaLo, Is'thandwa saLo, uMsindisi waLo, endaweni yokuhlangana ehlinzekiwe!

613 Unendawo yokuhlangana naBo. Niyazi, Yena—Yena . . . UMyeni akashiyi lutho. Unendandatho, inkomba. Unengubo eLiyigqokayo, ingubo yaLo. Niyabo? Futhi Unendawo ehlinzekiwe yokuhlangana naLo, leyo isemoyeni. Konke sekuhlinzekiwe. UseneSidlo sakusihlwa soMshado sesivele silungisiwe; izihambeli sezivele zimenyiwe, sezivele zikhethiwe. Zonke iziNgelosi zimi nxazonke, izinceku zaKhe, zibhekile. O, o, o, o, o!

> O, kuzoba nomhlangano emoyeni,
> Kulelo elihle, elihle-hle;
> Ngizohlangana nani, ngizohlangana nani ngaLeya
> KuleloKhaya ngaleya kwesibhakabhaka;
> Ukucula okunje pho engake ngakuzwa, okwake kweziwa yizindlebe ezifayo,
> Kuyokhazimula, ngiyamemezela!
> Futhi iNdodana kaNkulunkulu uQobo, Iyoba Eholayo, (Ukubonakaliswa okugcwele kukaNkulunkulu.)
> Kulowo mhlangano emoyeni. (O, he!)

614 Bhekisisani iziqinisekiso zaKhe manje.

> Niyizwile i—zwile indaba kaMose ebungeni,
> Nizwile ngoDavide ongesabi nendwayimane yakhe;
> Niyizwile indaba eyaxoxwa ngoJosefa ophuphayo,
> EkaDaniyeli nezingonyama esivame ukuyicula.
> O, baningi, abaningi abanye abaqinisekiswa eBhayibhelini,
> Ngilangazelela kanjani ukuhlangana nabo bonke, ngiyamemezela!
> Masinya iNkosi izosivumela ukuba sihlangane nabo,
> Kulowomhlangano emoyeni.

Ngokuba kuzoba nomhlangano emoyeni,
Kulelo elihle, elihle-hle;
Futhi ngizohlangana nani, nginibingelele ngaLeya
KuleloKhaya ngaleya kwesibhakabhaka;
Ukucula okunjalo okwake kwazwiwa, kwazwiwa yizindlebe ezifayo,
Kuyokhazimula, ngiyamemezela!
Futhi iNdodana kaNkulunkulu uQobo iyoba Eholayo
Kulowo mhlangano emoyeni. (O, he!)

615 Anikuthandi lokho na? Manje inhloso ekathathu yemfihlakalo yaKhe enkulu yesambulo yembuliwe. UnguYe oyinhloko. Lowo nguYe. O, he! Asilicule. Angisakwazi ukushumayela. Ngizizwa ngikahle kakhulu, niyabo.

O, kuzoba nomhlangano emoyeni,
Kwelihle, elihle-hle;
Futhi ngizohlangana nani, nginibingelele ngaLeya
KuleloKhaya ngaleya kwesibhakabhaka;
Ukucula okunjalo okwake kwazwiwa, kwazwiwa ngendlebe efayo,
Kuyokhazimula, ngiyamemezela!
Futhi iNdodana kaNkulunkulu uQobo, Iyoba Eholayo
Kulowomhlangano emoyeni.

616 Niyahamba na? Amen! Ngomusa kaNkulunkulu, ngomusa kaNkulunkulu! Niyabo? O, he!

Nizwile ngoMose omncane ebungeni,
Nizwile ngoDavide ongesabi nendwayimane yakhe; (Lezo yizo zonke izifanekiso.)
Niyizwile indaba eyaxoxwa ngoJosefa ophuphayo,
NangoDaniyeli nezingonyama esivame ukuyicula.
O, baningi, abaningi abanye eBhayibhelini, (OkunguYe)
Futhi ngilangazelela ukuhlangana nabo bonke, ngiyamemezela!
Masinya iNkosi izosivumela ukuba sihlangane nabo
Kulowo mhlangano e . . .

617 Kodwa kukhona oyedwa Oyinhloko!

O, kuzoba nomhlangano emoyeni,
Kwelihle, elihle-hle;

Ngizohlangana nani, ngibingelele ngaLeya
KuleloKhaya ngaleya kwesibhakabhaka;
Ukucula okunjalo okwake kwazwiwa, kuzwiwa ngezindlebe ezifayo,
Kuyokhazimula, ngiyamemezela!
Futhi iNdodana kaNkulunkulu uQobo, Izoba Eholayo
Kulowomhlangano emoyeni.

618 Manje, sizohlangana omunye nomunye ngaLeya. Makuthi sonke, amaMethodisti, namaBaptisti, nanoma ngabe uyini, ozelwe ngokusha ngoMoya kaNkulunkulu, nixhawulane omunye nomunye njengoba silicula.

O, kuzoba nomhlangano emoyeni,
Kulelo elihle, elihle-hle;
Ngizohlangana nani, futhi nginibingelele ngaLeya
Kulelokhaya ngaleya kwesibhakabhaka;
Ukucula okunjalo konke okwazwiwa, kuzwiwa ngezindlebe ezifayo,
Kuyokhazimula, ngiyamemezela!
Ngokuba iNdodana kaNkulunkulu uQobo izoba Eholayo
Kulowomhlangano emoyeni.

619 O, o, o! O, lokho kuyamangalisa, niyabo, niyabona ukuthi Uyoba yini. Manje bukani.

620 Sekumele sivale nje bangane. Sekucishe kube ihora lesibili nqo, niyabo, futhi sizo—sizoba lapha ngesidlo sakusihlwa. Ngisenekhasi nekhasi nje lalokhu namanje, niyabo, ngakho-ke sizovele sivale kulokhu. Akukho ukuphela kukho.

621 Yisambulo. KuPhakade njengoba iZwi likaNkulunkulu liPhakade. Bukani, kodwa inhloso ekathathu yemfihlakalo enkulu kaNkulunkulu iyembulwa! UNkulunkulu ebonakaliswe kuKristu; uKristu ebonakaliswe eBandleni; ukuze ahlenge u-Eva olahlekile abuyele esimweni sasekuqaleni ensimini yase-Edene. O, he!

622 O, kuzoba nezikhathi ezimnandi ngaloloSuku! Ya. Kukhona manje. Siyakukholwa. Anikukholwa na? Ngicabanga nje ngaleloculo njalo uma ngicabanga ngakho.

623 WaZiqinisekisa kuDaniyeli, nakuMose, nakuJeremiya. Babeyini na? Abaprofethi iZwi elafika kubo, niyabo, lawomadoda amakhulu. Niyabo, niyizwile indaba ixoxwa ngoJosefa ophuphayo, niyabo, noDaniyeli emphandwini wezingonyama, nazo zonke lezi ezinye, niyazi. Bona, lokho, babeyini na? Abaprofethi. Niyabo? Kodwa Omkhulu . . . UNkulunkulu nje waye, okwesikhashana, efanekisa kubo.

624 WaZifanisa ku-Adamu, azi okwakulungile, kodwa waphuma ukuyohlenga umkakhe, ngoba wayenephutha. UKristu

akazange adingeke ukuba abe yisono, kodwa Waphuma futhi wathatha isono, ukuze ahlenge umntwana waKhe olahlekile. Niyabo? Niyabo? WaZifanekisa.

. . . noMose ebungeni,
Nizwile ngoDavide ongesabi nendwayimane yakhe;
Niyizwile indaba ixoxwa ngoJosefa ophuphayo, (Umprofethi.)
NangoDaniyeli nezingonyama esivame ukulicula.
O, kunabaningi, abaningi abanye eBhayibhelini,
Futhi ngi . . .

625 Bona, bayiBhayibheli.

Futhi ngi . . .

Bonke babonakaliswa kuYe, nokho. Niyabo? Ngaphandle kwaKhe, bonke bahambile. Niyabo? Futhi ngifanele ngibe yingxenye yaLokho, ukuba ngibe nguYe. Amen! Niyabo?

Futhi ngilangazelela ukuhlangana nabo bonke, ngiyamemezela. (Kunjalo.)
Kodwa iNdodana kaNkulunkulu uQobo, Iyoba yileyo Eholayo
Emhlanganweni emoyeni.

626 AmaHeberu 11, athi, "Babengeke baphelele ngaphandle kwethu." Izandla nezinyawo ngeke ziphelele ngaphandle kobuchopho, ulwazi, ikhanda, nokunye nokunye. Niyabo? Futhi sonke siphelelisiwe kuYe, "Ngakho-ke ngaMoya munye sonke sibhaphathizelwa eMzimbeni munye," sikhululekile ekwaHlulelweni; sedlula esonweni, sangena ekufeni . . . Amen! "INdodana kaNkulunkulu uqobo iyoba Eholayo kulowomhlangano emoyeni." NiyaMthanda na?

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
Ngoba . . .

627 Nkosi Jesu, ugcobo lukaMoya oNgcwele lufika phezu kwalamaduku, Nkosi, futhi luphulukise abagulayo. Kwangathi kungaba njalo, njengoba bekubeka phezu kwakho. Ngikhulekela ukuthi Uyokwenza kanjalo, eGameni likaJesu. Amen.

. . . umuthi waseKalvari.

628 Cabangani nje, "UKristu, wembuliwe," phakathi ngqo kithi manje, khona manje kithi. Wakwenza kanjani, Wembulwa kanjani na? Ngoba Wangithanda kuqala. Wenzani na?

Wang'thengel'insindiso
E . . .

629 Udumo! LeyoNgelosi enkulu yeSivumelwano, leYo EyayinoMose ehlane, leYo Eza kuPawulu endleleni ebheke

eDamaseku, leyo Efanayo eyavumela isithombe saYo ukuba sithathwe kanye nathi; Efanayo eyayisesithombeni ephephabhukwini i*Life* ngoluny'usuku; iZwi elifanayo, ngoNkulunkulu ofanayo, ngemigudu efanayo, ngendlela efanayo, ngesithembiso esifanayo! "Nomaphi lapho kubuthene ababili noma abathathu eGameni laMi, Ngikhona phakathi kwabo." Khona-ke Ulapha. "IziNgelosi zikaNkulunkulu zikanise nxazonke ngakulabo abaMesabayo," lokho kulenga eZwini laKhe kuphela. Akekho umuntu ongahlonipha leloZwi ngaphandle kokwesaba uNkulunkulu. Niyabo? Manje-ke, Nangu lapha phakathi kulokhu ukusa, kanye nathi, njengoba siMkhonza ngoMoya.

630 O, kusukela uMlayezo onzima njengalona, ngicabanga ukuthi besifanele nje siMkhonze kancanyana ngoMoya. Niyabo, valani nje amehlo enu futhi masicule lelo kuYe futhi, "Ng'yamthanda, ng'yaMthanda," njengoba ni—niphakamisa izandla zenu, njengokuthi, kuYe.

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
Ngoba . . . wang'thanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

O, he, siMthanda kanjani!

Ukukholwa kuYise, ukukholwa eNdodaneni,
Ukukholwa kuMoya oNgcwele, laba abathathu baMunye;
Amademoni ayothuthumela, nezoni ziphaphame;
Ukukholwa kuJehova kwenza yonke into ithuthumele.

631 Amen! Udumo kuNkulunkulu! SiMthanda kanjani! Mkhonze nje enhliziyweni yakho manje, Mdumise nje, nje—nje cabanga ukuthi Wenze kahle kangakanani. Buka lokho Asenzele khona. Kuyo yonke le minyaka yemibono, akukho nowodwa oke wehluleka. Konke Akusho kuyofezeka, kuza ngayo impela nje indlela Akusho ngayo.

632 Ngiyanithanda. Ningayikhohlwa imiyalo kaNkulunkulu kini, bantwanyana, "Thandanani." Thanda wonke umuntu. Olungile noma ongalungile, isoni noma ongcwele, bathande, noma kanjani. Uma ungakwenzi, khona-ke khuleka uNkulunkulu ukuba akusize, ngoba uNkulunkulu wasithanda isoni. Nemvelo kaNkulunkulu ikuwe. Uma indoda inephutha, ithande, noma kanjani. Ungahlanganyeli ezonweni zayo. Niyabo? Ningahlanganyeli ezonweni zayo. Kodwa ngomoya omuhle, hhayi ngobumuncu nokusola, ngomoya omuhle mtshele ngethemba lokuPhila elihlezi ngaphakathi kwakho, ngoJesu Kristu embulwa kuwe ngoMoya oNgcwele.

Hamba neGama likaJesu,
Mntwana wokudabuka nowosizi;
Liyakukunikeza injabulo nentokozo,
O, Lithathe (Ungakhohlwa manje.) noma uyaphi.

O, eliligugu . . . (Lelo Gama!) . . . O . . .

633 SineGama laKhe. Sibizwa ngeGama laKhe.

Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu;
Gama eliligugu, O limnandi kangaka!
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu.

634 Manje ngizoninika imfihlo encane, ngize ngihlangane nani futhi, khumbulani lokhu, njengoba sima, khumbulani lokhu:

NgeGama likaJesu siyakhothama,
Siwa sikhuleka ezinyaweni zaKhe,
INkosi yamakhosi eZulwini sizoYithwesa umqhele, (SizoYithwesa umqhele!)
Lapho uhambo lwethu selufeziwe.

Gama eliligugu, (Gama eliligugu!) (O limnandi kangaka!)
Themba le . . .

635 Ini? Isambulo esikathathu! Themba nokwethaba kweZulu, kwembulwe kuYe.

Gama eliligugu, (Gama eliligugu!) O limnandi kanfaka!
Themba lomhlaba nokwethaba kwe . . .

636 Ini? Ithemba lomhlaba nokwethaba kweZulu, konke kubonakaliswa kuKristu. UNkulunkulu, iBandla, konke okunye, kubonakaliswa kuKristu. IBhayibheli nguKristu. IBhayibheli liyiZwi elilotshiwe. Okungukuthi, UyiZwi. Ukubonakaliswa kwaLo kuwubufakazi obubonakalayo bokuPhila kungena enyameni yeZwi, ukuLibonakalisa. O, akumangalisi yini!

Thatha iGama likaJesu na . . .

Manje lalelisisani manje.

NjengeSihlangu . . . (Ningakukhohlwa lokho manje.) . . . bonke onoxhaka;
Lapho izilingo zikuzungeza, (Ufanele wenzeni na?)

Vele uphefumule leloGama eliNgcwele ngomkhuleko.

Gama Eliligugu, (Gama Eliligugu!) O limnandi kangaka! (O, limnandi kangaka!)
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu;
Gama eliligugu, (Gama eliligugu!) O limnandi kangaka!
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu.

637 Ungazi . . . Kusobala, njengoba ungokomoya, ubheka izinto ezingokomoya. Ungakwazi lokhu; uNkulunkulu uyakwazi. Kodwa uma uzophenduka futhi ubuke iwashi lasodongweni, lisechashazini, elesibili nqo, ukuphela koMdonso wesiBili. UMdonso wesiThathu ususondele! Niyabo?

NgeGama likaJesu siyakhothama,
Siwa sikhuleka ezinyaweni zaKhe,
INkosi yamakhosi eZulwini siyoYethwesa umqhele,
Lapho uhambo lwethu seluphelile.

Gama eliligugu . . .

UMdonso wesiBili sewubonakalisiwe!

Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu;
Gama eliligugu, O limnandi kangaka!
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu.

638 Niqaphelile yini ukuthi uMoya uthatha iculo elifanayo futhi uliphindaphinde phezulu kanjalo na? UMdonso olandelayo ususondele! Amen! E-hhe.

Hamba neGama likaJesu,

Kuleyithi kunoma ucabanga!

. . . dabuka nowosizi;
Liyakukunikeza injabulo nentokozo,
O, lithathe noma uyaphi.

Gama Eliligugu, (Gama Eliligugu!) O limnandi kangaka!
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu;
Gama Eliligugu, O limnandi kangaka!
Themba lomhlaba nokwethaba . . .

Manje uma kufika izilingo, wenzani na?

Hamba neGama likaJesu,
Njengesihlangu kubobonke onoxhaka;
Lapho izilingo . . . (Into ethile ezokwenza ungakholwa manje.) . . . butha,
Khumbula nje, phefumula leloGama eliNgcwele ngomkhuleko.

Gama Eliligugu, O limnandi kangaka!
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu;
Gama Eliligugu, (Gama Eliligugu!) O limnandi kanjani!
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu.

639 Asikhothamise amakhanda ethu manje, wonke umuntu, ngenhlonipho yokuzithoba. Bukani manje.

NgeGama likaJesu khothama . . .

640 [Izilimi nokuhumusha kuyanikezwa—Umhl.] Manje uma niqonda, uMoya weNkosi wehlela emhlanganweni, phezu kwezilimi ezingaziwa, ukhuluma endodeni engazi; ukukuhumusha ngenye indoda engazi. IZwi leNkosi! Niyakhumbula ngenkathi isitha sikhuphuka futhi babengazi ukuthi babeyokwenzani na? UMoya weNkosi wehlela phezu kwendoda, futhi wembula okwakumelwe kwenziwe. O, he!

641 Sikhothamise nje amakhanda ethu manje, ngokuzithoba. UNkulunkulu anibusise.

Size sibonane! size sibonane!
Size sibonane ezinyaweni zikaJesu;
Size sibonane!

Kulungile, melusi.

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.


Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:


VOICE OF GOD RECORDINGS

P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.

www.branham.org